

# Uhlelo Lokuthuthukisa Izibalo Zebanga R

## Grade R Mathematics Improvement Programme

# Umhlahlandlela Wemisebenzi: Ithemu 4 Activity Guide: Term 4



IsiZulu | English

The Grade R Mathematics and Language Improvement Project is an initiative of the **Gauteng Department of Education** and its key partner, the **Gauteng Education Development Trust**.

The development and production of the training and classroom resources for the Grade R Mathematics and Language Improvement Project were made possible by generous project funding from the **United States Agency for International Development** and the **Zenex Foundation**.

The Grade R Mathematics and Language Improvement Project is managed by **JET Education Services** with **UCT's Schools Development Unit** and **Wordworks** as technical partners.

The **Schools Development Unit** (SDU) at the **University of Cape Town** (UCT) is the mathematics technical partner to the Grade R Mathematics and Language Improvement Project. The SDU is a unit within UCT's School of Education that focuses on teachers' professional development in Mathematics, Science, Literacy/Language and Life Skills from Grade R to Grade 12. The SDU offers teacher qualifications and approved UCT short courses, school-based work, materials development and research to support teaching and learning in all South African contexts.

This edition of the mathematics materials has benefitted from collegial engagement with Wordworks colleagues and has been improved by their alignment with the materials of the Language Improvement Programme. It has been enriched by the work of officials of the Gauteng Department of Education's Early Childhood Development and Foundation Phase Curriculum Sub-Directorates at District and Provincial level who have made valuable contributions to the content of the materials and engaged constructively to ensure alignment with provincial policies, practices and values.


## ACKNOWLEDGEMENTS

Special thanks to:

- ★ The Gauteng Department of Education Curriculum, Teacher Education and Special Education Directorate officials for their contribution to the adaptation of our materials.
- ★ Colleagues from Wordworks, language technical partners on the Grade R Mathematics and Language Improvement Project, for collaborating on the materials development.
- ★ The Western Cape Education Department (WCED) officials and teachers for their contribution to the successful implementation of the Grade R Mathematics Programme (*R-Maths*) in the Western Cape between 2016 and 2019.
- ★ The *R-Maths* writing team: SDU staff and consultants, and WCED officials.

The Grade R Mathematics Improvement Programme is adapted from *R-Maths*, first published in 2017 by the Schools Development Unit, University of Cape Town. Copyright of *R-Maths* is held by the University of Cape Town.

The Grade R Mathematics Improvement Programme is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 International Licence [Attribution-NonCommercial-ShareAlike].



This licence allows re-users to distribute, remix, adapt, and build upon the material in any medium or format for non-commercial purposes only, and only so long as attribution is given to the creator. If you remix, adapt, or build upon the material, you must license the modified material under identical terms.

To view the full conditions for this licence, visit: <https://creativecommons.org/licenses/by-nc-sa/4.0/>

Programme conceptualisation and management: Cally Kuhne and Tholisa Matheza

Translation and publishing project management: Arabella Koopman

Editing and proofreading: Ilse von Zeuner, Kathleen Sutton

Illustrations: Jiggs Snaddon-Wood

Typesetting: Jenny Wheeldon

Inside design: Magenta Media

Cover design: Jacqui Botha

Uhlelo Lokuthuthukisa Izibalo neziLimi Zebanga R luyisinyathelo **soMnyango WezeMfundo wesifundazwe saseGauteng (Gauteng Department of Education)** kanye nomlingani wawo osemqoka, i-**Gauteng Education Development Trust**.

Ukuthuthukiswa nokukhiqizwa kokuqeqeshwa kanye nezinsiza zasekilasini zoHlelo Lokuthuthukisa Izibalo neziLimi Zebanga R kuphumelele ngenxa yoxhaso olunobubele lwephrojekthi oluphuma kwi-**United States Agency for International Development** kanye ne-**Zenex Foundation**.

Uhlelo Lokuthuthukisa Izibalo neziLimi Zebanga R luphethwe yi-**Jet Education Services** ehlangene ne-**Schools Development Unit** yase-**UCT** ne-**Wordworks** njengabalingani abangochwepheshe ngamakhono athile.

I-**Schools Development Unit (SDU)** e-**University of Cape Town (UCT)** iwumlingani owuchwepheshe wezibalo kuHlelo Lokuthuthukisa Izibalo neziLimi Zebanga R. I-SDU iyingxenywe ephakathi ku-School of Education sase-UCT egxile ekuthuthukiseni kobungcweti bothisha eziBalweni, Isayensi, Ukwazi Ukufunda Nokubhala/Ulimi kanye namaKhono Empilo kusuka Ebangeni R kuya Ebangeni le-12. I-SDU inikeza iziqu zobuthishela kanye nezifundo zesikhathi esifushane ezivunye i-UCT, umsebenzi osekelwe esikoleni ukuthuthukiswa kwezinto kanye nocwaningo ukuze kusekwe ukufundisa nokufunda kuzo zonke izimo zaseNingizimu Afrika.

Lokhu kuhlelwa kwezinto zezibalo kuphuyeleliswe ukuhlanganyela nabasebenzi baka-Wordworks kwase kwenziwa ngcono ngokuqondanisa kwabo izinto zoHlelo Lokuthuthukisa Ulimi. Ictetshiswe umsebenzi wezikhulu zomkhakha wohlelo lwezifundo wokuThuthukiswa kwaBantwana Abancane kanye nesiGaba esiyisiSekelo ezingeni lesiFunda kanye nelesiFundazwe koMnyango wezeMfundo wesifundazwe saseGauteng, okuyibona abenze iminikelo ebalulekile kokuqokethwe kwezinto futhi bazibandakanya ngokwakhayo ukuqinisekisa ukuqondana, nemigomo yesifundazwe, okwenziwayo kanye nokungamagugu.


## AMAZWI OKUBONGA

Kubongwa ngokukhethekile:

- ★ Izikhulu zomkhakha woHlelo Lwezifundo, Umkhakha Wokufunda kothisha kanye nomkhakha wokuFunda okukhethekile woMnyango WezeMfundo wesifundazwe saseGauteng, ngokuzinikela kwabo ukulungisa izinsiza kufunda zethu.
- ★ Ozakwethu abaphuma e-Wordworks, abalingani abangongcweti bolimi kuPhrojekthi Yokuthuthukisa Izibalo neziLimi ngokuhlangana ekuthuthukiseni izinto.
- ★ Izikhulu kanye nothisha be-Western Cape Education Department (WCED) ngokuzinikela ekuqaleni okuyimpumelelo kwe-Grade R Mathematics Programme (*R-Maths*) eNtshonalanga Kapa phakathi konyaka wezi-2016 nonyaka wezi-2019.
- ★ Iqembu lababhali be-*R-Maths*: Abasebenzi bakwaSDU nabaxhumanisi, kanye nezikhulu zakwaWCED.

Uhlelo Lokuthuthukisa Izibalo Zebanga R lususelwe ku-*R-Maths*, eyashicilelwa okokuqala ngonyaka wezi-2017 yi-Schools Development Unit, University of Cape Town. Ilungelo lobunikazi be-*R-Maths* liphethwe yi-University of Cape Town.

Uhlelo Lokuthuthukisa Izibalo Zebanga R luvunyelwe ngaphansi kwe-Creative Commons Attribution 4.0 International Licence [Attribution-NonCommercial-ShareAlike].



Le layisensi ivumela abasebenzisi abasebenzisa kabusha ukusabalalisa, ukuxuba kabusha, ukuvumelanisa, nokwakha phezu kokuqokethwe kunoma iyiphi indlela noma ifomethi ngenjongo okungeyona eyentengiso, futhi uma uzonikezwa umsunguli. Uma uxubani kabusha, ushitsha, noma wakhela kokuqokethwe, kufanele unikeze ilayisense enemigomo efanayo.

Ukuze ubone imibandela egcwele yale layisensi, vakashela ku-: <https://creativecommons.org/licenses/by-nc-sa/4.0/>

Ukucatshangwa kanye nokuphathwa kohlelo: Cally Kuhne kanye noTholisa Matheza

Umpathi wokuhumusha kanye nokushicilela iphrojekthi: Arabella Koopman

Ukhumusha nokuhlanganisa (Izilimi zesiNguni): Pumeza Ngobozana

Ukunyushwa kwesiZulu: Bongzi Nzimande

Ukulela nokuhloliswa kwesiZulu: Bheki Ntuli

Ukulela nokuhloliswa kwesiNgisi: Ilse von Zeuner, Kathleen Sutton

Imifanekiso: Jiggs Snaddon-Wood

Ukulelwa kokuthayipha: Stacey Gibson

Ukudizayinwa kokungaphakathi: Magenta Media

Ukudizayinwa kwekhava: Jacqui Botha

# Contents

<b>Introduction</b> .....	<b>6</b>
<b>Content overview: Term 4</b> .....	<b>18</b>
<b>Week 1</b> .....	<b>22</b>
Content Area Focus: Numbers, Operations and Relationships	
<b>Week 2</b> .....	<b>38</b>
Content Area Focus: Numbers, Operations and Relationships	
<b>Week 3</b> .....	<b>54</b>
Content Area Focus: Numbers, Operations and Relationships	
<b>Week 4</b> .....	<b>70</b>
Content Area Focus: Patterns, Functions and Algebra	
<b>Week 5</b> .....	<b>88</b>
Content Area Focus: Space and Shape (Geometry)	
<b>Week 6</b> .....	<b>104</b>
Content Area Focus: Measurement	
<b>Week 7</b> .....	<b>120</b>
Content Area Focus: Numbers, Operations and Relationships	
<b>Week 8</b> .....	<b>136</b>
Content Area Focus: Numbers, Operations and Relationships	
<b>Week 9</b> .....	<b>152</b>
Content Area Focus: Space and Shape (Geometry)	
<b>Week 10</b> .....	<b>168</b>
Content Area Focus: Data Handling	
<b>Assessment</b> .....	<b>184</b>
<b>Resources</b> .....	<b>188</b>
Songs, rhymes and stories .....	188
Templates.....	203



# Okuqukethwe

<b>Isingeniso</b> .....	<b>7</b>
<b>Ukubuka konke okuqukethwe: Ithemu 4</b> .....	<b>19</b>
<b>Isonto 1</b> .....	<b>23</b>
Ingxenywe Yolwazi Okugxilwe Kuyo: Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo	
<b>Isonto 2</b> .....	<b>39</b>
Ingxenywe Yolwazi Okugxilwe Kuyo: Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo	
<b>Isonto 3</b> .....	<b>55</b>
Ingxenywe Yolwazi Okugxilwe Kuyo: Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo	
<b>Isonto 4</b> .....	<b>71</b>
Ingxenywe Yolwazi Okugxilwe Kuyo: Amaphethini, Amafankshini kanye ne-Aljebhra ('Amaphethini, ukuxhumana kanye ne-Aljebhra')	
<b>Isonto 5</b> .....	<b>89</b>
Ingxenywe Yolwazi Okugxilwe Kuyo: Indawo Nesimo (ljiyomethri)	
<b>Isonto 6</b> .....	<b>105</b>
Ingxenywe Yolwazi Okugxilwe Kuyo: Isilinganiso	
<b>Isonto 7</b> .....	<b>121</b>
Ingxenywe Yolwazi Okugxilwe Kuyo: Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo	
<b>Isonto 8</b> .....	<b>137</b>
Ingxenywe Yolwazi Okugxilwe Kuyo: Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo	
<b>Isonto 9</b> .....	<b>153</b>
Ingxenywe Yolwazi Okugxilwe Kuyo: Indawo Nesimo (ljiyomethri)	
<b>Isonto 10</b> .....	<b>169</b>
Ingxenywe Yolwazi Okugxilwe Kuyo: Ukusetshenziswa Kolwazi ('Ukuqokelelwa kolwazi lwezibalo')	
<b>Ukuhlola</b> .....	<b>185</b>
<b>Izinsiza</b> .....	<b>189</b>
Amaculo, imilolozelo nezindaba .....	189
Amathempulethi .....	203

# Introduction

The Grade R Mathematics Improvement Programme (Grade R Maths) is based on a good knowledge of mathematics, an understanding of the progression in the Grade R curriculum, and a realisation that some teaching approaches are better suited to promote particular learning and outcomes.

The Grade R Maths *Activity Guide: Term 4* offers a structure for teaching maths in the fourth term of Grade R by:

- sequencing the content of each Mathematics Content Area across ten weeks
- providing progression and pacing within the five Content Areas
- focusing on one main Content Area per week (However, topics from other Content Areas may be introduced and practised during that week. Number-related learning and teaching takes place every day and is integrated into all the Content Areas.)
- suggesting activities for whole class, teacher-guided and independent group work.

## Features of Activity Guide: Term 4

The following features form part of *Activity Guide: Term 4*:

- A content overview shows the new knowledge and practice focus per week.
- Term, week and Content Area Focus are clearly stated at the beginning of each week.
- Topics, New knowledge and Practise boxes show what will be covered in the week.
- New maths vocabulary to be taught is listed per week.

Topics	New knowledge	Practise
<ul style="list-style-type: none"><li>• Properties of shapes</li></ul>	<ul style="list-style-type: none"><li>• Sort shapes according to size, colour and shape</li><li>• Shape conservation</li></ul>	<ul style="list-style-type: none"><li>• Oral counting: forwards 0–20 and beyond, backwards 10–0</li><li>• Counting objects 1–10</li><li>• Shapes: circle, square, triangle, rectangle</li><li>• Figure-ground perception</li></ul>
<b>New maths vocabulary</b>		
sharp	round	

- A list is given of what you need to prepare for each week.
- Tip boxes give ideas and reminders.
- Integration boxes suggest how the maths can be reinforced in other subjects and daily activities during the Grade R daily programme.
- 'Check that learners are able to' boxes guide observation and continuous assessment.
- A continuous assessment page is based on the term's activities.
- Resources and templates are included at the back of the guide.

## Grade R Maths in the daily programme

Routine is important and learners enjoy the repetition and feel secure when they know what to do and what is expected of them.

Planning is also important to ensure that the routine runs smoothly. Read the contents for the week and prepare all the materials you will need for each day in advance. Set out the materials for the day beforehand so that everything is ready in the morning.

Grade R Maths suggests a sequence of activities that are repeated daily over a five-day week.

Classroom organisation and activities that can be used to teach and reinforce maths concepts are suggested per week. These include:



# Isingeniso

Uhlelo Lokuthuthukisa Izibalo ZeBanga R (u-Grade R Maths) lusekelwe olwazini oluhle lwezibalo, ukuqonda inqubekelaphambili kwikharikhulamu Yebanga R, kanye nokuqonda ukuthi ezinye izindlela zokufundisa zifanele ukugqugqezela ukufunda kanye nemiphumela ethile.


*Umhlahlandlela Wemisebenzi: Ithemu 4 ka-Grade R Maths* unikeza uhlaka lokufundisa izibalo kwithemu yesine yeBanga R ngalokhu:

- kulandelanisa okuqokethwe kweZibalo Nolwazi Okugxilwe kulo emasontweni ayishumi
- nikeza inqubekelaphambili kanye nesivinini sokufunda ngaphakathi kweZingxenywe Zolwazi ezinhlanu
- gxila kwiNgxenywe Yolwazi eyodwa ebalulekile ngesonto. (Nokho izihloko ezikwezinye iZingxenywe Zolwazi zingethulwa bese ziyenziwa kulelo sonto. Ukufunda nokufundisa okuphathelele nezinombolo kwenzeka zonke izinsuku futhi kudidiyelwe kuzo zonke iZingxenywe Zolwazi.)
- phakamisa imisebenzi yekilasi lonke, umsebenzi oholwa uthisha nozimele weqembu.

## Izimpawu Zomhlahlandlela Wemisebenzi: Ithemu 4

Lezi zimpawu ezilandelayo zakha ingxenywe yoMhlahlandlela Wemisebenzi: Ithemu 4:

- Ukubuka konke okuqokethwe kukhombisa ulwazi olusha kanye nokugxila kokwenziwayo ngesonto ngalinye.
- Ithemu, isonto kanye neNgxenywe Yolwazi Okugxilwe Kuyo kubekwe kwacaca ekuqaleni kwesonto ngalinye.
- Amabhokisi Ezihloko, Ulwazi olusha kanye namabhokisi okuZejwayeze kukhombisa ukuthi yini ezokwenziwa ngesonto elilandelayo.
- Ulwazimagama lwezibalo olusha oluzofundiswa ngesonto nesonto.



- Unikeziwe uhlu lokumele ukulungiselele kwesonto.
- Amabhokisi amacebo anikeza imibono kanye nezikhumbuzi.
- Amabhokisi okudidiyela abonisa ukuthi izibalo zingaxiliswa kanjani kwezinye izifundo neminye imisebenzi yansuku zonke ngesikhathi sohlelo lwansuku zonke lweBanga R.
- Amabhokisi ka-'Hlola ukuthi abafundi bayakwazi uku-' asiza ukuqaphela nokuhlola okuqhubekayo.
- Ikhasi lokuhlola okuqhubekayo lisuselwe emisebenzini yethemu.
- Izinsiza namathempulethi kufakwe ngemuva komhlahlandlela.

## U-Grade R Maths ohlelweni lwansuku zonke

Inqubo eyejwayelekile ibalulekile futhi nabafundi bayakujabulela ukuphindaphinda bese bezizwa bevikelekile uma bazi okumele bakwenze nokuthi kulindelekeni kubona.

Nokuhlunga kubalulekile ukuqinisekisa ukuthi inqubo eyejwayelekile yenzeka kahle. Funda okuqokethwe kwesonto bese ulungisa zonke izinto ozozidinga zosuku ngalunye ngaphambili. Hlunga izinto zosuku ngaphambili ukuze zonke izinto zibe sezilungile ekuseni.

U-Grade R Maths uphakamisa ukulandelana kwemisebenzi ephindaphindwayo ezinsukwini ezinhlanu esontweni. Ukuhleleka kwekilasi nemisebenzi engasetshenziselwa ukufundisa nokugxilisa ulwazi lwezibalo kuphakanyisiwe ngesonto ngalinye. Lokhu kubandakanya:

## Whole class activities per day

- Rhyme or song
- Oral counting
- Counting concrete objects
- Activities and questions linked to Content Area topics

At the end of the whole class activity, show the learners what they will be required to do at their workstations. All the materials they need should be set out so that they can begin working on the activities.



## Transitions: moving between activities

Moving between the mat and the workstations is a great time to practise rhythmic counting and fun, creative ways to move, for example, slowly like tortoises, hopping like rabbits, quietly like mice, one by one with their name/picture symbol cards.

## Small group activities

- There is one teacher-guided activity per day.
- There are four small group activities per day. These four independent activities (or side activities) should be set out at four **workstations** around the classroom – either at tables where the learners are seated or stand, or on the mat, or outside. The groups rotate to each **workstation** over the course of a week, depending on how the teacher has planned the activities. Remind learners to take turns, share materials and help each other while working.

## Tidy-up time


Learners need to know where materials belong. A shelf or table that is dedicated to maths equipment will help learners to be organised. Encourage learners to help each other during tidy-up time. Initially learners will need assistance and you will have to remind them where to put things, but they will soon get into the routine of putting things where they belong.

Choose group leaders and tidy-helpers each week. Give them specific tasks and responsibilities.

## Free choice activities

Set out creative, interesting activities that learners can choose from once they have completed their workstation activity. These could include:

- blocks or other construction toys
- puzzles
- playdough
- books in the reading corner
- fantasy play, for example, shopping
- workbook or worksheet pages.



## Imisebenzi yekilasi lonke ngosuku

- Umlolozelo noma iculo
- Ukubala ngomlomo
- Ukubala izinto eziphathekayo
- Imisebenzi nemibuzo exhumene nezihloko zeNgxenye Yolwazi

Ekupheleni komsebenzi wekilasi lonke, khombisa abafundi okuzodingeka bakwenze eziteshini zabo zokusebenzela. Izinto zonke abazidingayo kumele sezilungisiwe ukuze baqale ukwenza imisebenzi.



## Ukuguquka: Ukusuka komunye umsebenzi uya komunye

Ukusuka ekusebenzeni kumata kanye neziteshi zokusebenzela kukamata neziteshi zokusebenzela kuyisikhathi esihle sokulungiselela ukubala ngesigqi nangokujabula, izindlela ezinobuciko zokunyakaza, isib. kancane njengofudu, ukugxuma njengonogwaja, buthule njengegundane, ngamunye ngamunye nekhadi lakhe elinegama/isithombe esiwuphawu lwakhe.

## Imisebenzi yamaqembu amancane

- Munye umsebenzi oholwa uthisha ngosuku.
- Mine imisebenzi yamaqembu amancane ngosuku. Le misebenzi emine ezimele (noma imisebenzi esecaleni) kumele ibekwe **eziteshini zokusebenzela** ezine ekilasini – kungaba sematafuleni lapho abafundi behleli noma bemile, noma kumata noma ngaphandle. Amaqembu ayashintshana ukuya **esiteshini sokusebenzela** ngasinye kuze kuphele isonto, kuya ngokuthi uthisha uyihlele kanjani imisebenzi. Khumbuza abafundi ukuthi badedelane, babelane ngezinto futhi basizane ngesikhathi besebenza.

## Isikhathi sokuqoqa

Kudingeka abafundi bazi ukuthi ezakuphi izinto. Ishalofu noma itafula elabelwe izinto zezibalo lizosiza abafundi ukuba bahleleke. Khuthaza abafundi ukuthi basizane ngesikhathi sokuqoqa. Ekuqaleni abafundi bazodinga usizo, futhi kumele ubakhumbuze ukuthi izinto zibekwaphi, kodwa ngokushesha bazojwayela ukubeka izinto lapho zingezakhona.


Khetha abaholi bamaqembu kanye nabasizi bokuqoqa ngesonto ngalinye. Banike imisebenzi ethize nezibophezelo.

## Imisebenzi ekhethwe ngokukhululeka

Lungisa imisebenzi yokuziqambela eehayo, abafundi abangakhetha kuyo uma sebeyiqedile imisebenzi yabo yasesiteshini sokusebenzela.

Lokhu kungabandakanya:

- amabhulokhi noma amanye amathoyizi okwakha
- amaphazili
- inhlama yokudlala
- izincwadi ekhoneneni lokufunda
- umdlalo wokuzenzisa, isibonelo, ukuthenga
- ibhuku lokusebenzela noma amakhasi okusebenzela.






## Assessment

Observation and continuous assessment during teacher-guided and whole class activities provides opportunities for insights into and a good overview of each learner's progress. This information is important for guiding further teaching and interventions for individual learners. The continuous assessment checklist on pages 184 and 186 of this guide is based on the content that has been taught in Term 4. This template can be used to record each learner's progress during the term.

## Grade R Maths in the classroom

Set up an area in the classroom that is dedicated to maths and is near the mat. This is a shared space where learners can contribute to and engage with the topic they are learning about. An ideal maths area will include:

- small table against a wall
- number line made with string and pegs
- daily weather chart
- calendar for each month with blocks for each day
- chart with the names of the days of the week
- daily programme with pictures for the different activities
- learners' name cards and symbols arranged according to their group names
- helpers' symbols to move between learners' names according to each day of the week
- helpers' chart.




## Ukuhlola

Ukuqaphela kanye nokuhlola okuqhubekayo ngesikhathi semisebenzi eholwa uthisha neyekilasi lonke, kunika amathuba okuqonda kanye nokubheka kahle inqubekelaphambili yomfundi ngamunye. Lolu lwazi lubalulekile ukuqondisa ukufundisa kuyiwa phambili kanye nokungenelela kumfundi ngamunye. Uhlu lokuhlola okuqhubekayo ekhasini 185 no-187 lalo mhlahlandlela lusekelwe kokuqokethwe okufundiswe ngeThemu 4. Le thempulethi ingasetshenziselwa ukuqopha inqubekelaphambili yomfundi ngamunye ngethemu.

## U-Grade R Maths ekilasini

Lungisa indawo ekilasini eyabelwe izibalo futhi ibe seduze nomata. Lena indawo yokwabelana lapho abafundi bengahlanganyela futhi bazibandakanye khona nesihloko abafunda ngaso. Indawo elungele itafula lezibalo ingafaka:


- itafula elincane elincike odongeni
- umugqa wezinombolo owenziwe ngentambo namaphekisi
- ishadi lesimo sezulu sansuku zonke
- ikhalenda lenyanga ngayinye, elinamabhulokhi osuku ngalunye
- ishadi elinamagama ezinsuku zesonto
- uhlelo lwansuku zonke olunezithombe zemisebenzi ehlukeni
- amakhadi amagama abafundi nezimpawu ezihlelwe ngokwamagama amaqembu abo
- izimpawu zabasizi ezihamba emagameni abafundi ngokosuku lwesonto ngalinye
- ishadi labasizi.





Make a 'classroom rules' poster with the learners. Display it where they can easily see it. There should be no more than six or seven rules.

## Our classroom rules




## Resources for Grade R Maths

### Grade R Maths Resource Kit

Grade R Maths provides a kit for learning and teaching maths that provides apparatus for a small group of six to eight learners to use. The kit includes the following items:


- counting materials, for example, coloured discs and sticks, fruit and animal counters, Unifix blocks
- jumbo dice
- strings of ten structure beads
- dot cards
- number cards: number symbols (0–10) and number words (zero–ten)
- attribute blocks.



These should not be the only resources that teachers and learners use during maths activities. Everyday objects from home are ideal for sorting, counting and exploring shapes.

Yenza iphosta 'yemithetho yekilasi' nabafundi. Yiveze lapho bengayibona kalula khona. Kumele kungabi nemithetho engaphezu kweyisithupha noma eyisikhombisa.

## Imithetho yekilasi lethu




## Izinsiza zika-Grade R Maths

### Ikhithi Yezinsiza ka-Grade R Maths

U-Grade R Maths unikeza ikhithi yokufunda nokufundisa izibalo enamathuluzi angasetshenziswa iqembu labafundi abayisithupha kuya kwabayisishiyagalombili. Ikhithi inalezi zinto ezilandelayo:

- okokubala, isibonelo, izindilinga eziyisicaba ezimibalabala nezinti, izinto zokubala eziyizithelo kanye nezilwane, amabhulokhi axhume kayo
- amadayisi amakhulu
- izintambo zobuhlalu obuhlelwe bayishumi
- amakhadi anamachashazi
- amakhadi ezinombolo: izimpawu zezinombolo (0–10) kanye namagama ezinombolo (ziro–ishumi)
- amabhulokhi ama-athribhuthi.



Lezi zinto akumele kube yizona zodwa izinsiza ezingasetshenziswa othisha nabafundi ngesikhathi semisebenzi yezibalo. Izinto zansuku zonke eziphuma ekhaya zikahle ukhulunga, ukubala, kanye nokuhlola izimo.

## Recycled materials

Store recycled materials in labelled containers with lids (such as: fruit and vegetable packaging, 2-litre ice-cream containers and 500-ml feta tubs). Place the containers on a shelf or somewhere that the learners can reach. Encourage learners to put the objects away during tidy-up time if they have used them at their workstations or during free choice activities. Here are some ideas for maths resources:

- bottle caps and lids (different shapes, sizes and colours)
- different-sized boxes (toothpaste, matchbox, cereal, medicine, packaging)
- plastic containers (500-ml and 1-litre bottles, margarine tubs, 250-ml and 500-ml yoghurt tubs, ice-cream containers, vegetable packaging)
- tubes and cylinders (cardboard toilet roll inners, paper towel inners, foil roll inners, tins)
- egg boxes
- buttons, old keys, plastic spoons, ice-cream sticks, bread packet tags
- variety of balls, beanbags, hula hoops.



## Other resources

Other useful classroom resources for Grade R Maths teaching include:

- crayons, paint, glue, scissors
- playdough or modelling clay
- books that can be used for maths discussions
- building blocks and construction toys (collect wood offcuts if necessary)
- a variety of jigsaw puzzles and games, for example, dominoes, snakes and ladders, Ludo, Lotto

## Izinto ezivuselelwe kabusha

Beka izinto ezivuselelwe kabusha ezitsheni ezinamalebula nezinezivalo (njengalokhu: zinto zokupakisha izithelo nemifino, izitsha zika-ayisikhilimu ezingamalitha ama-2 kanye nezitsha zefetha ezingamamilimitha angama-500). Beka izitsha eshalofini noma lapho abafundi bengafinyelela khona. Khuthaza abafundi ukuthi baqoqe izinto ebebezisebenzisa ezitsheni zabo zokusebenzela noma ngesikhathi semisebenzi ekhethwa ngokukhululeka. Nanka amanye amasu ezinsiza zezibalo:

- izivalo zamabhodlela nezinye izivalo (izimo ezihlukene ngobungako nemibala)
- amabhokisi obungako obuhlukene (elomuthi wokuxubha, ibhokisi likamentshisi, elamasiriyeli, elomuthi, elokubeka)
- izitsha zepulastiki (amabhodlela angamamilimitha angama-500 nayilitha eli-1, izitsha zemajarini, izitsha zeyogathi ezingama-250 nama-500 amamilimitha, izitsha zika-ayisikhilimu, okokubeka imifino)
- amashubhu namasilinda (okwangaphakathi okuyikhadibhodi kwephepha lasendlini encane, okwangaphakathi kwephepha eliyithawula, okwangaphakathi kwefoyili, amathini)
- amabhokisi amaqanda
- izinkinobho, okhiye abadala, izipunu zepulastiki, izinti zika-ayisikhilimu, amathegi ephakethe lesinkwa
- amabhola ahlukene, izikhwama zikabhontshisi, amahulahuphu.



## Ezinye izinsiza

Ezinye izinsiza zasekilasini eziwusizo ekufundiseni u-Grade R Maths zibandakanya:

- amakhayoni, upende, iglu, isikelo
- inhlama yokudlala noma ubumba lokubumba umfanekiso
- izincwadi ezingasetshenziswa uma kuxoxiswa ngezibalo
- amabhulokhi okwakha namathoyizi okwakha (qoqa okunqunywe okhunini uma kudingekile)
- amaphazili ahlukene anezingxenywe ezigobile nemidlalo, isibonelo, amadomino, umdlalo wezinyoka namalada, i-Ludo, i-Lotto




- height chart
- jumbo playing cards
- pretend money: coins and notes (to use in a play shop)
- large analogue wall clock
- balance scale
- beads for sorting, threading and patterning
- equipment for sand and water play
- apparatus for climbing, balancing, swinging and skipping.

## The Grade R Maths Poster Book

There are eleven posters in the Grade R Maths *Poster Book*. The posters present familiar contexts that learners can relate to that capture some aspect of maths, for example, in the classroom, on the playground, and in the kitchen. The posters are intended to stimulate interest and discussion on maths topics, including: number, patterns, space and shape, sequencing of time and measurement. The posters can be used to engage learners in critical thinking and reasoning. They are perfect for developing problem-solving skills and for maths investigations.

Teachers can encourage learners to discuss the posters and share their thinking by asking questions to guide them in focusing on a particular aspect of the poster, for example:

- What do you see in the picture?
- Where do you think the children/people are?
- What is happening in the picture?
- Can you tell me a story about the picture?
- How many ... can you see? What if there was one more/fewer ...?
- Where is the ...?
- What would happen if ...?
- What do you think will happen next?
- What do you think ... can see from where they are standing?
- What pattern can you see? Describe the pattern.
- What shapes can you see?
- Which ... is the tallest/shortest?
- Can you use any maths words to describe something in the picture?




- ishadi lobude
- amakhadi amakhulu okudlala
- imali yokudlala: imali ewuhlweza kanye nengamaphepha (ukukusebenzisa esitolo sokudlala)
- iwashi elikhulu lasodongeni elinezinti
- isikali sokulinganisa
- ubuhlalu bokuhlela, ukuchushisa kanye nokwenza amaphethini
- impahla yokudlala enhlabathini nasemanzini
- izinto zokugibela, ukulinganisa, ukuzwinga kanye nokudlala ingqathu.

## Ibhuku Lamaphosta le-Grade R Maths

Ayishumi nanye amaphosta eBhukwini Lamaphosta le-Grade R. Amaphosta aveza izimo ezijwayelekile abafundi abangaziqonda ezifaka okuthile kwezibalo, isibonelo, ekilasini, enkundleni yokudlala, kanye nasekhishini. Amaphosta ahlose ukukhuthaza uthando nokuxoxa ngezihloko zezibalo, kubandakanya: inombolo, amaphethini, indawo nesimo, ukulandelanisa isikhathi, kanye nesilinganiso. Amaphosta angasetshenziswa ukubandakanya abafundi ekucabangeni okunzulu nokubonisa. Alungele kakhulu ukuthuthukisa amakhono okuxazulula izinkinga kanye nokuphenya ngezibalo.

Othisha bangagqugquzela abafundi ukuthi baxoxe ngamaphosta babelane ngabakucabangayo ngokubuza imibuzo ukubahola ukuba bagxile ophawini noma esicini esisodwa sephosta, isibonelo:

- Ubonani esithombeni?
- Ucabanga ukuthi zikuphi izingane/abantu?
- Kwenzekani esithombeni?
- Ungangixoxela indaba ngesithombe?
- Zingaki izi-... ozibonayo? Kungenzekani uma kukhona i-... eyodwa ngaphezulu/ngaphansi kwalokhu?
- Ikuphi i-...?
- Kungenzekani uma ...?
- Ucabanga ukuthi kuzokwenzekani emva kwalokhu?
- Ucabanga ukuthi ... bangabona lapho bem khona?
- Iliphi iphethini olibonayo? Chaza iphethini.
- Iziphi izimo ozibonayo?
- Iyiphi ... ende kakhulu/emfushane kakhulu?
- Ungawasebenzisa noma yimaphi amagama ezibalo ukuchaza into esesithombeni?



# Content overview: Term 4

Note: Content Area Focus and New knowledge are in purple. Other content covered in the week is in grey.

Content Area Focus	Week 1	Week 2	Week 3	Week 4	Week 5
<b>1. Numbers, Operations and Relationships</b>	Number 9 Counting in twos Oral counting: forwards 1–20 and beyond, backwards 10–1 Counting objects 1–10 Sequencing numbers 1–8 Ordinal numbers first to fifth Reinforce number concept 1–8	Number 10 Add, altogether Subtract/take away Oral counting: forwards 1–20 and beyond, backwards 10–1 Counting objects 1–10 Sequencing numbers 1–9 Reinforce number concept 1–9 Counting in twos	Number 0 Oral counting: forwards 1–20 and beyond, backwards 10–1 Counting objects 1–10 Sequencing numbers 1–10 Reinforce number concept 1–10 Counting in twos Add, subtract	Oral counting: forwards 0–20 and beyond, backwards 10–0 Counting objects 1–10	Oral counting: forwards 0–20 and beyond, backwards 10–0 Counting objects 1–10
<b>2. Patterns, Functions and Algebra</b>				Create, copy and extend an auditory pattern Draw patterns from objects Create, copy and extend patterns using concrete objects	
<b>3. Space and Shape (Geometry)</b>					Position of objects in relation to each other and to the learners Twenty-four-piece puzzles Position of objects in relation to each other Symmetry Direction: arrows Direction: left, right
<b>4. Measurement</b>					
<b>5. Data Handling</b>					



# Ukubuka konke okuqukethwe: Ithemu 4

Qaphela: Ingxenywe Yolwazi Okugxilwe Kuyo Kanye noLwazi olusha kuwumbala obukhwebhezana. Okunye okuqukethwe okuzokwenziwa ngesonto kubhalwe ngokumpunga.

Ingxenywe Yolwazi Okugxilwe Kuyo	Isonto 1	Isonto 2	Isonto 3	Isonto 4	Isonto 5
1. Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo	Inombolo 9 Ukubala ngakubili Ukubala ngomlomo: ukuya phambili 1–20 nangaphezulu, emuva 10–1 Ukubala izinto 1–10 Ukulandelanisa izinombolo 1–8 Izinombolo ezisho isikhundla, eyokuqala kuye kweyesihlanu Ukugxilisa umqondo wenombolo 1–8	Inombolo 10 Yengeza, okuphelele/ sekukonke Susa/conzulula Ukubala ngomlomo: ukuya phambili 1–20 nangaphezulu, ukubala uhlehle 10–1 Ukubala izinto 1–10 Ukulandelanisa izinombolo 1–9 Ukugxilisa umqondo wenombolo 1–9 Ukubala ngakubili	Inombolo 0 Ukubala ngomlomo: ukuya phambili 1–20 nangaphezulu, ukuhlehla 10–1 Ukubala izinto 1–10 Ukulandelanisa izinombolo 1–10 Ukugxilisa umqondo wenombolo 1–10 Ukubala ngakubili Hlanganisa, susa	Ukubala ngomlomo: ukuya phambili 0–20 nangaphezulu, ukuhlehla 10–0 Ukubala izinto 1–10 Yenza, kopisha bese welula iphethini lokuzwakalayo Dweba amaphethini ngezinye izinto Yenza, kopisha bese welula amaphethini usebenzisa izinto eziphathekayo	Ukubala ngomlomo: ukuya phambili 0–20 nangaphezulu, ukuhlehla 10–0 Ukubala izinto 1–10 Isikhundla sezinto mayelana nezinye kanye nabafundi Amaphazili ayizingcezu ezingamashumi amabili nane Isikhundla sezinto mayelana nezinye Ukuvumelanisa Inkomba: imicibisholo Inkomba: kwesokunxele, kwesokudla
2. Amaphethini, Amafankshini kanye ne-Aljebhra ('Amaphethini, ukuxhumana kanye ne-Aljebhra')					
3. Indawo Nesimo (Ijyomethri)					
4. Isilinganiso					
5. Ukusetshenziswa Kolwazi ('Ukuqokelelwa kolwazi lwezibalo')					

Content Area Focus	Week 6	Week 7	Week 8	Week 9	Week 10
1. Numbers, Operations and Relationships	Oral counting: forwards 0–20 and beyond, backwards 10–0 Counting objects 1–10 Sequencing numbers 1–10	Ordinal numbers: sixth Sharing without a remainder Double Oral counting: forwards 0–20 and beyond, backwards 10–0 Counting objects 1–10 Sequencing numbers 0–10 Ordinal numbers: first to fifth Counting in twos Add, subtract Half	Sharing with a remainder Oral counting: forwards 0–20 and beyond, backwards 10–0 Counting objects 1–10 Sequencing numbers 0–10 Reinforce number concept 0–10 Problem solving 1–10 Sharing without a remainder Half, double	Oral counting: forwards 0–20 and beyond, backwards 10–0 Counting objects 1–10	Oral counting: forwards 0–20 and beyond, backwards 10–0 Counting objects 1–10 Sequencing numbers 1–10 Problem solving 1–10 More, fewer, equal Estimating
2. Patterns, Functions and Algebra					
3. Space and Shape (Geometry)				Sort shapes according to size, colour and shape Shape conservation Shapes: circle, square, triangle, rectangle Figure-ground perception	
4. Measurement	Capacity Volume Length and time – height chart				
5. Data Handling					Pictograph using an increased set of data Collect, sort and represent collection of objects Analyse and report on data

Ingxenywe Yolwazi Okugxilwe Kuyo	Isonoto 6	Isonoto 7	Isonoto 8	Isonoto 9	Isonoto 10
1. Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo	<p>Ukubala ngomlomo: ukuya phambili 0–20 nangaphezulu, ukuhlela 10–0</p> <p>Ukubala izinto 1–10</p> <p>Ukulandelanisa izinombolo 1–10</p>	<p>Izinombolo ezisho isikhundla: okwesithupha</p> <p>Ukwabelana ngaphandle kwensalela</p> <p>Kabili</p> <p>Ukubala ngomlomo: ukuya phambili 0–20 nangaphezulu, ukuhlela 10–0</p> <p>Ukubala izinto 1–10</p> <p>Ukulandelanisa izinombolo 0–10</p> <p>Izinombolo ezisho isikhundla: eyokuqala ukuya kweyesihlanu</p> <p>Ukubala ngakubili</p> <p>Hlanganisa, susa</p> <p>Uhhafu</p>	<p>Ukwabelana kube nensalela</p> <p>Ukubala ngomlomo: ukuya phambili 0–20 nangaphezulu, ukuhlela 10–0</p> <p>Ukubala izinto 1–10</p> <p>Ukulandelanisa izinombolo 0–10</p> <p>Ukugxilisa umqondo wenombolo 0–10</p> <p>Ukuxazulula izinkinga 1–10</p> <p>Ukwabelana ngaphandle kwensalela</p> <p>Uhhafu, kabili</p>	<p>Ukubala ngomlomo: ukuya phambili 0–20 nangaphezulu, ukuhlela 10–0</p> <p>Ukubala izinto 1–10</p>	<p>Ukubala ngomlomo: ukuya phambili 0–20 nangaphezulu, ukuhlela 10–0</p> <p>Ukubala izinto 1–10</p> <p>Ukulandelanisa izinombolo 1–10</p> <p>Ukuxazulula izinkinga 1–10</p> <p>Okuningi, okuyingcosana, okulinganayo</p> <p>Ukulinganisela</p>
2. Amaphethini, Amafankshini kanye ne-Aljebhra ('Amaphethini, ukuxhumana kanye ne-Aljebhra')					
3. Indawo Nesimo (Ijyomethri)				<p>Hlunga izimo ngokuhambisana nobukhulu, umbala kanye nesimo</p> <p>Ukongiwa kwesimo</p> <p>Izimo: indilinga, isikwele, unxantathu, unxande</p> <p>Ukuqonda izinto phakathi kwezinye</p>	
4. Isilinganiso	<p>Umthamo oqukethwe</p> <p>Ivolumu</p> <p>Ubude nesikhathi – ishadi lobude</p>				
5. Ukusetshenziswa Kolwazi ('Ukuqokelelwa kolwazi lwezibalo')					<p>Igrafu yezithombe isebenzisa isethi ekhulisiwe yedatha</p> <p>Qoqa, hlunga ube nokumela iqoqo lezinto futhi</p> <p>Hlaziya bese ubika ngolwazi olutholakele</p>

# Content Area Focus: Numbers, Operations and Relationships

## Topics

- Recognise number symbols and number words
- Describe, compare and order numbers

## New knowledge

- Number 9
- Counting in twos

## Practise

- Oral counting: forwards 1–20 and beyond, backwards 10–1
- Counting objects 1–10
- Sequencing numbers 1–8
- Ordinal numbers first to fifth
- Reinforce number concept 1–8

## New maths vocabulary


nine

count in twos

## Getting ready

For the activities this week, you will need to prepare the following:

- number frieze and house template for number 9 (page 204)
- box of classroom objects, 1–10 of a kind, for example, 1 doll, 2 blocks, 3 balls, 4 books, 5 pencils, and so on
- number 9 dot card, symbol card and word card
- number symbol card 9 (for number washing line)
- playdough template: Number 9 (page 210) – 1 per learner
- 8 farmyard race game boards (page 216)
- connect-the-dots activity sheets (page 217) – 1 per learner
- ice-cream activity (page 218) – 1 per learner
- bird activity sheets – 1 per learner.



# Ingxenye Yolwazi Okugxilwe Kuyo: Izinombolo, Izimpawu kanye Nobudlelwane Bazo

## Izihloko

- Bona izimpawu zezinombolo namagama ezinombolo
- Chaza, qhathanisa bese uhlela izinombolo ngokulandelana

## Ulwazi olusha

- Inombolo 9
- Ukubala ngakubili

## Zejwayeze

- Ukubala ngomlomo: ukuya phambili 1–20 nangaphezulu, emuva 10–1
- Ukubala izinto 1–10
- Ukulandelanisa izinombolo 1–8
- Izinombolo ezisho isikhundla, eyokuqala kuye kweyesihlanu
- Ukugxilisa umqondo wenombolo 1–8

## Ulwazimagama olusha olusetshenziswa ezibalweni


isishiyagalolunye

bala ngakubili

## Ukulungiselela

Emisebenzini yaleli sonto, uzodinga ukulungisa lokhu okulandelayo:

- ifrizi yezinombolo kanye nethempulethi yendlu yenombolo 9 (ikhasi 205)
- ibhokisi lezinto zasekilasini 1–10 zohlobo oluthile, isibonelo, unodoli o-1, amabhulokhi ama-2, amabhola ama-3, izincwadi ezi-4, amapensele ama-5, njalunjalo
- ikhadi elinamachashazi lenombolo 9, lophawu nekhadi legama
- ikhadi lophawu lwenombolo 9 (ulayini wokweneka wezinombolo)
- ithempulethi yenhlama yokudlala: Inombolo 9 (ikhasi 211) – e-1 yomfundi ngamunye
- amabhodi omdlalo omjaho wasepulazini ayisi-8 (ikhasi 216)
- amaphepha omsebenzi wokuxhuma-amachashazi (ikhasi 217) – eli-1 kumfundi ngamunye
- umsebenzi ka-ayisikhilimu (ikhasi 219) – oku-1 kumfundi ngamunye
- amaphepha omsebenzi wezinyoni – eli-1 kumfundi ngamunye.



## Whole class activities

### Day 1

#### What you need

- Number friezes 1–8
- Number frieze and house template for number 9 (page 204)
- *Number 9 story* (page 188)



#### TIP


Remember to talk about the daily programme. Remember to do the calendar, days of the week, months of the year and birthday chart each day.

1. **Song/rhyme:** Learners sing a song or say a rhyme of their choice from previous terms.
2. **Oral counting:** 1–20 and beyond, 10–1.
3. **Counting objects 1–10:** Learners put their hands behind their backs. Call out a number. Learners hold up the correct number of fingers to represent the number.
4. **Introducing number 9:** Point to number friezes 1–8.

#### Guiding questions:

- ★ How many animals do you think will live in the next house?
- ★ Will there be more or fewer than eight?

Tell the *Number 9 story*. Show the parts of the number frieze as you build up the story of the birds and images of the house: the different representations of number 9 – the picture, the dots, the symbol and the word. Display the parts of the frieze in the animal house next to the number 8 on the wall in the maths area. Count the birds together. Learners practise the number 9 by writing it in the air or on the mat with their fingers.



- ★ How many birds can you count?
- ★ How many wings/beaks/legs does each bird have?
- ★ How many more birds are there than mice/monkeys, and so on?

Learners dramatise the story.

- ★ How did the birds fly?
- ★ What did they do when they got to the house?
- ★ Can you show how they slept that first night?

5. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation. Workstation 4 is a board game using a dice. Show learners how to throw the dice and move their animal counters the corresponding number of spaces on the board.



#### TIP

Demonstrate how to play board games to make sure learners understand the rules of each game.

## Imisebenzi yekilasi lonke

### Usuku 1

#### Okudingayo

- Ifrizi yezinombolo 1–8
- Ifrizi yezinombolo kanye nethempulethi yendlu yenombolo 9 (ikhasi 205)
- *Indaba kanombolo 9* (ikhasi 189)



Khumbula ukukhuluma ngohlelo lwansuku zonke. Khumbula ukwenza ikhalenda, izinsuku zesonto, izinyanga zonyaka kanye neshadi lokuzalwa usuku ngalunye.


1. **Iculo/umlolozelo:** Abafundi bacula iculo noma basho umlolozelo abawuthandayo ovela emathemini adlule.
2. **Ukubala ngomlomo:** 1–20 nangaphezulu, 10–1.
3. **Ukubala izinto 1–10:** Abafundi babeka izandla zabo ngemuva kwabo. Biza inombolo. Abafundi baphakamisa inombolo efanele yeminwe ukumela inombolo.
4. **Sethula inombolo 9:** Khomba amafrizi ezinombolo 1–8.

#### Imibuzo ekuholayo:

- ★ Ucabanga ukuthi zingaki izilwane ezizohlala endlini elandelayo?
- ★ Ingabe zizoba ngaphezulu noma ngaphansi kwesishiyagalombili?

Xoxa *Indaba kanombolo 9*.

Khombisa izingxenye zefrizi yezinombolo njengoba uqhubeka nokwakha indaba yezinyoni nemifanekiso yendlu: izethulo ezehlukene zenombolo 9 – isithombe, amachashazi, uphawu kanye negama. Khombisa izingxenye zefrizi endlini yezilwane eduze kwenombolo 8 odongeni endaweni yezibalo. Balani izinyoni nindawonye. Abafundi bazejwayeza inombolo 9 ngokuyibhala emoyeni noma kumata ngeminwe.



- ★ Zingaki izinyoni ongazibala?
  - ★ Inyoni ngayinye inamaphiko/imilomo/imilenze emingaki?
  - ★ Zingaki izinyoni ezingaphezu kwamagundane/izinkawu, njalonzalo? Abafundi balingisa indaba.
  - ★ Zazindiza kanjani izinyoni?
  - ★ Zenzenjani uma zifika endlini?
  - ★ Ungakhombisa ukuthi zalala kanjani ngalobo busuku bokuqala?
5. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye. Isiteshi sokusebenzela 4 ngumdlalo webhodi osebenzisa idayisi. Khombisa abafundi ukuthi liphonswa kanjani idayisi bese behambisa izinto zokubala zezilwane zabo isibalo esihambisana nezikhala ebhodini.



Khombisa ukuthi idlalwa kanjani imidlalo yebhodi ukuze uqiniseke ukuthi abafundi bayayiqonda imithetho yomdlalo ngamunye.



## Day 2

### What you need

- Rhyme: *Two little chickens* (page 188)
- Box of classroom objects, 1–10 of a kind, for example, 1 doll, 2 blocks, 3 balls, 4 books, 5 pencils
- Number 9 dot, symbol and word cards

1. **Rhyme:** Introduce the rhyme, *Two little chickens*.
2. **Oral counting:** 1–20 and beyond, 10–1.
3. **Counting objects 1–10:** Spread the objects from the box around the classroom. Learners take turns to find the objects and place them in the box as everyone counts.

#### Guiding questions:

- ✦ How many blocks/dolls/crayons, and so on, did you find?
  - ✦ Who found eight blocks/two dolls/ten crayons, and so on?
4. **Maths table:** Three groups of learners each collect nine similar small objects, for example, leaves, stones, crayons or blocks. Learners return to sit on the mat in their groups. Each group says what they have found and how many they have found. Give each group a number 9 dot, symbol or word card. One group at a time puts their objects and number 9 card on the maths table.

Learners clap, jump, hop and step forward and backwards nine times.

5. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

## Day 3

### What you need

- Rhyme: *Two little chickens* (page 188)
- Dot cards 1–9 (*Resource Kit*)

1. **Rhyme:** Say the rhyme, *Two little chickens*.



**TIP**

Find or make up other songs or rhymes with a similar theme so that you include songs and rhymes in all the learners' home languages. For example, create rap songs to a musical beat.

2. **Oral counting:** 1–20 and beyond, 10–1.
3. **Counting objects 1–10:** Five learners stand in front of the class in a line and hold out their hands. Together count their hands in twos as you touch each of the five learners' hands, i.e. two hands, four hands, six hands, and so on. Repeat asking learners to count 2, 4, 6, 8, 10 as you touch their hands. Repeat with other groups of five learners counting ears, eyes, feet, legs, elbows, and so on.
4. **Dot cards and ordering 1–9:** Learners sit in a circle. Show them the dot cards 1–9 individually. They call out the number of dots on each card. Hold the cards up so that learners can see them.

## Usuku 2

### Okudingayo

- Umlolozelo: *Izinkukhu ezimbili ezincane* (ikhasi 189)
- Ibhokisi lezinto zasekilasini, 1–10 zohlobo oluthile, isibonelo, unodoli o-1, amabhulokhi ama-2,
- amabhola ama-3, izincwadi ezi-4, amapensele ama-5
- Amakhadi enombolo 9 anamachashazi, anezimpawu namagama

1. **Umlolozelo:** Yethula umlolozele, *Izinkukhu ezimbili ezincane*.
2. **Ukubala ngomlomo:** 1–20 nangaphezulu, 10–1.
3. **Ukubala izinto 1–10:** Yendlala izinto ezisebhokisini uzungeze ikilasi. Abafundi banikana amathuba ukuthola izinto bese bezibeka ebhokisini ngenkathi wonke umuntu ebala.


#### Imibuzo ekuholayo:

- ★ Mangaki amabhulokhi/onodoli/amakhrayoni, nokunye, okutholile?
  - ★ Ubani owathola amabhulokhi ayisishiyagalombili/onodoli ababili/amakhrayoni ayishumi, njalunjalo?
4. **Itafula lezibalo:** Amaqembu amathathu abafundi ngalinye liqoqa izinto ezincane eziyisishiyagalolunye ezifanayo, isibonelo, amaqabunga, amatshe, amakhrayoni noma amabhulokhi. Abafundi bayabuya bayohlala kumata ngamaqembu abo. Iqembu ngalinye lisho elikutholile nokuthi kungaki okutholakele. Nikeza iqembu ngalinye ikhadi lenombolo 9 elinamachashazi, uphawu noma amagama. Iqembu ngalinye ngesikhathi esisodwa libeka izinto zalo kanye nekhadi lenombolo 9 etfuleni lezibalo. Abafundi bashaya izandla, bagxume, bagxumele phambili nasemuva izikhathi eziyisishiyagalolunye.
  5. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.

## Usuku 3

### Okudingayo

- Umlolozelo: *Izinkukhu ezimbili ezincane* (ikhasi 189)
- Amakhadi amachashazi 1–9 (*Ikhithi Yezinsiza*)

 **ICEBO**  
Thola noma uqambe amanye amaculo noma imilolozelo enendikimba efanayo ukuze ubandakanye amaculo nemilolozelo ngazo zonke izilimi zasekhaya zabafundi. Isibonelo, qamba izingoma ze-*rap* esigqini somculo.

1. **Umlolozelo:** Yisho umlolozele, *Izinkukhu ezimbili ezincane*.
2. **Ukubala ngomlomo:** 1–20 nangaphezulu, 10–1.
3. **Ukubala izinto 1–10:** Abafundi abahlanu bama phambi kwekilasi emgqeni baphakamise izandla zabo. Balani ndawonye izandla zabo ngababili ngesikhathi nithinta isandla ngasinye sabafundi abahlanu, okungukuthi izandla ezimbili, izandla ezine, izandla eziyisithupha, njalunjalo. Phinda ucele abafundi ukuthi babale bathi 2, 4, 6, 8, 10 ngenkathi wena uthinta izandla zabo. Phinda namanye amaqembu abafundi abahlanu ubala izindlebe, amehlo, izinyawo, imilenze, izindololwane, njalunjalo.
4. **Amakhadi anamachashazi nokuhlela 1–9:** Abafundi bahlala benze indilinga. Bakhombise amakhadi anamachashazi 1–9 ngamunye. Babiza isibalo samachashazi ekhadini ngalinye. Phakamisela amakhadi phezulu ukuze abafundi bawabone.

Show a card with eight or fewer dots. Say, 'I wish I had nine dots.' One learner finds the dot card that is needed to make 9. Repeat with other dot cards.

Learners take turns to match dot cards to numbers on the friezes and place them in the correct order on the wall.

**Guiding questions:**

- ★ How many dots do you see?
- ★ How many more dots do we need to make 9?

Learners take turns to find the number symbol and number word to match each dot card.

5. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

### Day 4

**What you need**

- Song: *The ants go marching two by two* (page 188)
- umzila wokweqa inombolo ukusuka ku-0–10 (wesimo sesibungu).





## Whole class activities

### Day 1



#### TIP

Move the numbers on the number washing line up so that there is space for the 0 number symbol card.

#### What you need

- Song: *Ten green bottles* (page 192)
- Number friezes 1–10
- Number frieze and house template for number 0 (page 208)
- *Number 0 story* (page 192)
- Number symbol card 0 (number washing line)
- Cardboard box

1. **Song:** Sing the song, *Ten green bottles*.
2. **Oral counting:** 1–20 and beyond, 10–1.
3. **Counting objects 1–10:** Learners take turns to count items in the classroom, for example, windows, doors, 8 school bags, 10 pencils.

#### Guiding questions:

- ★ How many pencils do you think there are in this tin?
- ★ Do you think there are more than 10 school bags or fewer than 10 school bags?

4. **Introducing 0:** Point to number friezes 1–10.


#### Guiding questions:

- ★ Do you think there could be any more houses? Why/why not?
- ★ Where would we put the houses on our frieze if we could have more houses?

Tell the *Number 0 story*. Display the animal house with the number symbol and number word *before the number 1 frieze* on the wall in the maths area.

Learners dramatise the story. Use an empty cardboard box to represent the empty house. Choose learners to play the parts of the elephant, giraffes, birds and other animals.

Learners practise the number 0 by writing it in the air or on the mat with their fingers.



5. **Adding 0 to the number washing line:** Show learners the 0 number card. Ask where they think this should go on the number washing line. Ask a learner to come and put this on the number washing line.

#### Guiding questions:

- ★ Why did you put the number zero there?
- ★ What number comes after zero?
- ★ Who can fetch me zero books?

6. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.



#### TIP

Use the word 'zero' often when referring to the symbol '0' and use 'nought' during the day when talking about 'nothing' or 'no objects'.

## Imisebenzi yekilasi lonke

### Usuku 1



Hambisa izinombolo kulayini wokweneka wezinombolo ukuze kube nesikhala sekhadi lophawu lwenombolo 0.

#### Okudingayo

- Iculo: *Amabhodlela aluhlaza satshani ayishumi* (ikhasi 193)
- Amafrizi ezinombolo 1–10
- Ifrizi yenombolo kanye nethempulethi yendlu yenombolo 0 (ikhasi 209)
- *Indaba kanombolo 0* (ikhasi 193)
- Ikhadi lophawu lwenombolo 0 (ulayini wokweneka wezinombolo)
- Ibhokisi lekhadibhodi

1. **Iculo:** Cula iculo, *Amabhodlela aluhlaza satshani ayishumi*.
2. **Ukubala ngomlomo:** 1–20 nangaphezulu, 10–1.
3. **Ukubala izinto 1–10:** Abafundi banikana amathuba ngokubala izinto ekilasini, isibonelo, amafasitela, iminyango, izikhwama zesikole eziyisi-8, amapensele ayi-10.

#### Imibuzo ekuholayo:

- ★ Ucabanga ukuthi mangaki amapensele kuleli thini?
- ★ Ucabanga ukuthi kunezikhwama zesikole ezingaphezu kwe-10 noma izikhwama zesikole eziyingcosana kuneziyi-10?

4. **Sethula 0:** Khomba amafrizi ezinombolo 1–10.


#### Imibuzo ekuholayo:

- ★ Ucabanga ukuthi zingase zibe khona ezinye izindlu? Kungani kunjalo/kungenjalo?
- ★ Besizozibekaphi izindlu kufrizi yethu uma besingaba nezindlu ezengeziwe?

Xoxa *Indaba kanombolo 0*. Khombisa indlu yezilwane enophawu lwenombolo negama lenombolo *ngaphambi kwefrizi kanombolo 1* odongeni lwezibalo.

Abafundi balingisa indaba. Sebenzisa ikhadibhodi elingenalutho ukumela indlu engenalutho. Khetha abafundi abazodlala izindawo zendlovu, izindlulamithi, izinyoni nezinye izilwane.

Abafundi bazejwayeza inombolo 0 ngokuyibhala emoyeni noma kumata ngeminwe.



5. **Ukwengeza u-0 kulayini wokweneka wezinombolo:** Bonisa abafundi ikhadi lenombolo 0. Buza ukuthi bacabanga ukuthi lokhu kufanele kungene kuphi kulayini wokweneka wezinombolo. Cela umfundi ukuba eze azobeka lokhu kulayini wokweneka wezinombolo.

#### Imibuzo ekuholayo:

- ★ Kungani ubeke inombolo enguziro lapho?
- ★ Iyiphi inombolo eza ngemuva kukaziro?
- ★ Ubani ongangilethela izincwadi ezinguziro?

6. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.



Sebenzisa igama elithi 'ziro' kaningi lapho ubhekise ophawini '0' futhi usebenzise 'lutho' osukwini lapho ukhuluma ngo-'akuna lutho' noma ukuthi 'akunazinto'.

Day 2

What you need

- Song: *Ten green bottles* (page 192)
- 10 balls
- 2 hula hoops
- 0 symbol and number word cards (*Resource Kit*)
- An empty bowl for the maths table
- Blank dot card



TIP

Count from 0 to 20 as learners move to their workstations and when walking to the toilet.

1. **Song:** Sing the song, *Ten green bottles* and dramatise with 10 learners.
2. **Oral counting:** 0–20 and beyond, 10–0. Point to the number washing line as you count.
3. **Counting objects 1–10:** Place the two hula hoops on the mat. Place 10 balls inside one hoop and leave the second hoop empty.

Guiding questions:

- ★ How many balls do you think there are in this hoop?

Learners count the balls in the hoop. Take seven balls out of the first hoop and put them inside the second hoop.

- ★ If we take seven balls from this hoop and put them in the empty hoop, how many balls are left in this hoop?

Learners count the balls in each hoop. Take the three balls from the first hoop and put them into the second hoop, leaving the first hoop empty.

- ★ How many balls are there in each hoop?
- ★ What happens when you take away all the balls from the one hoop and put them into the other hoop?

4. **Maths table:** Place the empty hoop on the maths table to represent the number 0.



TIP

There are many words that mean the same as zero, for example, *nought, nothing, nil*. Build on these words as learners use them, for example, ask what other word they could use instead of 'nothing'. Point out that these words all mean zero.

Guiding questions:

- ★ How many balls are there inside the hoop?

Show learners a blank dot card.

- ★ How many dots are there on this dot card?

One learner puts the blank card, the symbol and word card for zero on the maths table next to the empty bowl.

Learners go on a counting walk and point out a given number of objects (including zero).

Guiding questions:


- ★ Can you see:
  - A bus? How many wheels does it have?
  - A girl with two ponytails?
  - A house? How many roofs does it have?
  - A parking area with no cars?

5. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

## Usuku 2

## Okudingayo

- Iculo: *Amabhodlela aluhlaza satshani ayishumi* (ikhasi 193)
- Amabhola ayi-10
- Amahulahuphu ama-2
- Amakhadi a-0 ophawu nezinombolo zamagama (*Ikhithi Yezinsiza*)
- Isitsha esingenalutho setafula lezibalo
- Ikhadi elinamachashazi elingenalutho

 **ICEBO**  
Bala usuke ku-0 uye koku-20 lapho abafundi beya eziteshini zabo zokusebenzela nalapho beya endlini yangasese.

1. **Iculo:** Cula iculo, *Amabhodlela aluhlaza satshani ayishumi* ubuye ulingise kanye nabafundi abayi-10.
2. **Ukubala ngomlomo:** 0–20 nangaphezulu, 10–0. Khomba ulayini wokweneka wezinombolo ngenkathi ubala.
3. **Ukubala izinto 1–10:** Beka amahulahuphu amabili kumata. Faka amabhola ayi-10 phakathi kwehuphu eyodwa bese ushiya ihubhu yesibili ingenalutho.

**Imibuzo ekuholayo:**

- ★ Ucabanga ukuthi mangaki amabhola kule huphu?

Abafundi babala emabhola ehuphini ngayinye. Khipha amabhola ayisikhombisa ehuphini yokuqala uwafake phakathi kwehuphu yesibili.

- ★ Uma sithatha amabhola ayisikhombisa kule huphu siwafake ehuphini engenalutho, mangaki amabhola asele kule huphu?

Abafundi babala amabhola ehuphini ngayinye. Thatha amabhola amathathu ehuphini yokuqala uwafake ehuphini yesibili, ushiye ihuphu yokuqala ingenalutho.

- ★ Mangaki amabhola akhona ehuphini ngayinye?
- ★ Kwenzekani uma ukhipha wonke amabhola ehuphini eyodwa uwafake kwenye ihuphu?

4. **Itafula lezibalo:** Beka ihuphu engenalutho etafuleni lezibalo ukumela inombolo 0.

**Imibuzo ekuholayo:**

- ★ Mangaki amabhola akhona ngaphakathi kwehuphu?

Bonisa abafundi ikhadi lamachashazi elingenalutho.

- ★ Mangaki amachashazi akhona kuleli khadi elinamachashazi?


Umfundi oyedwa ubeka ikhadi elingenalutho, ikhadi lophawu namagama kumele uziro etafuleni lezibalo eduze kwesitsha esingenalutho.

Abafundi bathatha uhambo lokubala bakhombe inombolo ethile yezinto (kubandakanya uziro).

**Imibuzo ekuholayo:**

- ★ Ngabe ubona:
  - Ibhasi? Linamasondo amangaki?
  - Intombazane enamashobana amabili ekhanda?
  - Indlu? Inophahla olungaki?
  - Indawo yokupaka engenazo izimoto?

5. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.

 **ICEBO**  
Kunamagama amaningi asho into efanayo nelithi ziro, isibonelo, *iqanda, lutho*. Yakhela kulawa magama ngenkathi abafundi bewasebenzisa, isibonelo, buza ukuthi yiliphi elinye igama abangalisebenzisa esikhundleni sokuthi 'lutho'. Khomba ukuthi la magama wonke asho uziro.

### Day 3

#### What you need

- Song: *Ten green bottles* (page 192)
- 11 tubs
- 55 counting sticks
- Number dot cards 1–10 (*Resource Kit*)
- Blank dot card
- Number symbol cards 0–10

1. **Song:** Sing the song, *Ten green bottles*.
2. **Oral counting:** 0–20 and beyond, 10–0.



**TIP**

Counting backwards is a meaningful way for learners to learn about zero.

3. **Counting objects 1–10:** Learners sit in a circle. They take turns to take a card from the pack. All learners show as many fingers as dots on the card, counting together. If the card shows 0, learners show a fist to represent 0 fingers.
4. **Dot cards and ordering numbers 0–10:** Show learners dot cards 1–10. Hold up the blank dot card representing 0.

#### Guiding questions:

- ★ How many dots are there on this dot card?

Stick a dot card from 0 to 10 on the outside of each tub and place the related number symbol inside each tub. Place the tubs on the mat in random order. Learners take turns to place counting sticks in the tubs according to the number of dots.

Put the 7, 4, 9 and 0 tubs on the mat. Learners take turns to arrange the containers from the smallest to the biggest number.

- ★ How can we put these containers in order from the smallest to the biggest number?
- ★ Which is the smallest/biggest number?

Repeat using other combinations as well as ordering from the biggest to the smallest number.

5. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

### Day 4

#### What you need

- Song: *Ten green bottles* (page 192)
- 10 pictures of large objects
- A cloth
- Number washing line and number cards 0–10

1. **Song:** Sing the song, *Ten green bottles*.
2. **Oral counting:** 0–20 and beyond, 10–0.
3. **Counting objects 1–10:** Put 10 pictures of objects on the wall and cover them with a cloth. Uncover the pictures.

#### Guiding questions:

- ★ How many pictures of objects are on the wall?

## Usuku 3

## Okudingayo

- Iculo: *Amabhodlela aluhlaza satshani ayishumi* (ikhasi 193)
- Izitsha eziyi-11
- Izinti zokubala ezingama-55
- Amakhadi ezinombolo amachashazi 1–10 (*Ikhithi Yezinsiza*)
- Ikhadi lamachashazi elingenalutho
- Amakhadi ezimpawu ezinombolo 0–10



1. **Iculo:** Cula iculo, *Amabhodlela aluhlaza satshani ayishumi*.
2. **Ukubala ngomlomo:** 0–20 nangaphezulu, 10–0.
3. **Ukubala izinto 1–10:** Abafundi bahlala benze indilinga. Banikana amathuba ngokuthatha ikhadi enqwabeni yawo. Bonke abafundi bakhombisa iminwe eminingi njengamachashazi asekhadini, bebala ndawonye. Uma ikhadi likhombisa u-0, abafundi bakhombisa isibhakela esimela lokhu ngokwenza iminwe engu-0.
4. **Amakhadi anamachashazi nokuhlela izinombolo 0–10:** Bonisa abafundi amakhadi anamachashazi 1–10. Phakamisa ikhadi elinamachashazi elingenalutho elimele u-0.

**Imibuzo ekuholayo:**

- ★ Mangaki amachashazi akhona kuleli khadi elinamachashazi?

Namathisela ikhadi elinamachashazi ukusuka ku-0 kuye ku-10 ngaphandle kwesitsha ngasinye bese ubeka uphawu lwenombolo ehlobene ngaphakathi esitsheni ngayinye. Beka izitsha kumata ngokungahlelekile nje. Abafundi banikana amathuba ngokubeka izinti zokubala ezitsheni ngokwesibalo samachashazi.

Beka izitsha 7, 4, 9 no-0 kumata. Abafundi banikana amathuba ukuhlela iziqukathi ukusuka enombolweni encane kakhulu ukuya kwenkulu kakhulu.

- ★ Singazihlela kanjani lezi ziqukathi kusukela enombolweni encane kakhulu kuya kwenkulu kakhulu?

- ★ Iyiphi inombolo enkulu kakhulu/encane kakhulu?

Phinda usebenzise ezinye izinhlanganisela kanye nokuhlela ukusuka enombolweni enkulu kakhulu ukuya kwencane kakhulu.

5. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esitsheni sokusebenzela ngasinye.

## Usuku 4

## Okudingayo

- Iculo: *Amabhodlela aluhlaza satshani ayishumi* (ikhasi 193)
- Izithombe eziyi-10 zezinto ezinkulu
- Indwangu
- Ulayini wokweneka wezinombolo kanye namakhadi ezinomboo 0–10

1. **Iculo:** Cula iculo, *Amabhodlela aluhlaza satshani ayishumi*.
2. **Ukubala ngomlomo:** 0–20 nangaphezulu, 10–0.
3. **Ukubala izinto 1–10:** Beka izithombe zezinto eziyi-10 odongeni bese uzimboza ngendwangu. Yembula izithombe.

**Imibuzo ekuholayo:**

- ★ Kukhona izithombe zezinto ezingaki odongeni?



Remove one/two/three of the pictures and repeat the process. Continue until there are no pictures.

★ How many pictures are on the wall now?

4. **Practising and ordering numbers 0–10:** Take the number cards off the number washing line except for 3 and 7. Give the nine cards you removed to the learners. Learners take turns to peg the numbers on the number washing line in the correct order.

**Guiding questions:**

- ★ Where should we place the number 1/5/10? How do you know?
- ★ Which number comes before/after \_\_\_\_?
- ★ Where should we place the number 0? Why?

5. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

## Day 5

### What you need

- Song: *The ants go marching two by two* (page 188)
- Masking tape/chalk
- Number symbol cards 0–10
- Poster 6

1. **Song:** Sing the song, *The ants go marching two by two*, with actions.
2. **Oral counting:** 0–20 and beyond, 10–0.
3. **Counting objects 1–10:** Learners stand on one side of the class. One learner displays a number card. The other learners hop the number of times shown on the card and count aloud. If 0 is shown, learners stay where they are without hopping.
4. **Jumping track:** Use masking tape or chalk to create a number jumping track from 0–10 on the mat. Learners take turns to stand in the 'zero' block and jump as directed.


**Guiding questions:**

- ★ Can you jump to number 6/4/7, and so on? (Show learners number symbols.)
- ★ How many times should you jump to get to this number? (Show the 0 number symbol.)
- ★ Why didn't you jump?

5. **Practising 0–10:** Discuss Poster 6. Talk about what the learners can see.

**Guiding questions:**

- ★ How many wings does the chicken/duck/bird have?
- ★ How many wings does the horse have?
- ★ How many birds/apples do you see in/on the tree?



Instead of hopping learners can clap their hands.

Susa isithombe esisodwa/ezimbili/ezintathu bese uphinda okade ukwenza. Qhubeka kuze kungabi bikho zithombe.

★ Kukhona izithombe zezinto ezingaki odongeni manje?

4. **Ukuzejwayeza nokuhlela ngokulandelana izinombolo 0–10:** Susa amakhadi ezinombolo kulayini wokweneka wezinombolo ngaphandle kuka-3 no-7. Nika abafundi amakhadi ayisishiyagalolunye owasusile. Abafundi banikana amathuba ngokunamathisela ngephekisi izinombolo kulayini wokweneka wezinombolo ngokulandelana okufanele.

**Imibuzo ekuholayo:**

- ★ Singayibeka kuphi inombolo 1/5/10? Wazi kanjani?
- ★ Iyiphi inombolo yokuqala ngaphambili/ngemuva \_\_\_\_?
- ★ Singayibeka kuphi inombolo 0? Kungani?

5. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.

## Usuku 5

### Okudingayo

- Iculo: *Izintuthwane zimasha ngazimbili* (ikhasi 189)
- Amakhadi ezimpawu zezinombolo 0–10
- Itheyiphu yokumboza/ushoki
- IPhosta 6

1. **Iculo:** Culani iculo elithi, *Izintuthwane zimasha ngazimbili*, nenze neminyakazo.
2. **Ukubala ngomlomo:** 0–20 nangaphezulu, 10–0.
3. **Ukubala izinto 1–10:** Abafundi bama ecaleni elilodwa lekilasi. Umfundi oyedwa ubonisa ikhadi lenombolo. Abanye abafundi bagxuma izikhathi zenombolo esekhadini bese bebala kakhulu. Uma kukhonjiswa u-0, abafundi bahlala lapho bekhona ngaphandle kokugxuma.
4. **Umzila wokugxuma:** Sebenzisa itheyiphu yokumboza noma ushoki ukuze wakhe inombolo yomzila wokugxuma wamabhulokhi kusukela ku-0–10 kumata. Abafundi banikana amathuba ngokuma ebhulokhini ka-'ziro' bese begxuma njengoba beyalelwe.

**Imibuzo ekuholayo:**


- ★ Ngabe ungagxuma uye enombolweni 6/4/7, njalonzalo? (Khombisa abafundi izimpawu zezinombolo.)
- ★ Ungagxuma kangaki ukuze ufike kuleyo nombolo? (Khombisa uphawu lwenombolo u-0.)
- ★ Awugxumanga ngani?

5. **Ukuzejwayeza 0–10:** Xoxa ngePhosta 6. Khuluma ngalokho abafundi abangakubona.

**Imibuzo ekuholayo:**

- ★ Inkukhu/idada/inanyi kunamaphiko amangaki?
- ★ Ihashi linamaphiko amangaki?
- ★ Zingaki izinyoni/amahhabhula owabona esihlahleni?

 **ICEBO**  
Esikhundleni sokugxuma abafundi bangashaya izandla.



- ★ Can you find an animal that has spots/no spots?
- ★ How many animals can you see that have tails?
- ★ How many tails does Malusi have?

6. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

### Integration

**Home Language:** Listen and respond to simple instructions, vocabulary building.

**Life Skills:** Problem solving and sharing reasons for solutions, manipulation of objects that are different colours, sizes and shapes.

## Small group activities

### Teacher-guided activity

#### What you need

- Symbol card and word card for 0 – one pair per learner
- Egg cartons (12-cup) with counters in some of the cups – 1 per learner
- Number track 0–10
- 55 Unifix blocks
- 50–60 coloured counters
- Playdough and mat per learner
- A tub with 10 animal counters – 1 per learner



#### TIP

Learners can use counters or their fingers to represent the bees. This helps them to prepare to work with problems at an abstract level.

1. **Word problems:** Learners place their tubs in front of them and count out 10 counters.

#### Guiding questions:

- ★ There are three bees on a blue flower and six bees on a red flower. How many bees are there altogether?
- ★ Two of the bees on the blue flower went back to the hive. How many bees are on the blue flower now?
- ★ Three bees from the red flower flew back to the hive. How many bees are on the red flower now?

2. **Counting objects:** Learners watch as you place five counters in one hand and four counters in the other hand. Show them your closed hands and say, 'I have five counters in this hand and four counters in my other hand.'

#### Guiding questions:

- ★ How many counters do you think I have altogether?
- ★ (Open one hand. Learners count the counters in that hand.) How many counters are there?
- ★ (Open the other hand. Learners count the counters in that hand.) How many counters are there?
- ★ How many counters are there altogether?

Repeat using other combinations up to 10, including one empty hand.

- ★ Ngabe ungasithola isilwane esinamabala/esingenamabala?
- ★ Ubona izilwane ezingaki ezinemisila?
- ★ Ngabe unemisila emingaki uMalusi?

6. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.

### Ukudidiyela

**Ulimi Lwasekhaya:** Lalela bese uphendula imiyalo elula, ukwakha ulwazimagama.

**Amakhono Empilo:** Ukusombulula izinkinga kanye nokwabelana ngezizathu zezisombululo, ukusebenza izinto ezehlukene ngemibala, ubukhulu nezimo.

## Imisebenzi yamaqembu amancane

### Umsebenzi oholwa uthisha

#### Okudingayo

- Ikhadi lezimpawu nekhadi legama lika-0 – ipheya elilodwa kumfundi ngamunye
- Amakhathoni amaqanda (izinkomishi eziyi-12) anezinto zokubala kwezinye zezinkomishi – eli-1 kumfundi ngamunye
- Umzila wezinombolo 0–10
- Amabhulokhi axhume kayo angama-55
- Izinto zokubala ezinemibala ezingama-50–60
- Inhlama yokudlala nomata womfundi ngamunye
- Isitsha esinezinto zokubala zezilwane eziyi-10 – esi-1 kumfundi ngamunye



Abafundi bangasebenzisa izinto zokubala noma iminwe yabo ukumela izinyosi. Lokhu kubasiza ukuba balungiselele ukusebenza nezinkinga ezingeni lokungabonakali.

1. **Izinkinga zamagama:** Abafundi babeka izitsha zabo phambi kwabo bese bebala bekhapha izinto zokubala eziyi-10.

#### Imibuzo ekuholayo:

- ★ Kunezinyosi ezintathu embalini eluhlaza sasibhakabhaka nezinyosi eziyisithupha embalini ebomvu. Zingaki izinyosi uma sezizonke?
- ★ Izinyosi ezimbili embalini eluhlaza sasibhakabhaka zabuyela esidlekeni. Zingaki izinyosi ezisembalini eluhlaza sasibhakabhaka manje?
- ★ Izinyosi ezintathu ezazisembalini ebomvu zandiza zabuyela esidlekeni. Zingaki izinyosi ezisembalini ebomvu manje?

2. **Ukubala izinto:** Abafundi bayabuka lapho ubeka izinto zokubala ezinhlanu esandleni esisodwa kanye nezinto zokubala ezine kwesinye isandla. Bakhombise izandla zakho ezivaliwe bese uthi, 'Nginezinto zokubala ezinhlanu kulesi sandla kanye nezinye izinto zokubala ezine kwesinye isandla sami.'

#### Imibuzo ekuholayo:

- ★ Zingaki izinto zokubala enicabanga ukuthi nginazo uma sezizonke?
- ★ (Vula isandla esisodwa. Abafundi babala izinto zokubala kuleso sandla.) Zingaki izinto zokubala ezikhona?
- ★ (Vula esinye isandla. Abafundi babala izinto zokubala kuleso sandla.) Zingaki izinto zokubala ezikhona?
- ★ Zingaki izinto zokubala uma sezizonke?

Phinda usebenzise ezinye izinhlanganisela ukufika e-10, kuhlangukane nesandla esisodwa esingenalutho.

3. **Matching an empty set with 0 symbol and word cards:**

Put 1–10 counters in some of the egg carton cups, leaving a few cups empty. Learners place the 0 number symbol and number word next to the cups that are empty.



**Guiding questions:**

- ★ Which cup do you think has the most/least counters? Why do you think that?
- ★ Which cups are empty? How many counters are in those cups?
- ★ How many empty cups are there altogether?

4. **Addition and subtraction:** Learners place their counters on the mat and turn their tubs upside down. They place five counters under their tub.

**Guiding questions:**

- ★ How many counters are under your tub?

Learners take two counters from under their tubs and place them on top of their tubs.

- ★ Now how many counters are under your tub? How many are on top? How many are there altogether?

Repeat using different combinations to 10.

Learners place all their counters on top of their tubs.

- ★ How many counters are under your tub? (None)

5. **Number track towers:** Place the number track and Unifix blocks on the mat. Learners take turns to say the number on each square of the track and to place a tower built from the correct number of Unifix blocks on the square.



**Guiding questions:**

- ★ How many Unifix blocks did you use for the tower on that number square?
- ★ Which group has more/fewer blocks?
- ★ How many blocks are on the zero?

6. **Practising number 0 using playdough:** Learners make the number symbol 0 out of playdough. Support learners who are ready to write 0.



**TIP**

Include examples of adding to and subtracting zero, for example: 'Place zero counters on top of your tub.'



**Check that learners are able to:**

- count groups of objects 1–10
- orally solve problems with numbers 0–10
- break down and build up numbers 0–10
- compare numbers in the range of 0–10
- recognise, match and name number symbols and number words for zero



### 3. Ukuqondanisa isethi engenalutho enophawu u-0 namakhadi amagama:

Faka izinto zokubala ezingu-1–10 kwezinye zezinkomishi zekhathoni lamaqanda, ushiye izinkomishi ezimbalwa zingenalutho. Abafundi babeka uphawu lwenombolo engu-0 negama lenombolo eduze kwezinkomishi ezingenalutho.



#### Imibuzo ekuholayo:

- ★ Iyiphi inkomishi ocabanga ukuthi inezinto zokubala ezingi kakhulu/ezincane kakhulu kunenye? Kungani ucabanga kanjalo?
- ★ Yiziphi izinkomishi ezingenalutho? Zingaki izinto zokubala kulezo zinkomishi?
- ★ Zingaki izinkomishi ezingenalutho uma sezizonke?

### 4. Ukuhlanganisa nokususa: Abafundi babeka izinto zokubala zabo kumata bese bebhekisa phansi izitsha zabo. Babeka izinto zokubala ezinhlanu ngaphansi kwesitsha sabo.

#### Imibuzo ekuholayo:

- ★ Zingaki izinto zokubala ezingaphansi kwesitsha sakho? Abafundi bathatha izinto zokubala ezimbili ngaphansi kwezitsha zabo bazibeke phezu kwezitsha zabo.
- ★ Zingaki manje izinto zokubala ezingaphansi kwesitsha sakho? Zingaki ezingaphezulu? Zingaki uma sezizonke? Phinda usebenzise izinhlanganisela ezahlukene ukuya e-10. Abafundi babeka zonke izinto zokubala phezu kwezitsha zabo.
- ★ Zingaki izinto zokubala ezingaphansi kwesitsha sakho? (Azikho)


### 5. Imibhoshongo yokulandela inombolo: Beka imizila yezinombolo kanye namabhulokhi axhume kayo kumata. Abafundi banikana amathuba ukusho inombolo esikweleni ngasinye somzila, bese bebeka esikweleni umbhoshongo owakhiwe ngenombolo efanele yamabhulokhi axhume kayo.

#### Imibuzo ekuholayo:

- ★ Mangaki amabhulokhi axhume kayo owasebenzisele umbhoshongo kuleso sikwele senombolo?
- ★ Iliphi iqembu elinamabhulokhi amaningi/ayingcosana?
- ★ Mangaki amabhulokhi akuziro?

### 6. Ukuzejwayeza inombolo 0 usebenzisa inhlama yokudlala:

Abafundi benza uphawu lwenombolo 0 ngenhlama yokudlala. Sekela abafundi abakulungele ukubhala 0.

 **ICEBO**  
Bandakanya izibonelo zokuhlenganisa nokususa uziro, isibonelo: 'Beka izinto zokubala ezinguziro phezu kwesitsha sakho.'



#### Hlola ukuthi abafundi bayakwazi uku-:

- bala amaqoqo ezinto 1–10
- xazulula izinkinga ngomlomo ngezinombolo 0–10
- hlakaza babuye bakhe izinombolo 0–10
- qhathanisa izinombolo ebangeni lika-0–10
- bona, ukuqondanisa nokubiza izimpawu zezinombolo namagama enombolo uziro



### Workstation 1



#### What you need

- Playdough
- Playdough template: Number 0 (page 214) – 1 per learner

Learners use playdough to complete the template. They create baskets, boxes, nests, and so on, with nothing inside.

### Workstation 2



#### What you need

- 1 ice tray
- 200 coloured counters (*Resource Kit*)
- Dice with the 6-dot side covered with a sticker and replaced with '0'

The first learner rolls the dice and places that number of counters in one of the ice-tray compartments. The next learner does the same, placing that number of counters in the next compartment. Repeat.

### Workstation 3

#### What you need

- A tub with 10 fruit counters – 1 per learner
- Dice

Learners place their counters in a row. They take turns to roll the dice and subtract from their row the same number of counters as shown on the dice and place them in their tubs. The first learner to place all their counters in their tub wins.

### Workstation 4

#### What you need

- 6 tennis balls
- Ramp (for example, a wide plank)
- 4 tubs covered in different coloured paper

Place the ramp at a raised angle of about 20 cm from the floor. Place the tubs on the floor at the high end of the ramp. Learners take turns to roll their balls up the ramp and try to land their balls in the tubs. They count the total number of balls that landed in the tubs.



## Isiteshi sokusebenzela 1



### Okudingayo

- Inhlama yokudlala
- Ithempulethi yenhlama yokudlala: Inombolo 0 (ikhasi 215) – oku-1 umfundi ngamunye

Abafundi basebenzisa inhlama yokudlala ukuze bagcwalise ithempulethi. Bakha obhasikidi, amabhokisi, izidleke, njalonjalo, okungenalutho ngaphakathi.

## Isiteshi sokusebenzela 2



### Okudingayo

- Ithileyi leqhwa eli-1
- Izinto zokubala ezinemibala ezingama-200 (*Ikhithi Yezinsiza*)
- Idayisi elinecala lamachashazi ayisi-6 elimbozwe ngesitikha kanti esikhundleni salo kuno-'0'.

Umfundi wokuqala ugingqa idayisi, abeke lesi sibalo sezinto zokubala kwelinye lezikhala zethileyi leqhwa. Umfundi olandelayo wenza okufanayo, ebeka lesi sibalo sezinto zokubala esikheleni esilandelayo. Phinda.

## Isiteshi sokusebenzela 3

### Okudingayo

- Isitsha esinezinto zokubala zezithelo eziyi-10 – esi-1 kumfundi ngamunye
- Idayisi

Abafundi babeka izinto zokubala zabo zibe umugqa. Banikana amathuba ukugingqa idayisi, bese besusa ohlwini lwabo isibalo esifanayo sezinombolo njengoba kukhonjisiwe edayisini, bese bewabeka ezitsheni zabo. Umfundi wokuqala obeke zonke izinto zokubala esitsheni uyawina.

## Isiteshi sokusebenzela 4

### Okudingayo

- Amabhola ethenisi ayisi-6
- Irempu (isibonelo, ipulangwe elibanzi)
- Izitsha ezi-4 ezimbozwe ngephepha elinemibala ehlukeni

Beka irempu endaweni ephakeme engaba ngama-20 cm (sentimitha) ukusuka phansi. Beka izitsha phansi ekugcineni okuphakeme kwerempu. Abafundi banikana amathuba ukugingqa amabhola abo aye phezulu erempini bese bezama ukubeka amabhola abo esitsheni. Babala isamba samabhola angene esitsheni.



# Content Area Focus: Patterns, Functions and Algebra

## Topics

- Geometric patterns: make, copy and extend patterns

## New knowledge

- Create, copy and extend an auditory pattern
- Draw patterns from objects

## Practise

- Oral counting: forwards 0–20 and beyond, backwards 10–0
- Counting objects 1–10
- Create, copy and extend patterns using concrete objects

## New maths vocabulary


sequence

make the pattern

## Getting ready

For the activities this week, you will need to prepare the following:

- 3 large colour pattern cards:
  - green and red
  - green, red and yellow
  - green, red, yellow and blue
- 30 rhythm instruments that can be sorted into 4 groups (one group should have 10 instruments)
- basket/clear container with 10 objects, some with repeating patterns and some with patterns that do not repeat, for example, wrapping paper, stickers, fabric offcuts, tiles, necklaces, bracelets, pinecones, flowers, socks, shells, and so on
- paper cut into the shape of a T-shirt – 1 per learner
- 8 number pattern cards, for example, 2 1 2 1; 4 3 4 3



3 4 3 4	2 3 2 3
5 4 5 4	4 5 4 5
1 3 1 3	4 3 4 3
3 2 3 2	2 1 2 1

- geometric paper shapes: circle, square, rectangle, triangle – 6 of each per learner
- 8 pattern cards (see Workstation 2).

# Ingxenye Yolwazi Okugxilwe Kuyo: Amaphethini, Amafankshini kanye ne-Aljebhra

**Izihloko**

- Amaphethini ejiyomethri: yenza, kopisha bese welula amaphethini

**Ulwazi olusha**

- Yenza, kopisha bese welula iphethini lokuzwakalayo
- Dweba amaphethini ngezinye izinto

**Zejwayeze**


- Ukubala ngomlomo: ukuya phambili 0–20 nangaphezulu, ukuhlehla 10–0
- Ukubala izinto 1–10
- Yenza, kopisha bese welula amaphethini usebenzisa izinto eziphathekayo

## Ulwazimagama olusha olusetshenziswa ezibalweni

ukulandelana

yenza iphethini

## Ukulungiselela



Emisebenzini yaleli sonto, uzodinga ukulungisa lokhu okulandelayo:

- amakhadi ama-3 amakhulu ephethini lombala:
  - oluhlaza satshani nobomvu
  - oluhlaza satshani, obomvu kanye nophuzi
  - oluhlaza satshani, obomvu, ophuzi noluhlaza sasibhakabhaka
- izinsimbi zesigqi somculo ezingama-30 ezingahlungwa zibe amaqoqo ama-4 (iqoqo elilodwa kufanele libe nezinsimbi eziyi-10)
- ubhasikidi/isitsha esihlanzwe sakhanya esinezinto eziyi-10, ezinye zinamaphethini aphindaphindayo, kanti ezinye zinamaphethini angaphindaphindi, isibonelo, iphepha lokugoqa, izitikha, izidwedwe zendwangu, amathayili, imigexo, amasongo, amakhoni ephayini, izimbali, amasokisi, amagobolondo, njalonzalo
- iphepha elisikwe laba yisimo sethishethi – eli-1 kumfundi ngamunye
- amakhadi ayisi-8 amaphethini ezinombolo, isibonelo, 2 1 2 1; 4 3 4 3

3 4 3 4	2 3 2 3
5 4 5 4	4 5 4 5
1 3 1 3	4 3 4 3
3 2 3 2	2 1 2 1

- izimo zephepha zejiyomethri: indilinga, isikwele, unxande, unxantathu – eziyisi-6 kumfundi ngamunye
- amakhadi ayisi-8 amaphethini (bheka Isiteshi Sokusebenzela 2).

## Whole class activities

### Day 1

#### What you need

- Rhyme: *It's pattern time* (Activity Guide: Term 3, page 190)
- Small table/box
- 3 pattern cards:
  - Green and red
  - Green, red and yellow
  - Green, red, yellow and blue
- 1 red, green, blue and yellow counting stick per learner

1. **Rhyme:** Say the rhyme, *It's pattern time*, with actions.
2. **Oral counting:** 0–20 and beyond, 10–0.
3. **Counting objects 1–10:** Place 10 green, 5 red, 2 blue and 10 yellow counting sticks in separate piles on a small table or box so that all the learners can see them.

#### Guiding questions:

- ★ How many green/red/blue/yellow sticks do you think there are?
- ★ Which colours are there 0 sticks of?

Choose a learner to count and hold each pile as the class counts together.

- ★ How many sticks are left on the table/box?

4. **Extending patterns:**

Learners sit in a circle.

Place 30 green and 30 red sticks in the middle of the mat.

Each learner takes one green stick and one red stick. Show a pattern card with the two colours.

One learner starts by placing the correct colour stick on the mat. Learners take turns to continue the pattern until everyone has had a turn – the pattern will continue around the circle of learners.



Learners take turns to continue the pattern until everyone has had a turn – the pattern will continue around the circle of learners.

#### Guiding questions:

- ★ Who can tell me what the pattern is?
- ★ What colour stick will come next in this pattern?
- ★ What colour should we add next to extend the pattern?

Give each learner a yellow stick. Show a pattern card with three colours and repeat the activity.

- ★ Can you make a pattern with three colours?

Give each learner a blue stick and repeat with four colours.

5. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.



If learners have mastered these pattern skills, extend the activity using two attributes, such as colour and shape or size.

# Imisebenzi yekilasi lonke

## Usuku 1

### Okudingayo

- Umlolozelo: *Yisikhathi samaphethini (Umhlahlandlela Wemisebenzi: Ithemu 3, ikhasi 191)*
- Itafula/ibhokisi elincane
- Amakhadi ama-3 amaphethini:
  - oluhlaza satshani nobomvu
  - oluhlaza satshani, obomvu kanye nophuzi
- oluhlaza satshani, obomvu, ophuzi noluhlaza sasibhakabhaka
- Uthi lokubala olunombala obomvu, oluhlaza satshani, oluhlaza sasibhakabhaka nophuzi olu-1 kumfundi ngamunye

1. **Umlolozelo:** Isho umlolozele, *Yisikhathi samaphethini*, wenze neminyakazo.
2. **Ukubala ngomlomo:** 0–20 nangaphezulu, 10–0.
3. **Ukubala izinto 1–10:** Beka izinti zokubala eziyi-10 eziluhlaza satshani, ezi-5 ezibomvu, ezi-2 eziluhlaza sasibhakabhaka neziyi-10 eziphuzi ezinqwabeni ezahlukene etafuleni elincane noma ebhokisini ukuze bonke abafundi bazibone.

### Imibuzo ekuholayo:

- ★ Ucabanga ukuthi zingaki izinti eziluhlaza satshani/ezibomvu/eziluhlaza sasibhakabhaka/eziphuzi?
- ★ Yimiphi imibala enezinti ezi-0?

Khetha umfundi ozobala abambe inqwaba ngayinye ngenkathi ikilasi libala ndawonye.

- ★ Zingaki izinti ezisele etafuleni/ebhokisini?

4. **Ukwelula amaphethini:** Abafundi bahlala benze indilinga. Faka izinti ezingama-30 eziluhlaza satshani kanye nezibomvu ezingama-30 phakathi nomata. Umfundi ngamunye uthatha uthi olulodwa oluhlaza satshani kanye nothi olubomvu. Khombisa ikhadi lephethini elinemibala emibili.




Umfundi oyedwa uqala ngokubeka induku yombala efanele kumata. Abafundi banikana amathuba ukuqhubeka nephethini, wonke umuntu aze athole ithuba – iphethini lizoqhubeka lizungeze indilinga yabafundi.

### Imibuzo ekuholayo:

- ★ Ubani ongangitshela ukuthi liyini iphethini?
- ★ Iyiphi induku yombala ezolandela kuleli phethini?
- ★ Imuphi umbala okufanele siwufake olandelayo ukuze selule iphethini? Nikeza umfundi ngamunye induku ephuzi. Khombisa ikhadi lephethini elinemibala emithathu bese uphinda umsebenzi.
- ★ Ungakwazi yini ukwenza iphethini ngemibala emithathu? Nikeza umfundi ngamunye induku eluhlaza sasibhakabhaka bese uphinda ngemibala emine.

5. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.

 **ICEBO**  
Uma abafundi bewazi kahle la makhono amaphethini, yelula umsebenzi usebenzisa ama-athribhuthi amabili, njengombala nesimo noma ubukhulu.



## Day 2

### What you need

- Song: *Clap, snap and stamp* (page 194)

1. **Song:** Sing the song, *Clap, snap and stamp* with the following pattern: clap, snap fingers, stamp foot; clap, snap fingers, stamp foot, and so on.
2. **Oral counting:** 0–20 and beyond, 10–0.



**TIP**

When counting beyond 20, help learners understand that the numbers follow the same pattern as before. Remember that some learners may need more practice than others.

3. **Counting objects 1–10:** Learners stand in a line. They stamp their feet as they count from 1–10 and put their arms up in the air when they get to 10. They change directions and repeat the activity with another body movement, for example, clapping hands.
4. **Copying and extending sound patterns:** Learners stand in a circle. Create a pattern from the song, *Clap, snap and stamp*: Clap, clap, snap fingers, snap fingers, stamp foot, stamp foot (AABBCC). Learners each have a turn to repeat the pattern until everyone has had a turn.

#### Guiding questions:

- ★ What should come first/next in this pattern?

Repeat with an ABC movement, for example, jump, step to the right and turn around; jump, step to the right and turn around.

- ★ Can you copy these movements with your body?
- ★ Can you see a pattern? What is the pattern?
- ★ What is the pattern sequence?
- ★ How can you extend this pattern?

Repeat with an ABAB pattern with actions, for example, hop, stand with legs astride; hop, stand with legs astride.

5. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

## Day 3

### What you need


- Song: *Clap, snap and stamp* (page 194)
- Chalk/koki pens
- A3 paper
- Number symbol and number word cards 0–10
- An A4 sheet of paper

1. **Song:** Sing the song, *Clap, snap and stamp* with an ABBABB pattern (clap, snap fingers, snap fingers; clap, snap fingers, snap fingers).
2. **Oral counting:** 0–20 and beyond, 10–0.
3. **Counting objects 1–10:** Learners clap their hands, snap their fingers or stamp their feet the number of times displayed on a number symbol card. If a '0' is shown, learners don't do any actions.

## Usuku 2

## Okudingayo

- Iculo: *Shaya izandla, shaya izithupha bese ugxoba ngonyawo* (ikhasi 195)

 **ICEBO**  
Lapho ubala udlule ama-20, siza abafundi baqonde ukuthi izinombolo zilandela iphethini elifanayo nelangaphambilini. Khumbula ukuthi abanye abafundi bangadinga ukuzejwayeza okuningi kunabanye.

1. **Iculo:** Cula iculo, *Shaya izandla, shaya izithupha bese ugxoba ngonyawo* ngaleli phethini: shaya izandla, shaya izithupha, gxoba ngonyawo; shaya izandla, shaya izithupha, gxoba ngonyawo, njalonjalo.
2. **Ukubala ngomlomo:** 0–20 nangaphezulu, 10–0.
3. **Ukubala izinto 1–10:** Abafundi bama emgqeni. Bagxoba ngezinyawo phansi ngenkathi bebala ukusuka koku-1–10 babuye baphakamisele izingalo zabo emoyeni lapho befika ku-10. Baguqula izinkomba bese bephinda umsebenzi ngokunye ukunyakaza komzimba, isibonelo, ukushaya izandla.
4. **Ukukopisha nokwelula amaphethini omsindo:** Abafundi bema benze indilinga. Yakha iphethini eculweni, *Shaya izandla, shaya izithupha bese ugxoba ngonyawo*: Shaya izandla, shaya izandla, shaya izithupha, shaya izithupha, gxoba ngonyawo, gxoba ngonyawo (AABBCC). Abafundi ngamunye banethuba lokuphinda iphethini wonke umuntu aze athole ithuba.

## Imibuzo ekuholayo:

- ★ Yini okufanele ize kuqala/elandelayo kuleli phethini?

Phinda ngokunyakaza kwe-ABC, isibonelo, gxuma, iya kwesokudla bese uphenduka; gxuma, iya kwesokudla bese uphenduka.

- ★ Ungakwazi yini ukukopisha lokhu kunyakaza ngomzimba wakho?
- ★ Uyalibona iphethini? Lithini iphethini?
- ★ Kuyini ukulandelana kwephethini?
- ★ Ungalelula kanjani leli phethini?

Phinda ngephethini lika-ABAB ngeminyakazo, isibonelo, gxuma, yima ugxamalaze; gxuma, yima ugxamalaze.

5. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.

## Usuku 3

## Okudingayo

- Iculo: *Shaya izandla, shaya izithupha bese ugxoba ngonyawo* (ikhasi 195)
- Ushoki/amapeni amakhokhi
- Iphepha elingu-A3
- Amakhadi ezimpawu zezinombolo kanye namagama ezinombolo 0–10
- Iphepha elingu-A4

1. **Iculo:** Cula iculo, *Shaya izandla, shaya izithupha bese ugxoba ngonyawo* ngephethini le-ABBABB (shaya izandla, shaya izithupha, shaya izithupha; shaya izandla, shaya izithupha, shaya izithupha).
2. **Ukubala ngomlomo:** 0–20 nangaphezulu, 10–0.
3. **Ukubala izinto 1–10:** Abafundi bashaya izandla, bashaye izithupha noma bagxobe ngezinyawo zabo izikhathi ezivezwe ekhadini lezimpawu zezinombolo. Uma kukhonjiswa u-'0', abafundi abenzi lutho.



**TIP**

Help learners to explain the rule for the patterns they are copying or creating. This helps to develop their thinking skills.


4. **Identify the pattern rule:** One learner creates his/her own sound pattern, for example, clap, clap, snap fingers, snap fingers; clap, clap, snap fingers, snap fingers. Other learners say what the pattern is and repeat it.

In pairs, learners create their own sound patterns. One learner makes up a sound pattern and the partner explains what the pattern is and repeats it. Then they reverse roles.

**Guiding questions:**

- ★ What can you tell me about the pattern?
- ★ Can you make a pattern like this?

5. **Geometric patterns:** Draw a shape pattern on the board or a strip of paper, for example, circle, triangle, triangle; circle, triangle, triangle. Make at least three repetitions of the pattern.



**Guiding questions:**

- ★ What can you tell me about this pattern?
- ★ What shape comes before/after the first circle/second triangle?
- ★ What is the third shape in the pattern?
- ★ What shape is first/last?

Cover the last three shapes with a sheet of paper.

- ★ What shape comes next in the sequence?
- ★ Can anyone draw what comes next in the pattern?

A few learners draw the three hidden shapes on the paper according to the sequence.

6. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

**Day 4**

**What you need**

- Song: *Clap, snap and stamp* (page 194)
- 30 rhythm instruments to create 4 groups of instruments (one group must have 10 instruments)
- Pattern cards with colour dots from Day 1


1. **Song:** Sing the song, *Clap, snap and stamp* with an AABAAB pattern (clap, clap, snap fingers; clap, clap, snap fingers).
2. **Oral counting:** 0–20 and beyond, 10–0.
3. **Counting objects 1–10:** Learners count together as four learners sort the musical instruments into piles according to the type of instrument.

**Guiding questions:**

- ★ How many tambourines/drums/cymbals/triangles/shakers are there?
- ★ Are there more/fewer drums or shakers? How many more/fewer?
- ★ Which group has 10 instruments?


**ICEBO**

Siza abafundi ukuchaza umthetho wamaphethini abawakopishayo noma abawakhayo. Lokhu kusiza ekuthuthukiseni amakhono abo okucabanga.



4. **Hlonza umthetho wephethini:** Omunye umfundi uzakhela elakhe iphethini lomsindo, isibonelo, shaya izandla, shaya izandla, shaya izithupha, shaya izithupha; shaya izandla, shaya izandla, shaya izithupha, shaya izithupha. Abanye abafundi basho ukuthi iphethini liyini bese beliphinda.

Ngababili, abafundi bazakhela awabo amaphetheni emisindo. Umfundi oyedwa wenza iphethini lomsindo, bese umlingani echaza ukuthi liyini iphethini bese eliphinda. Bese beshintsha izindawo abazidlalayo.

**Imibuzo ekuholayo:**

- ★ Ungangitshelani ngephethini?
- ★ Ungakwazi yini ukwenza iphethini elifana naleli?

5. **Amaphethini ejjyomethri:** Dweba iphethini lesimo ebhodini noma emd weshwini wephepha, isibonelo, indilinga, unxantathu, unxantathu; indilinga, unxantathu, unxantathu. Yenza okungenani izimpinda ezintathu zephethini.

**Imibuzo ekuholayo:**

- ★ Ungangitshelani ngaleli phethini?
- ★ Yisiphi isimo esiza ngaphambi/ngemuva kwendilinga yokuqala/unxantathu wesibili?
- ★ Yisiphi isimo sesithathu ephethinini?
- ★ Yisiphi isimo sokuqala/sokugcina?

Mboza izimo ezintathu zokugcina ngephepha.

- ★ Yisiphi isimo esiza ngokulandelayo ekulandelaneni?
- ★ Ukhona yini ongadweba okulandelayo ephethinini?

Abafundi abambalwa badweba izimo ezintathu ezifihliwe ephetheni ngokulandelana.

6. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.

## Usuku 4

### Okudingayo

- Iculo: *Shaya izandla, shaya izithupha bese ugxoba ngonyawo* (ikhasi 195)
- Izinsimbi ezingama-30 zesigqi ukuze wakhe amaqoqo ama-4
- ezinsimbi (iqoqo elilodwa kufanele libe nezinsimbi eziyi-10)
- Amakhadi ephethini anamachashazi anemibala kuthathwe kuSuku 1

1. **Iculo:** Cula iculo, *Shaya izandla, shaya izithupha bese ugxoba ngonyawo* ngephethini ye-AABAAB (shaya izandla, shaya izandla, shaya izithupha; shaya izandla, shaya izandla, shaya izithupha).
2. **Ukubala ngomlomo:** 0–20 nangaphezulu, 10–0.
3. **Ukubala izinto 1–10:** Abafundi babala ndawonye ngenkathi abafundi abane behlela izinsimbi zomculo zibe yizingqaba ngokuya ngohlobo lwensimbi.

**Imibuzo ekuholayo:**

- ★ Mangaki amathamborini/izigubhu/amasimbali/onxantathu/izikhehlekhehle?
- ★ Ingabe kukhona izigubhu noma izikhehlekhehle eziningi/eziyingcosana? Ziningi/ziyingcosana ngezingaki?
- ★ Iliphi iqembu elinezinsimbi eziyi-10?



**TIP**

Learners can explore a variety of patterns with their instruments, for example, AB, AAB, ABB, ABC.

4. **Musical patterns:** Play a musical pattern on a musical instrument, for example, soft, soft, loud, loud; soft, soft, loud, loud.

**Guiding questions:**

- ★ What can you tell me about the pattern?
- ★ Can you use your hands and feet to create the same pattern?

Change the pattern, for example, soft, loud, loud; soft, loud, loud, and repeat.

- ★ How has the pattern changed?

Pass out rhythm instruments to four groups. Groups take turns to repeat the two musical patterns.

- ★ Can you repeat/extend the pattern?

Show learners a colour dot pattern card and discuss the pattern. Groups take turns to copy and extend the pattern using their musical instruments. Groups use the pattern to create their own sound patterns, for example, loud for red, soft for yellow; fast for red, slow for yellow.

- ★ Tell me about the pattern.
- ★ Can you make the same pattern?
- ★ How does it sound?



Other groups repeat each group's sound pattern with their instruments. Groups take turns to create and demonstrate their own sound patterns with their instruments. Other groups join in.

5. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

## Day 5

### What you need

- Song: *Clap, snap and stamp* (page 194)
- A basket/clear container with 10 objects with repeating and non-repeating patterns
- Poster 4

1. **Song:** Sing the song, *Clap, snap and stamp*. Learners suggest their own pattern sequences.
2. **Oral counting:** 0–20 and beyond, 10–0.
3. **Counting objects 1–10:** Display the basket of collected objects.

**Guiding questions:**

- ★ How many objects do you think are in my basket?
- ★ Have I got enough to give everyone in the class one object?
- ★ How can we find out?

Count the objects as you hand each object to a different learner.

- ★ Were there enough objects?
- ★ Are there more objects or more learners?

 **ICEBO**  
Abafundi bangahlola  
izinhlobonhlobo  
zamaphethini  
ngezinsimbi zabo  
zomculo, isibonelo,  
AB, AAB, ABB, ABC.



4. **Amaphethini omculo:** Dlala iphethini lomculo ensimbini yomculo, isibonelo, esholo phansi, esholo phansi, esholo phezulu, esholo ephezulu; esholo phansi, esholo phansi, esholo phezulu, esholo phezulu.

**Imibuzo ekuholayo:**

- ★ Ungangitshelani ngephethini?
- ★ Ungakwazi yini ukusebenzisa izandla nezinyawo zakho ukwenza iphethini elifanayo?

Shintsha iphethini, isibonelo, phansi, phezulu, phezulu; phansi, phezulu, phezulu, bese uyaphinda.

- ★ Lishintshe kanjani iphethini?

Nika amaqembu amane izinsimbi zomculo. Amaqembu anikana amathuba ukuphinda amaphethini amabili omculo.

- ★ Ungakwazi yini ukuphinda/ukwelula iphethini?

Bonisa abafundi ikhadi lephethini lombala nechashazi bese nixoxa ngephethini. Amaqembu anikana amathuba ukuze akopishe futhi elule iphethini esebenzisa izinsimbi zawo zomculo. Amaqembu asebenzisa iphethini ukuze akhe amaphethini awo emisindo, isibonelo, umsindo ozwakalayo ngokubomvu, othambile ngokuphuzi; ukushesha ngokubomvu, ukunensa ngokuphuzi.

- ★ Ngitshele ngephethini.
- ★ Ungakwazi yini ukwenza iphethini elifanayo?
- ★ Lizwakala kanjani?

3. **Counting objects 1–10:** Put up number symbols 1–10 around the room. Hold up a dot card and learners walk/jump/hop to the correct number symbol.
4. **Practising shape attributes:** Learners sit back to back in pairs. Give each learner an attribute block, which they should not let their partner see. One of the pair asks questions about the partner's shape until she or he can guess what it is.

Guiding questions:

- ★ Does it have straight sides?
- ★ How many sides/corners does it have?

Put an attribute block behind your back. Describe the shape and let learners guess what it is.


- ★ It has 4 equal sides and 4 corners. What is it?
- ★ It has 2 long sides and 2 short sides. What is it?

Select a few of the shape cards and place them on the wall in different orientations, for example, upside down, sideways. Ask learners to identify the shapes.



**TIP**

Showing pictures in different positions helps learners identify shapes even when they are oriented differently.



Guiding questions:

- ★ What shape do you see? How do you know?
  - ★ Can you find a triangle? How did you know it was a triangle?
5. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

## Usuku 4

## Okudingayo

- Iculo: *Indilinga ifana nebholo* (ikhasi 201)
- Izimpawu zezinombolo 1–10
- Amakhadi ezimo angama-32
- Amabhulokhi e-athribhuthi (*Ikhithi Yezinsiza*)
- Amakhadi anamachashazi 1–10 (*Ikhithi Yezinsiza*)

1. **Iculo:** Cula iculo, *Indilinga ifana nebholo*, ngezenzo.
2. **Ukubala ngomlomo:** 0–20 nangaphezulu, 10–0.
3. **Ukubala izinto 1–10:** Namathisela izinombolo 1–10 ekilasini. Phakamisa ikhadi elinamachashazi abafundi bahambe/bagxume/bagxume sakweqa baye ophawini lwenombolo olufanele.
4. **Ukuzejwayeza izimpawu zezimo:** Abafundi bahlala bafulathelane ngababili. Nikeza umfundi ngamunye i-athribhuthi, okungafanele avumele umlingani wakhe ayibone. Omunye wabangababili ubuza imibuzo mayelana nesimo esiphethwe ngumlingani aze akwazi ukuqagela ukuthi yini.

## Imibuzo ekuholayo:

- ★ Ingabe sinamacala aqondile?
- ★ Mangaki amacala/amakhona esinawo?

Beka ibhulokhi ye-athribhuthi ngemuva kwakho. Chaza isimo udedele abafundi baqagele ukuthi yini.

- ★ Sinamacala ama-4 alinganayo namakhona ama-4. Siyini?
- ★ Sinamacala ama-2 amade nezinhlangothi ezi-2 ezimfushane. Siyini?

Khetha amakhadi ezimo eziyingcosana ubeke izimo obondeni ngezindlela ezihlukene, isibonelo, sibheke phansi, sibheke emaceleni. Cela abafundi ukuthi bahlonze izimo.



## ICEBO

Ukukhombisa izithombe ezindaweni ezehlukene kusiza abafundi ukuthi bahlonze izimo noma ngabe zimiswe ngendlela eyehlukile.



## Imibuzo ekuholayo:

- ★ Ngabe ubona siphi isimo? Wazi kanjani?
- ★ Ngabe ungakwazi yini ukuthola unxantathu? Wazi kanjani ukuthi ngunxantathu?

5. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.

## Day 5

### What you need

- 4 boxes labelled with different shapes
- 32 shape cards
- Poster 9

1. **Song:** Learners choose a shape song to sing.
2. **Oral counting:** 0–20 and beyond, 10–0.
3. **Counting objects 1–10:** Learners stand alongside each other in pairs. Together, they count and hop forward two paces, then they change direction and count and hop forward another two paces. They continue until they reach 10.
4. **Practising shapes:** Spread out the shape cards on the mat and display the boxes labelled with different shapes. Learners take turns to choose a shape card and put it into the correct box.

#### Guiding questions:

- ★ Which box does your shape belong in?
  - ★ How is your shape the same as the one on the outside of the box?
5. **Recognising shapes:** Discuss Poster 9. Talk about what learners see in the picture.

#### Guiding questions:

- ★ What shapes can you see on the orange building? How many squares/rectangles can you count? How do you know it's a square/rectangle?
  - ★ Can you find any shapes on the wall behind Malusi? What shape is it? Where else can you see this shape in the picture?
  - ★ How many circle shapes can you see? Where are they? Which is the biggest/smallest circle? How many circles can you find?
  - ★ What shapes do you see on the wall of the shop building? How many sides/corners does the triangle/rectangle have?
  - ★ Where can you see small triangles at Malusi and Granny's house?
6. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

### Integration

**Home Language:** Vocabulary development, 'show and tell', recognition of shape words.

**Life Skills:** Recognise and describe shapes inside and outside the classroom; shape hopscotch. (Draw a shape hopscotch grid outdoors. Learners take turns to throw beanbags into a shape, hop over the shape where the beanbag lands and then hop inside the other shapes.)



## Usuku 5

## Okudingayo

- Amabhokisi ama-4 alebulwe ngezimo ezahlukene
- Amakhadi ezimo angama-32
- IPhosta 9

1. **Iculo:** Abafundi bakhetha iculo lesimo abazolicula.
2. **Ukubala ngomlomo:** 0–20 nangaphezulu, 10–0.
3. **Ukubala izinto 1–10:** Abafundi bama ngababili balinganisane. Ndawonye, babala bese begxumela phambili ngamagxathu amabili, bese beshintsha bebheka kwenye indawo, bebala, bese begxumela phambili amanye amagxathu amabili. Baqhubeke baze bafike e-10.
4. **Ukuzejwayeza izimo:** Yendlala amakhadi ezimo kumata bese uveza amabhokisi alebulwe ngezimo ezihlukene. Abafundi banikana amathuba ukukhetha ikhadi lesimo balifake ebhokisini elifanele.

## Imibuzo ekuholayo:

- ★ Isimo sakho ngabe ngesaliphi ibhokisi?
  - ★ Ngabe isimo sakho sifana kanjani naleso esingaphandle kwebhokisi?
5. **Ukuhlonza izimo:** Xoxa ngePhosta 9. Khuluma ngalokho abafundi abakubona esithombeni.


## Imibuzo ekuholayo:

- ★ Yiziphi izimo ongazibona esakhiweni esinombala osawolintshi? Zingaki izikwele/onxande ongakubala? Wazi kanjani ukuthi yisikwele/unxande?
  - ★ Zikhona izimo ongazithola odongeni ngemuva kukaMalusi? Uthola siphilimo? Kukuphi futhi lapho ongasibona khona lesi simo esithombeni?
  - ★ Zingaki izimo zendilinga ozibonayo? Zikuphi? Iyiphi indilinga enkulu kakhulu/encane kakhulu? Zingaki izindilinga ongazithola?
  - ★ Yiziphi izimo ozibonayo odongeni lwesakhiwo sesitolo? Unxantathu/unxande unamacala/amakhona amangaki?
  - ★ Ungababonaphi onxantathu abancane endlini kaMalusi noGogo?
6. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.

## Ukudidiyela

**Ulimi Lwasekhaya:** Ukuthuthukiswa kolwazimagama, 'khombisa futhi utshele', ukuqashelwa kwamagama esimo.

**Amakhono Empilo:** Bona ubuye achaze izimo ngaphakathi nangaphandle kwekilasi; izimo zikagxumgxa. (Dweba igradi yesimo sikagxumgxa ngaphandle. Abafundi banikana amathuba ukujikijela izikhwama zikabhontshisi zibe yisimo, beqa phezu kwesimo lapho isikhwama sikabhontshisi sihlala khona bese begxumela phakathi kwezinye izimo.)





## Small group activities

### Teacher-guided activity

#### What you need

- Poster 7
- Tub per learner with:
  - 20 counting sticks
  - A small ball of playdough
- 32 shape cards
- A playdough mat – 1 per learner
- 4 shape Bingo boards (made in Term 3)
- 10 attribute blocks (*Resource Kit*) of the same shape (big and small) per pair of learners

1. **Word problems:** Ask learners to look at Poster 7. They can use their counters or their fingers to solve the problems.

#### Guiding questions:

- ★ There are two wooden elephants and two wooden giraffes for sale at the market. How many wooden animals are there for sale?
- ★ The man is cooking five sausages. If seven people want a sausage, how many more sausages must he cook?
- ★ How many apples does the fruit seller have on her table? The fruit seller wants to put the apples into bags with three apples in each bag. How many bags can she fill?

2. **Counting objects 1–10:** Learners each count out 10 counting sticks from their tubs.

#### Guiding questions:

- ★ How many of your sticks are red/yellow/green, and so on?

3. **Building a shape:** Give learners different shape cards: triangle, square and rectangle. Learners use their sticks to copy the shape on their card. Show learners how to use playdough to hold the ends of the sticks in place.



#### Guiding questions:

- ★ What shape do you have?
- ★ How many sticks do you need to make this shape?
- ★ Can you turn your shape into a triangle/rectangle/square?

4. **Shape Bingo:** Learners work in pairs. Give each pair of learners a Bingo board and some shape cards. Say the name and size of a Bingo board shape, for example, a big circle, a small triangle. If learners have the shape of this size amongst the cards they were given, they place it on the corresponding block of the Bingo board.



#### Check that learners are able to:

- count objects 1–10
- orally solve problems with numbers 0–10
- identify several attributes of a shape – colour, shape, size
- match shapes
- copy shapes

## Imisebenzi yamaqembu amancane

### Umsebenzi oholwa uthisha

#### Okudingayo

- IPhosta 7
- Isitsha somfundi ngamunye esinalokhu:
  - Izinti zokubala ezingama-20
  - Ibhola elincane lenhlama yokudlala
- Amakhadi ezimo angama-32
- Umata wenhlama yokudlala – o-1 kumfundi ngamunye
- Amabhodi ezimo eBhingo ama-4 (enziwe ngeThemu 3)
- Amabhulokhi angama-athribhuthi ayi-10 (*Ikhithi Yezinsiza*) ezimo ezifanayo (ezinkulu nezincane) epheyeni ngalinye labafundi

1. **Izinkinga zamagama:** Cela abafundi ukuthi babheke IPhosta 7. Bangasebenzisa izinto zokubala zabo noma iminwe yabo ukuxazulula izinkinga.

#### Imibuzo ekuholayo:

- ★ Kunezindlovu ezimbili zokhuni kanye nezindlulamithi ezimbili zokhuni ezidayiswa emakethe. Zingaki izilwane zokhuni ezithengiswayo?
- ★ Indoda ipheka amasoseji amahlanu. Uma abantu abayisikhombisa befuna isoseji, mangaki amasoseji okufanele iwapheke?
- ★ Umthengisi wezithelo unamahhabhula amangaki etafuleni lakhe? Umthengisi wezithelo ufuna ukufaka amahhabhula ezikhwameni ezinamahhabhula amathathu esikhwameni ngasinye. Zingaki izikhwama angazicwalisa?

2. **Ukubala izinto 1–10:** Abafundi ngamunye babala izinti zokubala eziyi-10 ezitsheni zabo.

#### Imibuzo ekuholayo:

- ★ Zingaki izinti zakho ezibomvu/eziphuzi/eziluhlaza satshani, njalonzalo?

3. **Ukwakha isimo:** Nikeza abafundi amakhadi ezimo ezahlukene: unxantathu, isikwele kanye nonxande. Abafundi basebenzisa izinti zabo ukukopisha izimo emakhadini abo. Khombisa abafundi ukuthi isetshenziswa kanjani inhlama yokudlala ukubamba iziphetho zezinti endaweni yazo.

#### Imibuzo ekuholayo:

- ★ Ngabe unasiphi isimo?
- ★ Udinga izinti ezingaki ukwenza lesi simo?
- ★ Ungakwazi yini ukushintsha isimo sakho sibe ngunxantathu/ unxande/isikwele?

4. **Isimo seBhingo:** Abafundi basebenza ngababili. Nikeza abafundi ababili ibhodi leBhingo namakhadi ezimo. Isho igama nobukhulu besimo sebhodi leBhingo, isibonelo, indilinga enkulu, unxantathu omncane. Uma abafundi benesimo salobu bukhulu phakathi kwamakhadi abawanikiwe, basibeka ebhulokhini efanele yebhodi yeBhingo.



#### Hlola ukuthi abafundi bayakwazi uku-:

- bala izinto 1–10
- xazulula ngomlomo izinkinga ngezombolo 0–10
- bona ama-athribhuthi amaningana esimo – umbala, isimo, ubukhulu
- fanisa izimo
- kopisha izimo



**TIP**


Link this activity to the theme for the week.

### Workstation 1

#### What you need

- Different coloured paper shapes (circle, square, triangle, rectangle) in different sizes
- Paper
- Glue
- Crayons
- A4 page per learner

Learners glue the shapes onto the paper to make pictures/designs.



### Workstation 2

#### What you need

- Shape templates cut out of sponge or Styrofoam
- Paper – 1 piece per learner
- Paint in shallow dishes
- Plastic mat
- Aprons

Learners press the shape templates into the paint and press them onto the paper to make shape designs.



### Workstation 3

#### What you need

- Shape pattern cards – 1 per learner
- Attribute blocks (*Resource Kit*)

Learners choose a shape pattern card and use attribute blocks to copy the patterns.

### Workstation 4

#### What you need

- Twenty-four-piece puzzles (page 223)
- Assortment of other puzzles

Learners complete puzzles according to their ability.




### Isiteshi sokusebenzela 1

#### Okudingayo

- Izimo ezechukene zephepha elinombala (indilinga, isikwele, unxantathu, unxande) kobukhulu obehlukene
- Amakhrayoni
- Iphepha
- Iglu
- Ikhasi le-A4 lomfundi ngamunye

Abafundi banamathisela izimo ephepheni ukwenza izithombe/ imiklamo (amadizayini).



### Isiteshi sokusebenzela 2

#### Okudingayo

- Amathempulethi ezimo asikwe akhishwa esipontshini noma kustayirofomu
- Upende ezitsheni ezingajulile
- Iphepha – isiqephu esi-1 kumfundi ngamunye
- Umata wepulasitiki
- Amaphinifa

Abafundi bacindezela amathempulethi ezimo kupende bese bezicindezela ephepheni ukwenza amadizayini ezimo.



### Isiteshi sokusebenzela 3

#### Okudingayo

- Amakhadi ephethini lesimo – eli-1 komfundi ngamunye
- Amabhulokhi angama-athribhuthi (*Ikhithi Yezinsiza*)

Abafundi bakhetha ikhadi lephethini lesimo bese besebenzisa amabhulokhi angama-athribhuthi ukukupisha amaphethini.

### Isiteshi sokusebenzela 4

#### Okudingayo

- Amaphazili ayizingcezu ezingamashumi amabili nane (ikhasi 223)
- Izinhlobo ezahlukene zamanye amaphazili

Abafundi baqedela amaphazili ngendlela abakhona ngayo.

# Content Area Focus: Data Handling

## Topics

- Collect and sort objects
- Represent sorted collections of objects
- Discuss and report on sorted collections of objects

## New knowledge

- Pictograph using an increased set of data

## Practise

- Oral counting: forwards 0–20 and beyond, backwards 10–0
- Counting objects 1–10
- Sequencing numbers 1–10
- Problem solving 1–10
- More, fewer, equal
- Estimating
- Collect, sort and represent collection of objects
- Analyse and report on data

## New maths vocabulary

maybe

possible

sure

## Getting ready

For the activities this week, you will need to prepare the following:

- name cards for months of the year from January to December (8 cm wide)
- learners' name and date of birth cards (8 cm wide)
- 2 trays: one labelled with 'hard' and a picture of a pencil; one labelled with 'soft' and a picture of a tissue
- a poster-sized page divided into 4 blocks. Label each block by drawing a simple outline picture of a car, person, plant or animal in one corner (see page 182) – 1 poster per group
- 11 containers (for example, yoghurt cups) each labelled with a number from 0 to 10



- 4 colours of playdough
- collections of four different types of small objects, for example, shells, twigs, leaves, small stones
- a strip with pictures of 6 fruits – 1 per learner
- A4 fruit grid with pictures of 6 fruits and 5 rows – 1 per learner (page 222).

# Ingxenye Yolwazi Okugxilwe Kuyo: Ukusetshenziswa Kolwazi

Izihloko	Ulwazi olusha	Zejwayeze
<ul style="list-style-type: none"> <li>• Qoqa futhi uhlunge izinto</li> <li>• Bonisa amaqoqo ezinto ezihlungiwe</li> <li>• Xoxa bese ubika ngamaqoqo ezinto ezihlungiwe</li> </ul>	<ul style="list-style-type: none"> <li>• Igrafu yezithombe isebenzisa isethi ekhulisiwe yedatha</li> </ul>	<ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukubala ngomlomo: ukuya phambili 0–20 nangaphezulu, ukuhlehla 10–0</li> <li>• Ukubala izinto 1–10</li> <li>• Ukulandelanisa izinombolo 1–10</li> <li>• Ukuxazulula izinkinga 1–10</li> <li>• Okuningi, okuyingcosana, okulinganayo</li> <li>• Ukulinganisela</li> <li>• Qoqa, hlunga ube nokumela iqoqo lezinto futhi</li> <li>• Hlaziya bese ubika ngolwazi olutholakele</li> </ul>

## Ulwazimagama olusha olusetshenziswa ezibalweni

mhlawumbe

kungenzeka

ngokuqinisekile

## Ukulungiselela

Emisebenzini yaleli sonto, uzodinga ukulungisa lokhu okulandelayo:

- amagama amakhadi ezinyanga zonyaka kusukela kuMasingana kuya kuZibandlela (ububanzi obuyi-8 cm) (amasentimitha)
- amakhadi amagama abafundi kanye nezinsuku zokuzalwa (ububanzi obuyi-8 cm) (amasentimitha)
- amathileyi ama-2: elilodwa libhalwe 'okuqinile' kanye nesithombe sepensele; elilodwa elibhalwe 'elithambile' nesithombe sethishu
- ikhasi elingubukhulu bephosta elihlukaniswe ngamabhulokhi ama-4. Lebula ibhulokhi ngalinye ngokudweba uhlaka lwesithombe semoto, somuntu, sesitshalo noma sesilwane ekhoneni elilodwa (bheka ikhasi 183) – iphosta e-1 iqembu ngalinye
- iziqukathi eziyi-11 (isibonelo, izinkomishi zeyogathi) ngasinye sibhalwe inombolo esuka ku-0 kuye ku-10
- imibala emi-4 yenhlama yokudlala
- amaqoqo ezinhlobo ezine zezinto ezahlukene ezincane, isibonelo, amagobolondo, izinswazi, amaqabunga, amatshe amancane
- umd weshu onezithombe zezithelo eziyi-6 – o-1 kumfundi ngamunye
- igradi yezithelo engu-A4 enezithombe zezithelo eziyi-6 nemigqa emi-5 – e-1 kumfundi ngamunye (ikhasi 222).





## Whole class activities

### Day 1

#### What you need

- Song: *Months of the year* (page 200)
- Birthday chart
- Seasons chart
- Weather charts

1. **Song:** Sing the song, *Months of the year*.
2. **Oral counting:** 0–20 and beyond, 10–0.
3. **Counting objects 1–10:** Learners stand in a circle. They jump into the circle if they brushed their teeth with the brand of toothpaste named.

#### Guiding questions:

- ★ Jump into the circle if you brushed your teeth with Colgate/Aquafresh/Mentadent P this morning.
- ★ Do you think there are more/fewer than 10 learners inside the circle? Count the learners inside the circle.
- ★ Was your estimation close?

4. **Collecting and sorting data:** Together look at the birthday chart.

#### Guiding questions:

- ★ How many months are there in the year?
- ★ How many months are cold/hot/rainy? How do you know?
- ★ How do we know which month we are in now?
- ★ How many birthdays are there on our chart? How do you know? Point to the various months and ask learners to name them.
- ★ How do you know the name of this month?
- ★ Which month comes after/before \_\_\_\_\_?

Sing the song, *Months of the year* again and ask learners to raise both hands when they hear the month in which they were born.

Ask a learner to point to each month. Learners stand if their birthday is in the month which is pointed to.

- ★ Which month do you think has the most birthdays? How do you know?

5. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

### Day 2

#### What you need

- Song: *I can sort* (page 200)
- 12 months of the year name cards

1. **Song:** Sing the song, *I can sort*.
2. **Oral counting:** 0–20 and beyond, 10–0.



#### TIP

Ask learners to bring toothpaste boxes to place on the maths table to sort.



#### TIP

Ask learners to suggest questions they would like to ask.

## Imisebenzi yekilasi lonke

### Usuku 1

#### Okudingayo

- Iculo: *Izinyanga zonyaka* (ikhasi 201)
- Ishadi losuku lokuzalwa
- Ishadi lezinkathi zonyaka
- Amashadi esimo sezulu

1. **Iculo:** Cula iculo, *Izinyanga zonyaka*.
2. **Ukubala ngomlomo:** 0–20 nangaphezulu, 10–0.
3. **Ukubala izinto 1–10:** Abafundi bama babe yindilinga. Bagxumela esiyingini uma bexubha amazinyo ngohlobo lomuthi wokuxubha oshiwo.

#### Imibuzo ekuholayo:

- ★ Gxumela esiyingini uma uxubhe ngeColgate /Aquafresh/ Mentadent P namhlanje ekuseni.
- ★ Ngabe ucabanga ukuthi kukhona abafundi abangaphezulu/ abayingcosana kunabayi-10 ngaphakathi kwendilinga?

Bala abafundi abaphakathi kwendilinga.

- ★ Ngabe bekusondele ukuqagela kwakho?

4. **Ukuqoqa nokuhlunga idatha:** Nindawonye bhekani ishadi lezinsuku zokuzalwa.

#### Imibuzo ekuholayo:

- ★ Zingaki izinyanga onyakeni?
- ★ Zingaki izinyanga ezibandayo/ezishisayo/ezinemvula? Wazi kanjani?
- ★ Sazi kanjani ukuthi sikuyiphi inyanga manje?
- ★ Zingaki izinsuku zokuzalwa eshadini lethu? Wazi kanjani?

Khomba izinyanga ezehlukene, bese ucela abafundi bazisho ngamagama.

- ★ Ulazi kanjani igama lale nyanga?
- ★ Iyiphi inyanga eza ngemva/ngaphambi kuka- \_\_\_\_\_?

Cula iculo, *Izinyanga zonyaka* futhi, bese ucela abafundi ukuthi baphakamise izandla zombili lapho bezwa inyanga abazalwa ngayo.

Cela umfundi ukuba akhombwe enyangeni ngayinye. Abafundi bayama uma usuku lwabo lokuzalwa lusenyangeni ekhonjiwe.

- ★ Iyiphi inyanga ocabanga ukuthi inezinsuku zokuzalwa eziningi? Wazi kanjani?

5. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.

### Usuku 2

#### Okudingayo

- Iculo: *Ngiyakwazi ukuhlunga* (ikhasi 201)
- Amakhadi amagama ezinyanga eziyi-12 zonyaka

1. **Iculo:** Cula iculo, *Ngiyakwazi ukuhlunga*.
2. **Ukubala ngomlomo:** 0–20 nangaphezulu, 10–0.



Cela abafundi ukuthi beze namabhokisi emithi yokuxubha ukuze bawabeke etafuleni lezibalo bawahlunge.



Cela abafundi ukuthi baphakamise imibuzo abangathanda ukuyibuza.




**TIP**

Design and illustrate a page for learners to take home to collect data about their families.

3. **Counting objects 1–10:** Repeat the activity from Day 1, but with a focus on the learners' families.

**Guiding questions:**

- ★ Jump into the circle if you have older/younger brothers/sisters, grannies/aunts living with you.
- ★ Do you think there will be more learners in the group who have cousins living with them than the group of learners who don't?
- ★ Was your estimation close?



4. **Ordering months:** Learners sit in a circle. Spread the 12 month cards out in the middle. Choose a learner who has a birthday in the first month of the year. He/she points to the month on the birthday chart. Ask different learners to fetch the months that are pointed to. Suggest putting the months in order.

**Guiding questions:**

- ★ Which month comes first?  
The learner holding that card stands first.
  - ★ Which month should be placed next/last?
  - ★ Which month comes before/after the month that your birthday is in?
- Repeat with other learners.

5. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

**Day 3**

**What you need**

- Song: *I can sort* (page 200)
- 12 months of the year cards
- A drum
- Prestik

1. **Song:** Sing the song, *I can sort*.
2. **Oral counting:** 0–20 and beyond, 10–0.
3. **Counting objects 1–10:** Repeat the activity from Day 1.

**Guiding instructions:**

- ★ Jump into the circle if you have a dog/cat/chicken/fish at home.
- ★ Count the learners who jump into the circle and ask related questions.

4. **Collecting, sorting and representing data:** Place the 12 months of the year cards in order with space in between for the learners to arrange themselves in line next to these. Play the drum for learners to move freely. When the music stops, the learners line up next to the month in which they were born. They sit in a line facing their card.



**TIP**

Discuss a way to record and represent which animals the learners have at home.



Dizayina bese udwebela ikhasi abafundi abazoya nalo ekhaya ukuze bayoqoqa idatha (ulwazi) mayelana nemindenini yabo.

3. **Ukubala izinto 1–10:** Phinda umsebenzi ovela kuSuku 1, kodwa gxila emindenini yabafundi.

**Imibuzo ekuholayo:**

- ★ Gxumela endilingeni uma unabanewenu/unabafowenu/odadewenu abadala/abancane, ogogo/o-anti ohlala nabo.
- ★ Ngabe ucabanga ukuthi kuzoba nezingane eziningi eqenjini ezihlala nabazala bazo kunalezo ezingahlali nabo?
- ★ Ngabe bekusondele ukulinganisela kwakho?



4. **Ukuhlela izinyanga:** Abafundi bahlala benze indilinga. Yendlala amakhadi ezinyanga eziyi-12 zonyaka phakathi nendawo. Khetha umfundi onosuku lokuzalwa enyangeni yokuqala yonyaka. Ukhomba inyanga eshadini lezinsuku zokuzalwa. Cela abafundi abehlukile ukuthi balande izinyanga ezikhonjwayo. Phakamisa ukuhlela izinyanga ngokulandelana.

**Imibuzo ekuholayo:**

- ★ Lyiphi inyanga efika kuqala?
- Umfundi ophethe lelo khadi usukuma kuqala.
- ★ Lyiphi inyanga okumele ibekwe ngokulandelayo/ekugcineni?
- ★ Lyiphi inyanga eza ngaphambi/ngemva kwenyanga enosuku lwakho lokuzalwa?

Phinda nabanye abafundi.

5. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.



Xoxa ngendlela yokuqoqha kanye nokwethula ukuthi yiziphi izilwane abafundi abanazo emakhaya.

### Usuku 3

#### Okudingayo

- Iculo: *Ngiyakwazi ukuhlunga* (ikhasi 201)
- Isigubhu
- Amakhadi ezinyanga eziyi-12 zonyaka
- Iprestikhi

1. **Iculo:** Cula iculo, *Ngiyakwazi ukuhlunga*.
2. **Ukubala ngomlomo:** 0–20 nangaphezulu, 10–0.
3. **Ukubala izinto 1–10:** Phinda umsebenzi wokubala kusukela kuSuku 1.

**Imiyalo ekuholayo:**

- ★ Gxumela endilingeni uma unenja/ikati/inkukhu/inhlanzi ekhaya.
- ★ Bala abafundi abagxumela endilingeni bese ubuza imibuzo ehambisana nalokho.

4. **Ukuqoqa, ukuhlunga nokumela ulwazi olutholakele:** Beka amakhadi ezinyanga eziyi-12 zonyaka ahleleke ngokulandelana kube nezikhala zokuthi abafundi bazihlele ngomugqa ngemva kwalokhu. Shaya isigubhu ukuze abafundi banyakaze ngokukhululeka. Lapho kuma umculo, abafundi bama emgqeni eduze kwezinyanga abazalwa ngazo. Bahlala babe umugqa bebheke emakhadini abo.

**Guiding questions:**

- ★ How many learners were born in the same month as you?
- ★ Which month/s were the most/least learners born in?
- ★ How do you know?
- ★ Which month has the most birthdays? How do you know?

5. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

**Day 4**

**What you need**

- Song: *I can sort* (page 200)
- Learners' name cards with their date of birth
- 12 months of the year cards placed on the wall with spaces in between

1. **Song:** Sing the song, *I can sort*.
2. **Oral counting:** 0–20 and beyond, 10–0.
3. **Counting objects 1–10:** Repeat the activity from Day 1.

**Guiding instructions:**

- ★ Jump into the circle if you woke up this morning before the sun came up.
- ★ Jump into the circle if you went to sleep last night before the adults in your home did.

Count the learners who jump into the circle and ask related questions.

4. **Collecting, sorting and organising data:** Learners sit in a circle. Place their name cards in the middle. A few learners at a time fetch their name cards. Once all learners have their name card they sit in groups with others who have a birthday in the same month.

**Guiding questions:**

- ★ Can you sit in order of who has a birthday first, second, and so on, in the month?

Learners take turns to put up their name cards in order according to their date of birth. Learners' name cards must be placed one above the other without spaces in between.

**TIP**  
Learners can draw their face next to their name.



**Imibuzo ekuholayo:**

- ✦ Bangaki abafundi abazalwa ngenyanga efanayo neyakhho?
- ✦ Iyiphi inyanga/izinyanga ezinabafundi abaningi kakhulu/ abayingcosana kakhulu abazalwe kuzo?
- ✦ Wazi kanjani?
- ✦ Iyiphi inyanga ocabanga ukuthi inezinsuku zokuzalwa eziningi? Wazi kanjani?

5. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.

**Usuku 4****Okudingayo**

- Iculo: *Ngiyakwazi ukuhlunga* (ikhasi 201)
- Amakhadi amagama abafundi anezinsuku zabo zokuzalwa.
- Amakhadi ezinyanga zonyaka eziyi-12 abekwe odongeni anezikhala phakathi kwawo

1. **Iculo:** Cula iculo, *Ngiyakwazi ukuhlunga*.
2. **Ukubala ngomlomo:** 0–20 nangaphezulu, 10–0.
3. **Ukubala izinto 1–10:** Phinda umsebenzi wokubala kusukela kuSuku 1.

**Imiyalo ekuholayo:**

- ✦ Gxumela endilingeni uma uvuke namhlanje ekuseni ngaphambi kokuphuma kwelanga.
- ✦ Gxumela endilingeni uma uye ukuyolala izolo ebusuku ngaphambi kokuthi kulale abantu abadala ekhaya lakini.

Bala abafundi abagxumela endilingeni bese ubuza imibuzo ehambisana nalokho.


4. **Ukuqoqa, ukuhlunga kanye nokuhlela ulwazi:** Abafundi bahlala benze indilinga. Beka amakhadi amagama abo phakathi nendawo. Ngabafundi abambalwa ngesikhathi esisodwa abalanda amakhadi amagama abo. Uma abafundi sebenamakhadi amagama abo bahlala phansi kumaqembu nabanye abanosuku lokuzalwa enyangeni efanayo.

**Imibuzo ekuholayo:**

- ✦ Ngabe ningahlala ngokuhleleka ngokuphathelene nokuthi ubani onosuku lokuzalwa lokuqala, lwesibili, njalonzalo, enyangeni?

Abafundi bayadedelana ngokuyobeka amakhadi abo amagama ngokuhleleka ngokuphathelene nenyanga abazalwa ngayo. Amakhadi amagama abafundi kumele abekwe elinye phezu kwelinye, kungabi bikho sikhala phakathi kwawo.



 **ICEBO**  
Abafundi bangadweba ubuso babo eduze kwegama labo.



5. **Reading, interpreting and reporting on data:** Talk about the pictograph.



**TIP**

The birthday chart should be on the classroom wall so that learners can engage with it.

**Guiding questions:**

- ★ What can you tell me about this graph?
  - ★ What difference will it make if I add my name to the chart in the month of \_\_\_\_\_?
  - ★ What is the same/different about this graph and the birthday chart?
  - ★ Is there a month with no birthdays? Which one is it?
  - ★ Which month has the fewest/same number/most birthdays? How do you know?
6. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

**Day 5**

**What you need**

- Song: *I can sort* (page 200)
- Poster 3
- Pictograph
- Toothpaste boxes (brought by learners)

1. **Song:** Sing the song, *I can sort*.
2. **Oral counting:** 0–20 and beyond, 10–0.
3. **Counting objects 1–10:** Repeat the activity from Day 1.

**Guiding questions:**

- ★ Jump into the circle if you sleep alone/share a bed/share a room. Count the learners who jump into the circle and discuss. Look at and identify the toothpaste boxes on the maths table.
  - ★ How many Colgate/Aquafresh, and so on, boxes do you think there are?
- Count each group together.
- ★ How close were you in your estimation?
  - ★ Which group has more/fewer boxes?
4. **Reading, interpreting and reporting on data:** Discuss the birthday calendar on Poster 3.




**TIP**

Look at the season chart and your 12 calendar month weather charts (if you have kept these). Group them into seasons.

**Guiding questions:**

- ★ Do you see any months where they have the same number of names as our graph?
- ★ How many months have one/two birthdays?

5. **Ukufunda, ukuhumusha kanye nokubika idatha (ulwazi):** Xoxa ngegrafu yesithombe.

 **ICEBO** Ishadi lezinsuku zokuzalwa kumele libe sodongeni ekilasini ukuze abafundi bakwazi ukulisebenzisa.

**Imibuzo ekuholayo:**

- ✦ Ungangitshelani mayelana nale grafu?
  - ✦ Kuzokwenza mehluko muni uma ngifaka igama lami eshadini lenyanga u - \_\_\_\_\_?
  - ✦ Yini efanayo/ehlukile mayelana nale grafu kanye neshadi lezinsuku zokuzalwa?
  - ✦ Ngabe ikhona inyanga engenazo izinsuku zokuzalwa? Iyiphi?
  - ✦ Iyiphi inyanga enezinsuku zokuzalwa eziyingcosana kakhulu/isibalo esifanayo/eziningi kakhulu? Wazi kanjani?
6. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.

## Usuku 5


### Okudingayo

- Iculo: *Ngiyakwazi ukuhlunga* (ikhasi 201)
- IPhosta 3
- Igrafu yezithombe
- Amabhokisi emithi yokuxubha (alethwe abafundi)

1. **Iculo:** Cula iculo, *Ngiyakwazi ukuhlunga*.
2. **Ukubala ngomlomo:** 0–20 nangaphezulu, 10–0.
3. **Ukubala izinto 1–10:** Phinda umsebenzi wokubala othathwe kuSuku 1.

**Imibuzo ekuholayo:**

- ✦ Gxumela endilingeni uma ulala wedwa/wabelana nomunye umbhede/ikamelo.
- Bala abafundi abagxumela endilingeni bese nixoxa ngalokhu. Buka bese uhlonza amabhokisi emithi yokuxubha etafuleni lezibalo.
- ✦ Mangaki amabhokisi ama-Colgate/Aquafresh, njalonzalo, ocabanga ukuthi akhona?
- Balani iqoqo ngalinye ndawonye.
- ✦ Ubusondele kangakanani ekulinganiseleni kwakho?
  - ✦ Iyiphi iqembu elinamabhokisi amaningi/ayingcosana?
4. **Ukufunda, ukuhumusha kanye nokubika idatha (ulwazi):** Xoxa ngekhalela lezinsuku zokuzalwa kuPhosta 3.

 **ICEBO** Buka ishadi lezinkathi zonyaka kanye namashadi akho ezinyanga zonyaka eziyi-12 kanye nesimo sezulu (uma ubukugcinile lokhu). Wabeke ngamaqoqo ezinkathi zonyaka.

**Imibuzo ekuholayo:**

- ✦ Ngabe zikhona izinyanga ozibonayo lapho kunesibalo esifanayo samagama njengakugrafu yakho?
- ✦ Zingaki izinyanga ezinosuku lokuzalwa olulodwa/ezimbili?

- ★ How many months on our graph have one/two birthdays?
  - ★ Which month has the most birthdays? How do you know?
5. **Problem solving:** Look at the pictograph together and ask questions.
- Guiding questions:**
- ★ There are \_\_\_\_\_ learners born in March. If three new learners came to our class who were born in March how many names would there be in March?
  - ★ \_\_\_\_\_ learners are born in May. Two of these learners are not at school today. How many learners born in May are at school?
  - ★ Three months each have two birthdays. How many birthdays do these months have altogether?
6. **Small group activities:** Describe the activities at each workstation.

### Integration

**Home Language:** Listening and Speaking: sharing ideas, solving problems and explaining solutions; Emergent Reading and Writing: understanding that a symbol represents something.

**Life Skills:** Classifying objects, collecting information to solve problems.

## Small group activities

### Teacher-guided activity

#### What you need

- A tub per learner with:
  - 10 fruit counters (a different combination for each learner with no more than 5 of any type of fruit)
  - A red, blue, green, purple, yellow, and orange crayon
- A strip with pictures of 6 fruits – 1 per learner
- A container of Unifix blocks
- An A4 fruit grid with pictures of 6 fruits and 5 rows – 1 per learner (page 222)

1. **Problem solving:** Discuss word problems with the learners.
- Guiding questions:**
- ★ Every day Thami eats one banana. Malusi and Laylah eat two bananas each. How many bananas does Dad need to buy every day for the children in the family?
2. **Counting objects 1–10:** Learners look at their fruit counters.
- Guiding questions:**
- ★ How many fruits do you think you have?
  - ★ Do you think you each have the same number of fruits?
- Each learner estimates and then counts their fruit.
3. **Sorting objects:** Learners group their counters into different types of fruit.

- ★ Zingaki izinyanga ezinosuku lokuzalwa olulodwa/ezimbili kugrafu yethu?
  - ★ Iyiphi inyanga enezinsuku zokuzalwa eziningi? Wazi kanjani?
5. **Ukuxazulula izinkinga:** Bhekani ndawonye igrafu yezithombe bese ubuza imibuzo.
- Imibuzo ekuholayo:**
- ★ Kunabafundi abayi- \_\_\_\_\_ abazalwe ngoNdasa. Uma kufika abafundi abasha abathathu ekilasini lethu abazalwa ngoNdasa kuzoba khona amagama amangaki kuNdasa?
  - ★ Abafundi aba-\_\_\_\_\_ bazalwa ngoNhlaba. Ababili balaba bafundi abekho esikoleni namhlanje. Bangaki abafundi abazalwa ngoNhlaba abasesikoleni?
  - ★ Ngayinye ezinyangeni ezintathu inezinsuku zokuzalwa ezimbili. Ngabe zinezinsuku zokuzalwa ezingaki lezi zinyanga uma sezizonke?
6. **Imisebenzi yamaqembu amancane:** Chaza imisebenzi esiteshini sokusebenzela ngasinye.

### Ukudidiyela

**Ulimi Lwasekhaya:** Ukulalela Nokukhuluma: ukwabelana ngemibono, ukuxazulula izinkinga kanye nokuchaza izisombululo; Ukufunda kanye Nokubhala Kokuqala: ukuqonda ukuthi izimpawu zimele okuthile.

**Amakhono Empilo:** Ukubeka izinto ngamaqoqo, ukuqoqa ulwazi lokuxazulula izinkinga.

## Imisebenzi yamaqembu amancane

### Umsebenzi oholwa uthisha

#### Okudingayo

- Isitsha somfundi ngamunye esinalokhu:
  - Izinto zokubala zezithelo eziyi-10 (izinhlanganisela ezahlukene zomfundi ngamunye ezingenaluhlobo olunezithelo ezingaphezu kwezi-5)
  - Ikhrayoni elibomvu, eliluhlaza satshani, elisomi, eliphuzi, kanye nelisawolintshi
- Umdweshu onezithombe zezithelo eziyi-6 – o-1 kumfundi ngamunye
- Isiqukathi samabhulokhi axhume kayo
- Igridi yesithelo engu-A4 enezithombe zezithelo eziyi-6 nemigqa emi-5 – e-1 kumfundi ngamunye (ikhasi 222)

1. **Ukuxazulula izinkinga:** Xoxa ngezinkinga zamagama nabafundi.
- Imibuzo ekuholayo:**
- ★ UThami udla ubhanana owodwa nsuku zonke. UMalusi noLaylah badla obhanana ababili emunye. Ngabe obhanana abangaki okumele uBaba abathengele izingane ezisemndenini nsuku zonke?
2. **Ukubala izinto 1–10:** Abafundi babheka izinto zabo zokubala zezithelo.
- Imibuzo ekuholayo:**
- ★ Ngabe ucabanga ukuthi unezithelo ezingaki?
  - ★ Ngabe nicabanga ukuthi lowo nalowo unesibalo esifanayo sezithelo? Umfundi ngamunye uyalinganisela bese ebala izithelo zakhe.
3. **Ukuhlunga izinto:** Abafundi bazibeka ngamaqoqo izinto zokubala ngezinhlobo zezithelo ezahlukene.

**Guiding questions:**

- ★ How many different types of fruit do you have?
- ★ Do you all have the same number of each fruit? How do you know?

Learners place their fruits above the matching fruit picture on their strips.

- ★ Which fruit do you have the most/fewest of?
- ★ Who has the same number of bananas?
- ★ Which fruit is the biggest and takes up the most space?
- ★ The grapes are bigger than the bananas. What do we need to do when we place these in a line to make sure that we can see which group has the most/fewest?
- ★ What else could we use to show how many of each fruit we have?

Learners make towers from Unifix blocks above the pictures of the fruit to represent their groups of fruit.

Compare and discuss learners' Unifix towers.

4. **Game – representing groups and analysing:** Learners take a handful of fruit from their pile. They sort these and colour in blocks on their grids according to the number of each fruit. The game is over when a learner completes a column.

**Guiding questions:**

- ★ How many blocks did you colour yellow for bananas?
- ★ Does anyone have more/fewer blocks coloured for their bananas?
- ★ If you had taken one more banana, how many blocks would you have coloured yellow?



**Check that learners are able to:**

- represent data by arranging objects to match illustrations
- represent data by colouring in blocks
- know 'how many' based on data represented
- compare data and answer related questions

**Workstation 1**



**What you need**

- A collection of hard and soft objects
- Paper and crayons
- 2 trays: one labelled 'hard'; one labelled 'soft'
- Scissors

Learners sort objects into those that are hard and those that are soft. They discuss other ways they could sort them. They draw pictures of hard and soft objects then cut them out and place them on the trays.

**Imibuzo ekuholayo:**

- ★ Ngabe zingaki izinhlobo zezithelo ezahlukene eninazo?
- ★ Ngabe nonke ninesibalo esifanayo sesithelo ngasinye? Wazi kanjani? Abafundi babeka izithelo zabo ngaphezu kwesithombe sezithelo emdweshwini wabo.
- ★ Yisiphi isithelo esiningi kakhulu/esiyingcosana kakhulu?
- ★ Ubani onesibalo esifanayo sobhanana?
- ★ Yisiphi isithelo esikhulu kunazo zonke futhi esithatha indawo eningi?
- ★ Amagilebhisi makhulu kunobhanana. Yini okumele siyenze uma sibeka lokhu emgqeni ukuze siqinisekise ukuthi siyakwazi ukubona ukuthi yiliphi iqoqo elinokuningi/okuyingcosana?
- ★ Yini enye esingayisebenzisa ukuze sikhombise ukuthi sinezingaki izithelo ohlotsheni ngalunye?

Abafundi benza imibhoshongo ngamabhulokhi axhume kayo ngaphezu kwezithombe zezithelo ukuze imele amaqoqo abo ezithelo.

Qhathanisa bese nixoxa ngemibhoshongo yabafundi exhume kayo.

4. **Umdlalo – ukumela amaqoqo kanye nokuhlaziya:** Abafundi bathatha izithelo ezigcwele isandla enqwabeni yabo. Bayazihlunga bese befaka umbala kumabhulokhi akumagridi abo ngokuhambisana nenombolo yesithelo ngasinye. Lo mdlalo usuke usuphelile lapho umfundi eseqeda ikholomu.

**Imibuzo ekuholayo:**

- ★ Mangaki amabhulokhi owafake umbala ophuzi wobhanana?
- ★ Ngabe kukhona onamabhulokhi amaningi/ayingcosana anombala wobhanana babo?
- ★ Uma ubuthathe omunye ubhanana owodwa, ubuzoba namabhulokhi amangaki obuzowafaka umbala ophuzi?

**Hlola ukuthi abafundi bayakwazi uku-:**

- mela ulwazi olutholakele (idatha) ngokuhlela izinto ukuze zihambisane nemidwebo
- mela ulwazi olutholakele (idatha) ngokufaka umbala kumabhulokhi
- thi 'kungaki' ngokusekela olwazini (kudatha) olumelwe
- qhathanisa ulwazi olutholakele (idatha) kanye nokuphendula imibuzo ehambisana nakho

**Isiteshi sokusebenzela 1****Okudingayo**

- Iqoqo lezinto eziqinile kanye nezithambile
- Amathileyi ama-2: elilodwa lilebulwe ngokuthi
- 'kuqinile'; elilodwa lilebulwe ngokuthi 'kuthambile'
- Amakhrayoni nephepha
- Isikelo

Abafundi bahlunga izinto kube eziqinile kanye nalezo ezithambile. Baxoxa ngezinye izindlela abangazihlunga ngazo. Badweba izithombe zezinto eziqinile kanye nezithambile, bese bezisika bezikhipha bezibeka emathileyini.





**TIP**

Add small cards and kokis for learners to write number symbols to add to the containers.

### Workstation 2

#### What you need

- 11 containers, for example, yoghurt cups labelled with numbers
- 8 sets of number symbols 0–10 (*Resource Kit*)

Place the number symbols in a pile on a tray. Learners sort these into the matching containers. They then count to check that each container has eight number symbols.

### Workstation 3

#### What you need

- A poster-sized page divided into 4 labelled blocks
- Magazines
- Scissors – 1 pair per learner
- Glue

Learners cut out pictures of different cars, people, plants and animals and paste them in the appropriate block on the poster.



**TIP**

Learners can create an additional cookie and decorate it according to their own description of their collection of objects. This can be discussed during snack time.

### Workstation 4

#### What you need

- 4 colours of playdough
- Collections of four different types of small objects, for example, shells, twigs, leaves, small stones
- 4 plastic or polystyrene trays

Place all the small objects in a single pile and ask learners to sort them into the four trays. They use playdough to make cupcakes and then choose items from the trays to decorate their cupcakes. Each cupcake should be decorated with items from one of the trays.



## ICEBO

Yengeza amakhadi amancane kanye namakhokhi ukuze abafundi babhale ngawo izimpawu zezinombolo abazozengeza eziqukathini.



## ICEBO

Abafundi bangakha ikhukhi elengeziwe bese belihlobisa ngokuhambisana nezincazelo zabo zezinto eziqoqiwe. Lokhu kungaxoxwa ngakho ngesikhathi sokudla okokubamba umoya.

### Isiteshi sokusebenzela 2

#### Okudingayo

- Iziqukathi eziyi-11, isibonelo, izinkomishi zeyogathi ezibhalwe izinombolo
- Amasethi ayisi-8 ezimpawu zenombolo 0–10 (*Ikhithi Yezinsiza*)

Beka izimpawu zezinombolo zibe yinqwaba ethileyini. Abafundi bahlunga lokhu kuqondane neziqukathi ezihambisana nakho. Babe sebebala ukuze baqinisekise ukuthi isiqukathi ngasinye sinezimpawu zezinombolo eziyisishiyagalombili.

### Isiteshi sokusebenzela 3

#### Okudingayo

- Ikhasi elingubukhulu bephosta elihlukaniswe ngamabhulokhi ama-4 alebuliwe
- Isikelo– esi-1 kumfundi ngamunye
- Amaphephabhuku
- Iglu

Abafundi basika bakhiphe izithombe zezimoto, abantu, izitshalo kanye nezilwane okwehlukene bese bezinamathisela ebhulokhini elifanele kuphosta.

### Isiteshi sokusebenzela 4

#### Okudingayo

- Imibala yenhlama yokudlala emi-4 izinswani, amaqabunga, amatshe amancane
- Amaqoqo ezinhlobo ezine ezahlukene zezinto ezincane, isibonelo, amagobolondo, Amathileyi eplastiki ama-4 noma epholistayirini

Beka zonke izinto ezincane zibe inqwaba eyodwa bese ucela abafundi ukuthi bazihlungele kumathileyi amane. Basebenzisa inhlama yokudlala ukuze benze ama-cupcake bese bekhetha izinto ezisemathileyini ukuze bahlobise ama-cupcake abo. I-cupcake ngayinye kumele ihlotshiswe ngezinto ezikwelinye lamathileyi.



# Assessment

## Term 4: Exemplar Record of Continuous Assessments

Key	NUMBERS, OPERATIONS AND RELATIONSHIPS	COMMENTS	Final coding											
<b>✓</b> = competent <b>●</b> = partially competent <b>X</b> = not yet competent	Counts objects: 1–10	Identifies the South African coins and banknotes: 10c, 20c, 50c, R1, R2, R5, R10, R20, R50, R100, R200 Recognises the South African coins and banknotes: 10c, 20c, 50c, R1, R2, R5, R10, R20, R50, R100, R200 Distinguishes between more than, fewer than and equal to Orally adds and subtracts using concrete objects: 0–10 Solves problems using concrete objects or number ladder: 0–10 Explains own thinking in words and through drawings or concrete objects Understands ordinal numbers: first, second, third, fourth, fifth, sixth Orders (sequences) numbers from smallest to biggest and biggest to smallest 1–10 Compares numbers: more than – less than – equal to, most – least; many – fewer Identifies and describes whole numbers 0–10 Recognises numbers in familiar contexts Knows number pictures and dot cards 0–10 Identifies number symbol and number word: 0 Identifies number symbol and number word: 10 Identifies number symbol and number word: 9 Counts in twos Counts backwards: 10–0 Oral counting forwards: 0–20 and beyond Counts objects: 1–10												
	Learners' names													
	Date													

# Ukuhlola

## Ithemu 4: Isibonelo sokuhlola okuqhubekayo

Ukhiye	IZINOMBOLO, IZIMPAWU KANYE NOBUDELEWANE	UKUPHAWULA
✓ = usefanele ● = ufanele ngokungaphelele ✗ = akakafaneli	Uyazibala izinto: 1–10 Ubala ngomlomo: aye phambili 0–20 nangaphhezulu Ubala ahlehle: 10–0 Ubala ngakubili Uhlonza uphawu lwenombolo kanye negama lenombolo: 9 Uhlonza uphawu lwenombolo kanye negama lenombolo: 10 Uhlonza uphawu lwenombolo kanye negama lenombolo: 0 Wazi inombolo yezithombe kanye namakhadi amachashazi 0–10 Ubona inombolo ezindaweni ezizwayelekile Uhlonza bese echaza inombolo eziphelile 0–10 Uphathanisa inombolo: okuningi kuna – okuyingcosana kuna – okulingana na; okuningi kunokunye – okuncane kunokunye; okuningi – okuyingcosana Uhlela (ulandelanisa) izinombolo kusukela kwencane kunazo zonke ukuya kwenkulu kunazo zonke ukuya kwencane kunazo zonke 1–10 Uyakugonda ukuhleka ngokulandelana kwezinombo: eyokuqala, eyesibili, eyesithathu, eyesine, eyesihlanu, eyesithupha Uchaza ukucabanga kwakhe ngamagama kanye nangemidwebho noma izinto eziphathekayo Uxazulula izinkinga esebenzisa izinto eziphathekayo noma iladi lezinombolo: 0–10 Uhlanganisa futhi asuse ngomlomo esebenzisa izinto eziphathekayo: 0–10 Uhlukanisa phakathi kokuningi kuna-, okuyingcosana kuna- kanye nokulingana na- Ubona imali ewuhlwaza kanye neyiphepha yaseNingizimu Afrika: 10c, 20c, 50c, R1, R2, R5, R10, R20, R50, R100, R200 Uhlonza imali ewuhlwaza kanye neyiphepha yaseNingizimu Afrika: 10c, 20c, 50c, R1, R2, R5, R10, R20, R50, R100, R200 Ikhodi yokupheleisa	
Amagama abafundi		
Usuku		

Key	PATTERNS, FUNCTIONS AND ALGEBRA	SPACE AND SHAPE (GEOMETRY)	MEASUREMENT	DATA HANDLING	COMMENTS
<p>✓ = competent</p> <p>● = partially competent</p> <p>✗ = not yet competent</p>	<p>Identifies simple repeating patterns</p> <p>Copies and extends simple repeating patterns</p> <p>Copies, extends and creates own auditory patterns</p> <p>Creates own pattern</p> <p>Understands the game, 'hopscotch'</p>	<p>Able to build at least a twenty-four-piece puzzle</p> <p>Recognises the line of symmetry in objects</p> <p>Follows directions: forward and backward; up and down; upwards and downwards; left and right</p> <p>Recognises and identifies the circle, triangle, square and rectangle</p> <p>Describes, sorts and compares 3-D objects according to similarities and differences</p> <p>Describes, sorts and compares 2-D shapes according to similarities and differences</p>	<p>Measures and compares objects according to length, mass and capacity and volume</p> <p>Distinguishes between big, bigger, biggest and small, smaller, smallest</p> <p>(Length) Understands that objects are also measured by using a tape measure</p>	<p>Collects objects according to sizes</p> <p>Sorts collections of objects</p> <p>Represents collections of objects</p> <p>Collects, sorts and represents data according to one attribute</p> <p>Analyses data using questions</p> <p>Discusses and reports on sorted collection of objects</p>	<p>Final coding</p>
<p>Learners' names</p>					
<p>Date</p>					

Ukhiye	AMAPHETHINI, AMAFANKSHINI KANYE NE-ALJEBHRA	INDAWO NESIMO (IJIYOMETHRI)	ISILINGANISO	UKUSETSHENZISWA KOLWAZI	UKUPHAWULA
✓ = usefanele ● = ufanele ngokungaphelele ✗ = akakafaneli	Ukhonza amaphethini alula aphinidaphindayo Ukopisha bese elula amaphethini alula aphinidaphindayo Ukopisha, elule bese akha amaphethini akhe omsindo Wakha amaphethini akhe Uqonda umdlalo, 'ugxumgxa'	Uyakwazi ukwakha okungenani iphazili elinezingcezu ezingamashumi amabili nane Ubona umugqa wokuvumelanisa ezintweni Ulandela inkomba: phambili kanye nasemvva; phezulu kanye naphansi; ukuya phezulu kanye nokuya phansi; esokunxele kanye nesokudla Ubona futhi uhlonza indilinga, unxantathu, isikwele kanye nonxande Uchaza, ahlele bese eqhathanisa izinto ezingu-3-D ngokuphathelene nokufanayo kanye nokwehlukile Uchaza, ahlele bese eqhathanisa izinto ezingu-2-D ngokuphathelene nokufanayo kanye nokwehlukile	Ulinganisa bese eqhathanisa izinto ngokuphathelene nobude, isisindo kanye nomthamo kanye nevolumu Uhlukisa phakathi kokukhulu, okukhudlwana, okukhulu kakhulu kanye nokuncane, okuncanyana (okuncane kakhudlwana), okuncane kakhulu (Ubude) Uqonda ukuthi izinto ziyalinganiswa nangetheyiphu yokulinganisa	Uqoqa izinto ngokuhambisana nobukhulu Uhlela izinto eziqoqiwe Umela iqoqiwe ezintlo eziziqoqiwe Uqoqa, ahlele bese emela ulwazi (idatha) ngokuphathelene ne-athribhuthi Uhlaziya ulwazi (idatha) esebenzisa imibuzo Uxoxa futhi ubike ngamaqoqa ahleliwe ezinto	Ikhodi yokuphelelisa
Amagama abafundi	Usuku				



# Resources

## Songs, rhymes and stories

### Week 1

#### Story: *Number 9 story (with Number 9 frieze template)*

Next came nine Birds. They flew in the air for many days looking for just the right kind of home that is safe and warm. They flapped their wings all day long, looking high and looking low for a place they can call home.

At last they find a house that looks nice and cosy. The nine Birds perch on the windowsill and peer inside. There is nobody living in the house!

The Birds use their beaks to gather materials to make the number symbol 9 and the number word nine, which they stick on the front of the door. Each Bird makes one doorbell for the front door.

There is only one bedroom in the house, but luckily birds don't need beds. They like to sleep while sitting up!

Three Birds find a windowsill, three Birds perch on a chair and three Birds sit on the bath. They all fluff out their feathers to make nice warm blankets. They are so tired that there is not even a twitter or a tweet – the nine Birds sleep all through the night and are not up early enough the next day to catch worms for breakfast.

Luckily the nine doorbells ring just as the Birds are feeling hungry. Their friendly neighbours are standing at the front door with nice big, fat, juicy worms to welcome the Birds: one Elephant from house number 1, two Zebras from house number 2, three Meerkats from house number 3, four Giraffes from house number 4, five Monkeys from house number 5, six Ducks from house number 6, seven Frogs from house number 7 and eight Mice from house number 8.

#### Rhyme: *Two little chickens*

Two little chickens looking for some more  
Along came another two and they make four  
Run to the haystack, run to the pen  
Run little chickens, back to mother hen.

Four little chickens getting in a fix  
Along came another two and they make six  
Run to the haystack, run to the pen  
Run little chickens, back to mother hen.

Six little chickens perching on a gate  
Along came another two and they make eight  
Run to the haystack, run to the pen  
Run little chickens, back to mother hen.

Eight little chickens run to mother hen  
Along came another two and they make ten  
Run to the haystack, run to the pen  
Run little chickens, back to mother hen.

#### Song: *The ants go marching two by two*

The ants go marching two by two.  
Hoorah! Hoorah!  
The ants go marching two by two.  
Hoorah! Hoorah!  
The ants go marching two by two;  
The little one stops to tie his shoe,  
And they all go marching down  
To get out of the rain.  
Boom, boom, boom, boom!

# Izinsiza

## Amaculo, imilolozelo nezindaba

### Isonto 1

#### Indaba: *Indaba kanombolo 9 (kube nethempulethi yeFrizi kanombolo 9)*

Kwalandela iziNyoni eziyisishiyagalolunye. Zandiza emoyeni izinsuku eziningi zifuna uhlobo olufanele lwekhaya eliphephile nelifudumele. Zabhakuzisa amaphiko azo usuku lonke, zibheke phezulu zibuye zibheke phansi zifuna indawo ezingase ziyibize ngokuthi yikhaya.

Ekugcineni zathola indlu ebukeya iyinhle futhi ithokomele. IziNyoni eziyisishiyagalolunye zihlala ngaphandle onqenqemeni lwefasitela bese zilunguza ngaphakathi. Akukho muntu ohlala kule ndlu! IziNyoni zisebenzisa imilomo yazo ukuqoqa izinto zokwenza uphawu lwenombolo 9 kanye negama lenombolo yesishiyagalolunye, ezilinamathisele ngaphambi komnyango. INyoni ngayinye yenza insimbi eshaywa emnyango eyodwa yomnyango wangaphambili.

Kunegumbi lokulala elilodwa kuphela endlini, kodwa ngenhlanhla izinyoni aziyidingi imibhede. Zithanda ukulala zihleli!

IziNyoni ezintathu zithola unqenqema lwefasitela, iziNyoni ezintathu zihlala esihlalweni bese iziNyoni ezintathu zihlala kubhavu. Zonke zikhipha izimpaphe zazo ukuze zenze izingubo zokulala ezifudumele. Zikhathele kangokuthi akukho ngisho nomsindo othi tshwitshwi noma tshilotshilo – iziNyoni eziyisishiyagalolunye zilala ubusuku bonke futhi azivuki ekuseni kakhulu ngakusasa ukubamba izibungu ukuze zidle isidlo sasekuseni.

Ngenhlanhla izinsimbi zasemnyango eziyisishiyagalolunye ziyakhala ngesikhathi nje iziNyoni zizizwa sezilambile. Omakhelwane bazo abanobungane bami emnyango ongaphambili nezibungu ezinhle ezinkulu, ezikhuluphele, ezinoju ukuze bamukele iziNyoni: iNdlovu eyodwa evela endlini engunombolo 1, amaDube amabili aphuma endlini engunombolo 2, uBubhibhi obuthathu buphuma endlini engunombolo 3, iziNdulamithi ezine ezivela endlini engunombolo 4, iziNkawu ezinhlanu ezivela endlini engunombolo 5, amaDada ayisithupha aphuma endlini engunombolo 6, amaSele ayisikhombisa aphuma endlini engunombolo 7 kanye namaGundane ayisishiyagalombili aphuma endlini engunombolo 8.

#### Umlolozelo: *Izinkukhu ezimbili ezincane*

Izinkukhu ezimbili ezincane zifuna ezinye  
Kwalandel' ezinye ezimbili zase ziba zine  
Gijimani niy' engqumbini yotshani, niy' ehokweni  
Gijimani machwanyana, nibuyele  
kumam' usikhukhukazi.

Izinkukhu ezine ezincane zisenkingeni  
Kwalandel' ezimbili ezenz' eziyisithupha  
Gijimani niy' engqumbini yotshani, niy' ehokweni  
Gijimani machwanyana, nibuyele kumam'  
usikhukhukazi.

Izinkukhu ezincane eziyisithupha zihleli esangweni  
Kwafik' ezimbili zayisishiyagalombili  
Gijimani niy' engqumbini yotshani, niy' ehokweni  
Gijimani machwanyana nibuyele kumam'  
usikhukhukazi.

Eziyisishiyagalombili zigijimela kumama  
usikhukhukazi

Kwalandela ezinye ezimbili zenza eziyishumi  
Gijimani niy' engqumbini yotshani, niy' ehokweni  
Gijimani machwanyana, nibuyele kumam'  
usikhukhukazi.

#### Iculo: *Izintuthwane zimasha ngazimbili*

Izintuthwane zimasha ngazimbili.  
Ngingci! Ngingci!  
Izintuthwane zimasha ngazimbili.  
Ngingci! Ngingci!  
Izintuthwane zimasha ngazimbili;  
Encane ima iboph' isicathulo,  
Bese zonke zimashela ezansi  
Ukuze ziphume emvuleni.  
Qhwa, qhwa, qhwa, qhwa!

## Week 2

### Story: *Number 10 story (with Number 10 frieze template)*

Ten Bees have been buzzing around all day drinking the juice – called nectar – from the beautiful flowers around the neighbourhood. Whenever one Bee finds a flower with juicy nectar, it does a little dance to tell the other Bees that there is food nearby.

The Bees need to find a home soon so that they can make honey from the nectar they have collected. They look at the last house in the row and decide it will make a perfect beehive – this is what bees call their homes.

Bees are very hard workers and they do their jobs well, so they set to work buzzing about to fix their beehive and make it cosy. They make their front door out of twigs from trees. The number symbol 10 and the number word ten goes on the front of the door with 10 doorbells. The Bees make curtains for their windows out of green leaves, they make candles from beeswax and they make honey for the dark nights. The queen Bee rests in the hive while the other nine worker Bees turn the nectar they have collected into honey and pour it into nine honeypots. Early the next morning all ten Bees put on their stripy yellow and black jerseys and their black boots and deliver one honeypot to each of their new neighbours: the one Elephant from house number 1, two Zebras from house number 2, three Meerkats from house number 3, four Giraffes from house number 4, five Monkeys from house number 5, six Ducks from house number 6, seven Frogs from house number 7, eight Mice from house number 8 and nine Birds from house number 9.

### Song: *Ten little honey bees*

Ten little honey bees buzzing around  
One went to the hive  
One to a flower  
How many honey bees buzzing around?  
Eight little honey bees are left now.  
Eight little honey bees buzzing around  
One went to the hive  
One to a flower  
How many honey bees buzzing around?  
Six little honey bees are left now.  
Six little honey bees buzzing around  
One went to the hive  
One to a flower  
How many honey bees buzzing around?  
Four little honey bees are left now.  
Four little honey bees buzzing around  
One went to the hive  
One to a flower  
How many honey bees buzzing around?  
Two little honey bees are left now.  
Two little honey bees buzzing around  
One went to the hive  
One to a flower  
How many honey bees buzzing around?  
No more honey bees are left now.

## Isonto 2

### Indaba: *Indaba kanombolo 10* (kuba nethempulethi yeFrizi kanombolo 10)

IziNyosi eziyishumi bezilokhu zibhuza usuku lonke ziphuza ijusi – ebizwa ngompe – oluvela ezimbalini ezinhle ezisendaweni esizungezile. Njalo nje lapho iNyosi eyodwa ithola imbali enompe olunamanzi, yenza umdanso omncane ukutshela ezinye iziNyosi ukuthi kukhona ukudla eduze.

IziNyosi zidinga ukuthola ikhaya ngokushesha ukuze zenze uju ngompe eziluloqile. Zibheka indlu yokugcina emgqeni bese zinquma ukuthi zizokwenza isidleke sezinyosi esihle kakhulu khona – yilokhu-ke izinyosi ezikubiza ngokuthi amakhaya azo.

IziNyosi zisebenza ngokuzikhandla kakhulu kanti zenza umsebenzi wazo kahle, ngakho-ke ziqala ukusebenza zibhuza sezilungisa isidleke sazo ukusenza sithokomale. Zenza umnyango wazo wangaphambili ngamagatshana ezihlahla. Uphawu lwenombolo 10 kanye negama lenombolo ishumi kubekwa ngaphambili emnyango, kube nezinsimbi zezicabha ezishaywayo eziyi-10. IziNyosi zenza amakhethini amafasitela azo ngamahlamvu aluhlaza satshani, zenze amakhandlela ngengcina yazo kanye noju lwasebusuku obumnyama. Indlovukazi yeziNyosi iphumula esidlekeni lapho ezinye iziNyosi eziyisishiyagalolunye eziyizisebenzi ziphendula khona umpe eziluloqile lube uju bese ziluthela ezitsheni zoju eziyisishiyagalolunye. Ekuseni ngakusasa zonke iziNyosi eziyishumi zigqoka amajezi azo anemithende anombala ophuzi nomnyama kanye namabhuzu azo amnyama bese ziletha ibhodwe loju elilodwa komakhelwane bazo abasha: iNdlovu eyodwa evela endlini engunombolo 1, amaDube amabili avela endlini engunombolo 2, uBubhibhi obuthathu obusuka endlini engunombolo 3, iziNdlulamithi ezine eziphuma endlini engunombolo 4, iziNkawu ezinhlanu eziphuma endlini engunombolo 5, amaDada ayisithupha aphuma endlini engunombolo 6, amaSele ayisikhombisa aphuma endlini engunombolo 7, amaGundane ayisishiyagalombili aphuma endlini engunombolo 8 kanye neziNyoni eziyisishiyagalolunye eziphuma endlini engunombolo 9.

### Iculo: *Izinyosi ezincane eziyishumi*

(Noma ngayiphi ishuni uthisha angayisebenzisa noma aziqambele yona)

Izinyosi ezincane eziyishumi ezibhuzayo

Enye yaya esidlekeni

Eyodwa yaya embalini

Zingaki izinyosi ezibhuzayo?

Sekusel' izinyosan' eziyisishiyagalombili manje.

Izinyosi ezincane eziyisishiyagalombili

zabhuzabhuza

Enye yaya esidlekeni

Eyodwa yaya embalini

Zingaki izinyosi ezibhuzayo?

Kusele izinyosan' eziyisithupha manje.

Izinyosi ezincane eziyisithupha zabhuzabhuza

Enye yaya esidlekeni

Eyodwa yaya embalini

Zingaki izinyosi ezibhuzayo?

Kusele izinyosan' ezine manje.

Izinyosi ezincane ezine zabhuzabhuza

Enye yaya esidlekeni

Eyodwa yaya embalini

Zingaki izinyosi ezibhuzayo?

Kusele izinyosan' ezimbili manje.

Izinyosi ezincane ezimbili zabhuzabhuza

Enye yaya esidlekeni

Eyodwa yaya embalini

Zingaki izinyosi ezibhuzayo?

Akusekho zinyosi ezisele manje.

## Story: *The beehives*

Every day the ten Bees left their beehive and went buzzing around looking for flowers. One day they flew a little further into the forest where the trees were tall. They could hear the buzzing sounds of other bees and as they flew closer they could see many beehives hanging from the trees. They saw lots and lots of bees going in and out of each beehive. There were too many bees to count.

Let's pretend the counters are the bees and your lids are the beehives.

## Week 3

### Song: *Ten green bottles*

Ten green bottles hanging on the wall  
Ten green bottles hanging on the wall  
And if one green bottle should accidentally fall  
There'll be nine green bottles hanging on the wall.

*(Repeat for nine, eight, seven, six, five, four, three, two)*

One green bottle hanging on the wall  
One green bottle hanging on the wall  
And if one green bottle should accidentally fall  
There'll be no green bottles hanging there at all.

### Story: *Number 0 story (with Number 0 frieze template)*

All the animals now lived happily side by side in their own houses. They went out of their way to be friendly and helpful to one another.

One day as Elephant looked out of his window he saw a machine digging a hole in the ground next door to him. Over the next days and weeks all the animals watched as a new house was built right before their very own eyes. Cement was mixed, bricks were laid, a roof was built and the doors and windows were fitted. Finally the house was ready. It was a beautiful house, strong and well built.

'Who will live in this splendid new house?' the animals wondered. They all gathered outside the door of the house, excited to meet their new neighbours. There was no doorbell on the door, but the four Giraffes saw that the door was open and they curled their long necks through the door. 'Anyone home?' they called. No one was home.

The animals all crowded inside. The house was empty. The Birds flew from room to room, but there was no furniture – no bed, no table and no chairs. There was nothing ... zero.

To this day, nobody has moved into the new house. It has stayed empty with nothing inside it. The animals call it the zero house because this is the word that means 'nothing'.

## Indaba: Izidleke zezinyosi

Nsuku zonke iziNyosi eziyishumi zazishiya isidleke sazo zihambe zibhuza zifuna izimbali. Ngelinye ilanga zandiza zaqhubekela phakathi nehlathi lapho izihlahla zazizinde khona. Zezwa umsindo obhuzayo wezinye izinyosi kwathi lapho zindiza zisondelela zabona izidleke zezinyosi eziningi ezilenga ezihlahleni. Zabona izinyosi eziningi zingena ziphuma esidlekeni sezinyosi ngasinye. Zaziziningi kakhulu izinyosi zingenakubalwa. Ake senze sengathi izinto zokubala ziyizinyosi bese izivalo zakho zibe yizidleke zezinyosi.

## Isonto 3

### Iculo: Amabhodlela aluhlaza satshani ayishumi

(Noma ngayiphi ishuni uthisha angaziqambela yona)

Amabhodlela aluhlaza satshani ayishumi  
alenga odongeni

Amabhodlela aluhlaza satshani ayishumi  
alenga odongeni

Uma ibhodlela elilodwa eliluhlaza satshani  
liwe ngephutha

Kuzoba namabhodlela aluhlaza satshani  
ayisishiyagalolunye alenga odongeni.

*(Phinda ubhekise kokuyisishiyagalolunye,  
okuyisishiyagalombili, okuyisikhombisa,  
okuyisithupha, okuyisihlanu, okune,  
okuthathu, okubili)*

Ibhodlela elilodwa eliluhlaza satshani lilenga  
odongeni

Ibhodlela elilodwa eliluhlaza satshani lilenga  
odongeni

Uma ibhodlela elilodwa eliluhlaza satshani  
liwe ngephutha

Kuzobe kungasekho mabhodlela aluhlaza  
satshani alenga lapho.

### Indaba: Indaba kanombolo 0 (kubethempulethi yeFrizi kanombolo 0)

Zonke izilwane manje zaseziphila zingomakhelwane abajabule ezindlini zazo. Zenza konke okusemandleni azo ukuba ngabangane abasizanayo.

Ngelinye ilanga lapho uNdlovu elunguza ngefasi lakhe wabona umshini umba umgodi phansi kwamakhelwane. Ezinsukwini namasonto alandelayo zonke izilwane zabukela njengoba kwakwaxiwa indlu entsha zibhekile.

Kwaxowwa usimende, kwabekwa izitini, kwakhiwa uphahla, kwafakwa izicabha namafasitela. Ekugcineni indlu yabe isilungile. Kwakuyindlu enhle, eqinile futhi yakhiwe kahle.

‘Obani abazohlala kule ndlu entsha ephambili kangaka?’ zazibuza izilwane. Zonke zabuthana ngaphandle komnyango wendlu, zijabulela ukuhlangana nomakhelwane bazo abasha. Kwakungekho nsimbi eshaywayo emnyango, kodwa iziNdulamithi ezine zabona ukuthi umnyango uvulekile zase zingenisa izintamo zazo ezinde emnyango. ‘Ngabe kukhona olapha endlini?’ kumemeza zona. Kwakungekho muntu ekhaya.

Izilwane zaminyana ngaphakathi. Indlu yayingenalutho. IziNyoni zazindiza zisuka kwelinye igumbi ziye kwelinye, kodwa kwakungekho fenisha – kungekho mbhede, natafula nazihlalo. Kwakungekho lutho ... ziro.

Kuze kube namuhla, akekho oseke wathuthela endlini entsha. Ilokhu ihleli ingenalutho phakathi. Izilwane ziyibiza ngokuthi yindlu kaziro ngoba leli yigama elisho ukuthi ‘ayinalutho’.



## Week 4

### Song: *Clap, snap and stamp*

(To the tune of *Twinkle, twinkle, little star*)

Patterns, patterns all around  
We make them using sound  
Snapping, clapping, fast and slow  
Ready, set, now here we go,  
Everybody follow me  
Make this pattern carefully ...  
*Clap, snap fingers, stamp foot; clap, snap fingers, stamp foot (ABC pattern)*  
(Introduce a new pattern sequence every day)

## Week 5

### Song: *The directions song*

(To the tune of *This is the way ...*)

Turn around and touch the ground,  
Turn to the left and turn to the right.  
Turn around and touch the ground,  
Turn to the left and turn to the right.

#### **Chorus:**

Jump to the left and jump to the right,  
Jump forward and jump back.  
Jump to the left and jump to the right,  
Jump forward and jump back.  
Sit down and stand up,  
Jump up and down and clap your hands.  
Sit down and stand up,  
Jump up and down and clap your hands.

## Week 6

### Rhyme: *Five elephants in the bathtub*

One elephant going for a swim,  
Knock, knock,  
Splash, splash,  
Come on in.

Two elephants going for a swim,  
Knock, knock,  
Splash, splash,  
Come on in.

Three elephants going for a swim,  
Knock, knock,  
Splash, splash,  
Come on in.

Four elephants going for a swim,  
Knock, knock,  
Splash, splash,  
Come on in.

Five elephants going for a swim,  
Knock, knock,  
Splash, splash,  
They all fell in.

## Isonto 4

### Iculo: *Shaya izandla, shaya izithupha bese ugxoba ngonyawo*

(Ngeshuni ethi *Twinkle, twinkle, little star* noma leyo aziqambebe yona uthisha)

Amaphethini, yonk' indawo

Siwenza ngomsindo nje

Shay' izandla nezithupha, usheshe ubuy' unense

Sesilungele ukuhamba-ke,

Wonk' umuntu angilandele

Senz' iphethini elihle ngokunakekela ...

*Shaya izandla, shaya izithupha, gxoba ngonyawo phansi; shaya izandla shaya izithupha, gxoba ngonyawo phansi (iphethini lika-ABC)*

*(Yethula ukulandelana kwephethini elisha nsuku zonke)*

## Isonto 5

### Iculo: *Iculo lezinkomba*

(Ngeshuni ethi *This is the way ...* noma leyo aziqambebe yona uthisha)

Jika bese uthinta phansi,

Jikela kwesokunxele ujikele kwesokudla.

Jika bese uthinta phansi,

Jikela kwesokunxele, ujikele kwesokudla.

#### Ikhorasi:

Gxumela kwesokunxele, ugxumele kwesokudla,

Gxumela phambili ugxumele emuva.

Gxumela kwesokunxele ugxumele kwesokudla,

Gxumela phambili ugxumele emuva.

Hlala phansi ubuye usukume,

Gxumela phezulu naphansi, ushay' izandla.

Hlala phansi ubuye usukume,

Gxumela phezulu naphansi bese ushay' izandla.

## Isonto 6

### Umlolozelo: *Izindlovu ezinhlanu kubhavu*

Indlovu eyodwa iyobhukuda,

Nqo, nqo,

Phaxa, phaxa,

Ngena.

Izindlovu ezimbili ziyobhukuda,

Nqo, nqo,

Phaxa, phaxa,

Ngena.

Izindlovu ezintathu ziyobhukuda,

Nqo, nqo,

Phaxa, phaxa,

Ngena.

Izindlovu ezine ziyobhukuda,

Nqo, nqo,

Phaxa, phaxa,

Ngena.

Izindlovu ezinhlanu ziyobhukuda,

Nqo, nqo,

Phaxa, phaxa,

Ziwele phakathi zonke.

## Story: *The Elephant's bath*

### Part 1

One day Elephant left his house to go down to the river. 'Hey, Elephant,' said his neighbours, the Monkeys, 'where are you going?'

Elephant replied, 'I am going for a walk to look for a place to take a bath.'

'Hmmm,' said the Monkeys. 'That's a long way to go. We have a bathtub. Why don't you have a bath at our house?'

### Part 2

Elephant explained that he would make his way down to the river to take his bath. He stopped in front of the Giraffes' house. 'Hey, Elephant,' said the Giraffes, 'why are you carrying a bucket?'

Elephant replied, 'I carry a bucket with me so that when I go to the river I can fill it up and have nice refreshing water to drink.'

As he got closer to the river, a little boy ran past Elephant and down to the river where he filled up a jug and some cups with water.

As the little boy raced past, he told Elephant that there was a fire at the campsite.

Elephant stuck his trunk into the river, filled his bucket with water from the river and followed the little boy to the fire. Elephant and the little boy emptied the water onto the fire to put it out.

### Part 3

It was hot now and Elephant was keen to wallow in the cool water. As he romped and splashed around in the water and trumpeted with excitement he thought about how he could make his own swimming pool to put in his back yard. He had seen some blow-up swimming pools in the shop. He would need to find a very large swimming pool and would need to think about how to fill it.

## Song: *There's a hole in my bucket*

There's a hole in my bucket, dear Sindi, dear Sindi  
There's a hole in my bucket, dear Sindi, a hole.  
Then mend it, dear Vuyo, dear Vuyo, dear Vuyo  
Then mend it, dear Vuyo, dear Vuyo, mend it.

With what shall I mend it, dear Sindi, dear Sindi?  
With what shall I mend it, dear Sindi, with what?  
With straw, dear Vuyo, dear Vuyo, dear Vuyo  
With straw, dear Vuyo, dear Vuyo, with straw.

The straw is too long ...  
Then cut it ...

With what shall I cut it? ...  
With a knife ...

The knife is too blunt ...  
Then sharpen it ...

With what shall I sharpen it? ...  
With a stone ...

The stone is too dry ...  
Then wet it ...

With what shall I wet it? ...  
With some water ...

With what shall I fetch it? ...  
With a bucket ...

**BUT THERE'S A HOLE IN MY BUCKET!**

## Indaba: Indlovu iyogeza

### Ingxenye 1

Ngelinye ilanga uNdlovu waphuma endlini yakhe wehlela emfuleni. 'Sawubona, Ndlovu,' kusho omakhelwane bayo, iziNkawu, 'uyaphi?' Waphendula uNdlovu, 'Ngisahamba ngiyofuna indawo yokugeza.'

'Hmmm,' kusho iziNkawu. 'Inde leyo ndlela ozoyihamba. Sinobhavu. Kungani ungagezi ekhaya lethu?'

### Ingxenye 2

UNdlovu wachaza ukuthi wayezoyogeza emfuleni. Wama phambi komuzi weziNdlulamithi. 'Sawubona, Ndlovu,' kusho uNdlulamithi, 'yini wena uphathe ibhakede?' UNdlovu waphendula, 'Ngiphethe ibhakede ukuze ngifike emfuleni ngigcwalise amanzi bese ngiwaphuza kamnandi amanzi amnandi aqabulayo.'

Wathi lapho esondela ngasemfuleni uNdlovu kwedlula umfana omncane egijima ehlela emfuleni efike egcwalisa ujeke nezinkomishi ngamanzi.

Lapho umfana omncane egijima edlula, watshela uNdlovu ukuthi kuyasha endaweni yokukhempa.

UNdlovu wafaka umboko wakhe emfuleni, wagcwalisa ibhakede lakhe ngamanzi aphuma emfuleni walandela umfanyana waya lapho kunomlilo khona. UNdlovu nomfanyana bathululela amanzi emlilweni ukuze bawucime.

### Ingxenye 3

Kwase kushisa-ke manje kanti uNdlovu wayeselangazelela ukuhuquza emanzini aphilile. Wathi esahuquza exhaphaza amanzi enza umsindo osacilongo ngokujabula, wacabanga ukuthi angasenza kanjani esakhe isiziba sokubhukuda azosibeka ngemva kwendlu. Wayebone okufuthwa kwenziwe isiziba sokubhukuda esitolo. Kuzodingeka athole isiziba sokubhukuda esikhulu kakhulu futhi acabange nokuthi angasigcwalisa kanjani amanzi.

## Iculo: Kunembobo ebhakedeni lami

Kunembobo ebhakedeni lami, Sindi, sithandwa,  
Sindi, sithandwa

Kunembobo ebhakedeni lami, Sindi, sithandwa,  
kunembobo.

Vele uyivale, Vuyo, sithandwa, Vuyo, sithandwa,  
Vuyo, sithandwa

Vele uyivale Vuyo, sithandwa, Vuyo sithandwa,  
uyivale.

Ngivale ngani, Sindi, sithandwa, Sindi sithandwa?

Ngivale ngani, Sindi, sithandwa, ngivale ngani?

Ngotshani, Vuyo, sithandwa, Vuyo, sithandwa,  
Vuyo, sithandwa

Ngotshani, Vuyo, sithandwa, Vuyo, sithandwa,  
ngotshani.

Utshani bude kakhulu ...

Vele ubusike ...

Ngizobusika ngani? ...

Ngommese ...

Ummese ubuthuntu kakhulu ...

Vele uwulole ...

Ngizowulola ngani? ...

Ngetshe ...

Itshe lome kakhulu ...

Vele ulimanzise ...

Ngizolimanzisa ngani? ...

Ngamanzi ...

Ngizowalanda ngani? ...

Ngebhakede ...

KUNEMBOBO EBHAKEDENI LAMI!

## Week 7

### Song: *Old Sandile had a farm*

Old Sandile had a farm  
E-I-E-I-O  
And on his farm he had a pig  
E-I-E-I-O  
With an oink-oink here  
And an oink-oink there  
Here an oink, there an oink  
Everywhere an oink-oink  
Old Sandile had a farm  
E-I-E-I-O.  
Old Sandile had a farm  
E-I-E-I-O  
And on his farm he had two horses  
E-I-E-I-O  
With a neigh-neigh here  
And a neigh-neigh there  
Here a neigh, there a neigh  
Everywhere a neigh-neigh  
Old Sandile had a farm  
E-I-E-I-O.

*Continue with:*

three ducks (quack-quack here, quack-quack there)  
four cows (moo-moo here, moo-moo there)  
five sheep (baa-baa here, baa-baa there)  
six hens (cluck-cluck here, cluck-cluck there)  
seven goats (maah-maah here, maah-maah there)  
eight geese (ggghuu-ggghuu here, ggghuu-ggghuu there)  
nine donkeys (hee-haw here, hee-haw there)  
Old Sandile had a farm  
E-I-E-I-O  
And on his farm he had ten snakes  
E-I-E-I-O  
With a sss-sss here  
And a sss-sss there  
Here a sss, there a sss  
Everywhere a sss-sss

An oink-oink here  
And an oink-oink there  
Here an oink, there an oink  
Everywhere an oink-oink  
A neigh-neigh here  
And a neigh-neigh there  
Here a neigh, there a neigh  
Everywhere a neigh-neigh  
A quack-quack here  
And a quack-quack there  
Here a quack, there a quack  
Everywhere a quack-quack  
A moo-moo here  
And a moo-moo there  
Here a moo, there a moo  
Everywhere a moo-moo  
*(Continue like this for the other animals)*  
Old Sandile had a farm  
E-I-E-I-O-O-O-O.

### Story: *Animals' race*

One day the animals woke up to find dew drops on their window panes. The sky was cloudy and the weather was cool. Elephant blew his trumpet to call the animals together. They knew they should meet in the big field behind their houses when they heard his call. He suggested that they should have a race around the field, down to the river and back. He asked the Ducks to fly up and sit in the trees to check that the runners kept to the track and the Birds and Bees to fly above the runners to see that they were safe during the race.

There wasn't a lot of space on the track so there could only be six runners in the race. There was a lot of excitement as they chose which one of the Zebras, Meerkats, Giraffes, Monkeys, Frogs and Mice would run in the race.

Eventually when the runners had been chosen, the six animals lined up. Then Elephant blew his trumpet and they took off.

## Isonto 7

### Iculo: *USandile omdala wayenepulazi*

(Ngeshuni ethi 'Old Macdonald Had a Farm'  
noma okusondelene nayo)

USandil' omdala wayenepulazi

Hheyi, hheyi bo!

Epulazini lakhe wayenengulube

Hheyi, hheyi bo!

Ngo-oyi-oyi lapha

No-oyi-oyi laphaya

U-oyi lapha, u-oyi laphaya

Yonke indawo u-oyi-oyi

USandil' omdala wayenepulazi

Hheyi, hheyi bo!

USandil' omdala wayenepulazi

Hheyi, hheyi bo!

Epulazini lakhe wayenamahashi amabili

Hheyi, hheyi bo!

Kuno-hi-hi lapha

Kuno-hi-hi laphaya

Kuno-hi-lapha, kuno-hi laphaya

Yonke indawo kuno-hi-hi

USandile omdala wayenepulazi

Hheyi, hheyi bo!

*Qhubeka ngokuthi:*

amadada amathathu (kwak-kwak lapha,  
kwak-kwak laphaya)

izinkomo ezine (moo-moo lapha, moo-moo  
laphaya)

izimvu ezinhlanu (bhaa-bhaa lapha, bhaa-  
bhaa laphaya)

izikhukhukazi eziyisithupha (ku-ku lapha,  
ku-ku laphaya)

izimbuzi eziyisikhombisa (me-me lapha,  
me-me laphaya)

amahansi ayisishiyagalombili (kwe-kwe lapha,  
kwe-kwe- laphaya)

izimbongolo eziyisishiyagalolunye (o-o lapha,  
o-o laphaya)

USandil' omdala wayenepulazi

Hheyi, hheyi bo!

Epulazini lakhe wayenezinyoka eziyishumi

Hheyi, hheyi bo!

Ngo-sss-sss lapha

No-sss-sss laphaya

U-sss lapha, u-sss laphaya

Yonke indawo u-sss-sss

Ngo-oyi-oyi lapha

Ngo-oyi-oyi laphaya

U-oyi lapha, u-oyi laphaya

Yonke indawo u-oyi-oyi

Kuno-hi-hi lapha

Kuno-hi-hi laphaya

Kuno-hi-hi lapha, kuno-hi-hi laphaya

Yonke indawo kuno-hi-hi

U-kwak-kwak lapha

No-kwak-kwak laphaya

U-kwa-kwak lapha, u-kwak-kwak laphaya

Yonke indawo u-kwak-kwak

U-moo-moo lapha

U-moo-moo laphaya

U-moo lapha, u-moo laphaya

Yonke indawo u-moo-moo

*(Qhubeka kanje kwezinye izilwane)*

USandil' omdala wayenepulazi

Hheyi, hheyi bo!

### Indaba: *Umjaho wezilwane*

Ngelinye ilanga izilwane zavuka zathola  
amaconsi amazolo emafasiteleni azo.

Isibhakabhaka sasinamafu nezulu lipholile.

UNdlovu washaya icilongo lakhe ukuze abizele

ndawonye izilwane. Bayazi ukuthi kufanele

bahlangane ensimini enkulu ngemva kwezindlu

zabo lapho bezwa ebabiza. Waphakamisa

ukuthi kube nomjaho ozungeza inkundla,

wehle uze ufike emfuleni ubuye futhi. Wacela

amaDada ukuthi andizele phezulu ahlale

ezihlahleni ukuze abheke ukuthi abagijimi

bagijima emzileni yini bese iziNyoni neziNyosi

zindize phezu kwabagijimi ukuze zibone ukuthi

baphephile yini ngesikhathi somjaho.

Sasingekho isikhala esiningi emzileni ngakho

kwakuzoba nabagijimi abayisithupha kuphela

emjahweni. Kwakunesasasa elikhulu ngesikhathi

sezikhetha ukuthi ngubani ozogijima kulo

mjaho kumaDube, uBubhibhi, iziNdlulamithi,

iziNkawu, amaSele namaGundane.

Ekugcineni lapho sebekhethiwe abagijimi,

izilwane eziyisithupha zashaya ujenga. UNdlovu

wabe eseshaya icilongo, zasuka.



## Rhyme: 1 and 1

1 and 1 is 2, double 1, double 1, (*Show one finger from each hand*)

1 and 1 is 2.

2 and 2 is 4, double 2, double 2, (*Show two fingers from each hand*)

2 and 2 is 4.

3 and 3 is 6, double 3, double 3, (*Show three fingers from each hand*)

3 and 3 is 6.

(Continue up to 5 and then repeat)

## Week 9

### Shape song: *If you're holding a square*

(To the tune of *If you're happy and you know it*)

If you're holding a square, stand up!

If you're holding a square, stand up!

If you're holding a square, if you're holding  
a square,

If you're holding a square, stand up!

(Repeat with other shapes)

### Shape song: *A circle's like a ball*

(To the tune of *The farmer's in the dell*)

A circle's like a ball,

A circle's like a ball,

Round and round,

It never stops.

A circle's like a ball!

A square is like a box,

A square is like a box,

It has four sides,

They are the same.

A square is like a box!

A triangle has three sides,

A triangle has three sides,

Up the mountain,

Down, and back.

A triangle has three sides!

A rectangle has four sides,

A rectangle has four sides,

Two are long, and

Two are short.

A rectangle has four sides!

## Song: *Shape Hokey Pokey*

You put your circle in,

You put your circle out,

You put your circle in,

And you shake it all about.

You do the Hokey Pokey

And you turn yourself around.

That's what it's all about!

You put your rectangle in ...

You put your square in ...

You put your triangle in ...

## Week 10

### Song: *Months of the year*

January, February, March, April, May, June, July

August, September, October, November,

December (×2)

January, February, March, April, May, June, July.

### Song: *I can sort*

I can sort, I can sort, I can sort, sort, sort.

I can put things into groups, and I can sort,  
sort, sort.

I can sort by colour, I can sort by size.

I can sort by shape, and maybe win a prize.

I can sort, I can sort, I can sort, sort, sort.

I can put things into groups, and I can sort,  
sort, sort.

I can sort by feel, I can sort by name.

I can tell you why I think my things are all  
the same.

I can sort, I can sort, I can sort, sort, sort.

I can put things into groups and I can sort,  
sort, sort.

## Umlolozelo: U-1 no-1

U-1 no-1 ngu-2, u-1 kabili, u-1 kabili, (*Bonisa umunwe owodwa esandleni ngasinye*)  
u-1 no-1 ngu-2.

U-2 no-2 ngu-4, u-2 kabili, u-2 kabili, (*Bonisa iminwe emibili esandleni ngasinye*)  
u-2 no-2 ngu-4.

U-3 no-3 ngu-6, u-3 kabili, u-3 kabili, (*Bonisa iminwe emithathu esandleni ngasinye*)  
u-3 no-3 ngu-6.

(*Qhubeka ufike ku-5 bese uphinda*)

## Isonto 9

### Iculo lesimo: *Uma uphethe isikwele*

(Ngeshuni ethi *If you're happy and you know it*)

Um' uphethe isikwele, sukuma!  
Um' uphethe isikwele, sukuma!  
Um' uphethe isikwele, um' uphethe isikwele,  
Um' uphethe isikwele, sukuma!  
(*Phinda ngezinye izimo*)

### Iculo lesimo: *Indilinga ifana nebhola*

(Ngeshuni ethi *The farmer's in the dell*, noma enye uthisha aziqambele yona)

Indilinga ifana nebhola,  
Indilinga ifana nebhola,  
Iyazungeza iyazungeza,  
Ayimi.  
Indilinga ifana nebhola!  
Isikwele sifana nebhokisi,  
Isikwele sifana nebhokisi,  
Sinamacala amane,  
Ayafana.  
Isikwele sifana nebhokisi!  
Unxantathu unamacala amathathu,  
Unxantathu unamacala amathathu,  
Phezulu entabeni,  
Phansi, nangemuva.  
Unxantathu unamacala amathathu!  
Unxande unamacala amane,  
Unxande unamacala amane,  
Amabili made bese  
Amabili abe mafushane.  
Unxande unamacala amane!

## Iculo: *Isimo seHokhi Phokhi*

(Noma iyiphi ishuni uthisha angaziqambela yona)

Ufaka indilinga yakho phakathi,  
Ukhiphela indilinga yakho ngaphandle,  
Ufaka indilinga yakho phakathi,  
Bese ulokhu uyithintitha.  
Wenza iHokhi-Phokhi  
Futhi uyaziphendula.  
Kuba njalo nje!  
Ufaka unxande wakho ...  
Ufaka isikwele sakho ...  
Ufaka unxande wakho ...

## Isonto 10

### Iculo: *Izinyanga zonyaka*

(Ngeshuni engakhethwa noma iqanjwe nguthisha)



Masingana, Nhlolanja, Ndasas, Mbasas, Nhlaba,  
Nhlanguvana, Ntulikazi  
Ncwaba, Mandulo, Mfumfu, Lwezi, Zibandlela (x2)  
Masingana, Nhlolanja, Ndasas, Mbasas, Nhlaba,  
Nhlanguvana, Ntulikazi.

### Iculo: *Ngiyakwazi ukuhlunga*




(Ngeshuni uthisha aziqambele yona ishuni)


Ngiyakwazi ukuhlunga, ngiyakwazi ukuhlunga,  
ngiyakwazi ukuhlunga, ukuhlunga, ukuhlunga.  
Ngiyakwazi ukufaka izinto ngamaqoqo,  
ngiyakwazi ukuhlunga, ukuhlunga, ukuhlunga.  
Ngingakwazi ukuhlunga ngombala, ngiyakwazi  
ukuhlunga ngobukhulu.  
Ngingakwazi ukuhlunga ngesimo, mhlawumbe  
ngiwine umklomelo.  
Ngiyakwazi ukuhlunga, ngiyakwazi ukuhlunga,  
ngiyakwazi ukuhlunga, ukuhlunga, ukuhlunga.  
Ngiyakwazi ukufaka izinto ngamaqoqo,  
ngiyakwazi ukuhlunga, ukuhlunga, ukuhlunga.  
Ngingakwazi ukuhlunga ngokuzwa ngezandla,  
ngingakwazi ukuhlunga ngegama.  
Ngingakutshela ukuthi kungani ngicabanga  
ukuthi izinto zami ziyafana zonke.  
Ngiyakwazi ukuhlunga, ngiyakwazi ukuhlunga,  
ngiyakwazi ukuhlunga, ukuhlunga, ukuhlunga.  
Ngiyakwazi ukufaka izinto ngamaqoqo futhi  
ngiyakwazi ukuhlunga, ukuhlunga, ukuhlunga.






## Templates • Amathempulethi







nine

9




q




isishiyagagalolunye






ten


10





10

isiNnyisi




O

zero

O

uziro

# Playdough template: Number 9




# Ithempulethi yenhlama yokudlala: Inombolo 9



isishiyagalolunye




# Playdough template: Number 10




# Ithempulethi yenhlama yokudlala: Inombolo 10




ishumi





# Playdough template: Number 0




# Ithempulethi yenhlama yokudlala: Inombolo 0



**uziro**

# Farmyard race (Week 1) • Umjaho wasepulazini (Isonto 1)




Connect-the-dots (Week 1) • Xhuma-amachashazi (Isonto 1)






# Ice-cream activity (Week 1)



# Umsebenzi ka-ayisikhilimu (Isonto 1)



# Number puzzle (Week 2)



one	1	<table border="1"><tr><td>●</td><td></td><td></td><td></td><td></td></tr><tr><td></td><td></td><td></td><td></td><td></td></tr></table>	●									
●												
two	2	<table border="1"><tr><td>●</td><td>●</td><td></td><td></td><td></td></tr><tr><td></td><td></td><td></td><td></td><td></td></tr></table>	●	●								
●	●											
three	3	<table border="1"><tr><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td></td><td></td></tr><tr><td></td><td></td><td></td><td></td><td></td></tr></table>	●	●	●							
●	●	●										
four	4	<table border="1"><tr><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td></td></tr><tr><td></td><td></td><td></td><td></td><td></td></tr></table>	●	●	●	●						
●	●	●	●									
five	5	<table border="1"><tr><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td></tr><tr><td></td><td></td><td></td><td></td><td></td></tr></table>	●	●	●	●	●					
●	●	●	●	●								
six	6	<table border="1"><tr><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td></tr><tr><td>●</td><td></td><td></td><td></td><td></td></tr></table>	●	●	●	●	●	●				
●	●	●	●	●								
●												
seven	7	<table border="1"><tr><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td></tr><tr><td>●</td><td>●</td><td></td><td></td><td></td></tr></table>	●	●	●	●	●	●	●			
●	●	●	●	●								
●	●											
eight	8	<table border="1"><tr><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td></tr><tr><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td></td><td></td></tr></table>	●	●	●	●	●	●	●	●		
●	●	●	●	●								
●	●	●										
nine	9	<table border="1"><tr><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td></tr><tr><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td></td></tr></table>	●	●	●	●	●	●	●	●	●	
●	●	●	●	●								
●	●	●	●									
ten	10	<table border="1"><tr><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td></tr><tr><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td></tr></table>	●	●	●	●	●	●	●	●	●	●
●	●	●	●	●								
●	●	●	●	●								

# Iphazili yezinombolo (Isonto 2)



kunye	1	<table border="1"><tr><td>●</td><td></td><td></td><td></td><td></td></tr><tr><td></td><td></td><td></td><td></td><td></td></tr></table>	●									
●												
kubili	2	<table border="1"><tr><td>●</td><td>●</td><td></td><td></td><td></td></tr><tr><td></td><td></td><td></td><td></td><td></td></tr></table>	●	●								
●	●											
kuthathu	3	<table border="1"><tr><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td></td><td></td></tr><tr><td></td><td></td><td></td><td></td><td></td></tr></table>	●	●	●							
●	●	●										
kune	4	<table border="1"><tr><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td></td></tr><tr><td></td><td></td><td></td><td></td><td></td></tr></table>	●	●	●	●						
●	●	●	●									
kuhlanu	5	<table border="1"><tr><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td></tr><tr><td></td><td></td><td></td><td></td><td></td></tr></table>	●	●	●	●	●					
●	●	●	●	●								
isithupha	6	<table border="1"><tr><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td></tr><tr><td>●</td><td></td><td></td><td></td><td></td></tr></table>	●	●	●	●	●	●				
●	●	●	●	●								
●												
isikhombisa	7	<table border="1"><tr><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td></tr><tr><td>●</td><td>●</td><td></td><td></td><td></td></tr></table>	●	●	●	●	●	●	●			
●	●	●	●	●								
●	●											
isishiyagalombili	8	<table border="1"><tr><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td></tr><tr><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td></td><td></td></tr></table>	●	●	●	●	●	●	●	●		
●	●	●	●	●								
●	●	●										
isishiyagalolunye	9	<table border="1"><tr><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td></tr><tr><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td></td></tr></table>	●	●	●	●	●	●	●	●	●	
●	●	●	●	●								
●	●	●	●									
ishumi	10	<table border="1"><tr><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td></tr><tr><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td><td>●</td></tr></table>	●	●	●	●	●	●	●	●	●	●
●	●	●	●	●								
●	●	●	●	●								

Fruit grid (Week 10) • Igridi yezithelo (Isonto 10)


5

4

3

2

1

Twenty-four-piece puzzle • Amaphazili ayizingcezu ezingamashumi amabili nane

